


UKUFUNDA ULIMI NGESIZULU

Incwadi
yesi-2
ithemu 3 & 4

Ibanga
lesi-
5



UKUFUNDA ULIMI NGESIZULU – Ibanga lesi -5 Incwadi yoku-2

ISBN 978-1-4315-0106-9



basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Igama:

Iklasi:

Ukufunda ngomthethosikelo waseNingizimu Afrika (1996)

Umthethosikelo waseNingizimu Afrika (1996) uqukethe imithetho ephakeme kunayo yonke yezwe. Le mithetho ingaphezulu kukaMongameli, ingaphezulu kwezinKantolo futhi ingaphezulu kukaHulumeni.

Uchaza indlela okufanele abantu baphathane ngayo ezweni labo, nokuthi ayini amalungelo abo nemisebenzi yabo komunye nomunye. Umthethosikelo wezwe wenzelwe ukuthi usivikele thina sonke kanye nekusasa lezingane zethu.

Masiyazi imvelaphi yethu.	Masingawaphindi amaphutha enzeka enkathini eyedlule.	Umthethosikelo uyasisiza ukuba sibe nesithombe futhi sakhe ikusasa elingcono lethu sonke.
---------------------------	--	---

Thina, Bantu baseNingizimu Afrika –

Siyakukhumbula ukucekelwa phansi kwamalungelo okwenzeka eminyakeni eyadlula; Sibungaza labo abahluphekela ubulungiswa nenkululeko kulo mhlabu wethu; Sihlonipha labo abasebenzele ukwakha nokuthuthukisa izwe lethu; Futhi sikholelwya ekuthini iNingizimu Afrika ingeyabo bonke abahlala kuyo, sibumbene nakuba singefani.

Ngakho-ke, ngabameleli bethu esibakhetha ngokukhululeka, samukela lo Mthethosikelo njengomthetho-ngqangi wezwe lethu, ukuze—

Silungise ukwehlukana kwasikhathi esedlule bese sakha umphakathi owesekelwe yinkolelo yenqubo yentando yeningi, ubulungiswa emphakathini, kanye namalungelo obuntu;


Sibeke isesekelo sokwakha umphakathi oqhuba ngendlela yentando yeningi; futhi ovulekile, lapho uHulumeni akhelwe khona phezu kwentando yabantu futhi lapho zonke izakhamuzi zivikelwe ngumthetho ngendlela efanayo;

Sithuthukise izinga lokuphila lazo zonke izakhamuzi futhi sikhulule amakhono omuntu ngamunye; futhi—

Sakhe iNingizimu Afrika ebumbene futhi eqhuba ngenqubo yentando yeningi ekwazi ukuthatha indawo yayo efanele njengezwe elizimele emazweni ngamazwe.

Yazisa ilungelo lakho njengesakhamuzi saseNingizimu Afrika uzimisele ukuvikela amalungelo abanye.	Yazi Umqulu wamalunge kanye Nomqulu wezinto ezidunga ukwenziwa.
---	---

Sengathi uNkulunkulu angabavikela abantu bakithi.
Nkosi Sikele' iAfrika. Morena boloka setjhaba sa heso.
God seën Suid-Afrika. God bless South Africa.
Mudzimu fhatutshedza Afurika. Hosi katekisa Afrika.



ISBN 978-1-4315-0106-9



ISIZULU HOME LANGUAGE

GRADE 5 – BOOK 2

TERMS 3 & 4

ISBN 978-1-4315-0106-9

THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.

8th Edition

Izincwadi zokusebenzela ezikhona kulolu hla Iwezincwadi:

- Ulimi Lokuqala Olwengeziwe Amabanga 1 – 3 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)
- Ulimi Lokuqala Olwengeziwe Amabanga 4 – 6 (NgesiNgisi)
- Ulimi Iwasekhaya Amabanga 1 – 6 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)
- Izibalo Amabanga 1 – 3 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)
- Izibalo Amabanga 4 – 9 (NgesiNgisi nesiBhunu)
- Amakhono Empilo Amabanga 1 – 3 (Ngezilimi zonke ezisemthethweni)

Ukubhala



UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundu
eyiSesekelo.



UMnu Enver Surty,
iSekela loMnyango
weMfundu eyiSesekelo.

Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundu eyiSesekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundu eyiSesekelo, uMnu Enver Surty.

Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxene yoMnyango weMfundu eyiSesekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundu yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekale yona ukuthi ayisukumele. Uxaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundu ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezipathethweni.

Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.

Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukheleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.

Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.



Zilungiselele

Khetha isihloko.
Xoxa neqembu lakho niqoqe imibono.
Sebenzisa ibalazwe lemibono ukucacisa okubhale ngesakhiwo, ngabalingiswa kanye nangesizinda.

Ukuggakaza

Bhala uhlaka lokuqala.
Khumbula isakhiwo kanye nesigatshana ngasinye.

Buyekeza

Funda uhlaka lokuggakazile ngokucophelela bese ucela imibono kubangane ofunda nabo kanye nakuthisha.

Lungisa amaphutha


Lungisa isipelingi ulungise nezimpawu zokubhala.
Konke lokhu kulungise ohlakeni.

Shicilela umsebenzi wakho

Bhala umsebenzi ephepheni elihle lokugcina uma eselungisiwe amaphutha.



Ibanga lesi-**5**



u i i m i
i w a s e k h a y a

ISIZULU



Le ncwadi ngeka-:




ISIZULU

Incwadi
yesi-

2





INDLELA YOKUSEBENZISA LE NCWADI

Siyakwamukela kulesi sifundo solimi ebangeni elimaphakathi. Kuleli banga, leNcwadi Yokusebenzela ihlelwé yalungiselwa ukuthi ihlumelelise ulwazi lolimi kubafundi bonke ukuze kuhlumeleliseke ikhono lokuxhumana empilweni yomfundí, kanye nolwazi lokufunda ezifundweni zakhe. Sethemba ukuthi izoba lusizo lencwadi ekuthuthukiseni amakhono abafundi.

Le Ncwadi Yokusebenzela
idinga ukusetshenzisa
kanye nezinye onazo. Uma
wenza ulimi, thola olunye
ulwazi kuCAPS.

Lencwadi ilungiswe yalandela uhlélo lwamasonto amabili olubalulwe kuCAPS. Emakhasini 1, 35, 69, esigaba 103, kuyo le Ncwadi Yokusebenzela, uzothola amazwi acacisa ukuthi yini nani okumele ifundwe emasontweni ahamba ngamabili. Iqoqo ngalinye lalamasonto angamabili iqukethe lokhu okulandelayo:



1 Ukulalela nokukhuluma - amahora amabili emasontweni amabili

Masikhulume

Kudingeka abafundi banikwe ithuba njalo nje lokukhulisa ikhono Lo kulalela Nokukhuluma ukuze bakwazi ukuqoqa ulwazi, baxazulule izinkinga, bethule nemibono. Lencwadi Yokusebenzela inemisebenzi embalwa yokwenziwa ongayandisa ukuqiniseka ukuthi abafundi balithola njalo ithuba lokukhuluma.



Masifunde

2 Ukufunda nokubona - amahora ama-5 emasontweni amabili

I-CAPS ibalula ukuthi abafundi kumele bafunde baphinde babone imibhalo esemkhakheni othile kulamasonto amabili. Lokhu kubandakanya: izindaba ezimfushane, izincwadi zokubhalelana, ama-imeyili, idayari, idrama, izindaba zephephandaba, ubuciko bomlomo, izindaba zamaphephabhuku, izingxoxo zasemisakazweni, izinkondlo, ama-eseyi ancengayo, izikhangiso, nezinkombandlela. I-CAPS iphinde yengeze ukuthi kumele ukufunda lokho kwensiwe ngezinsizakubona: amabalazwe, amashadi, amathebhula, imidwebo, amabalazwe emibono, amashadi esimo sezulu, amaphosta, izexwayiso, izithombe kanye namagrafu. Kule ncwadi uzothola izihlobonhlobo zalokhu.

I-CAPS ibalula ukuthi kumele uhlélo lokufunda lubheke okwenzeka ngaphambi kokufunda, ngenkathi kufundwa kanye nasemva kokufunda. Kukhona incazeló ephelele 'ngokufunda' ngaphakathi ekhaveni yaleNcwadi Yokusebenzela.



Masibhale

3 Ukubhala Nokwethula - amahora ama-4 emasontweni amabili


I-CAPS idinga ukuthi abafundi banikwe amathuba amanigi okubhala nokuhlela ukwenza ngcono ikhono lokwethula okubhaliwe, okulungiswe ngezinsizakubona kanye nokuhlelwa kwezindaba eziyizinhlobo ezahlukahlukene. Ekhaveni yangemuva ngaphakathi kuleNcwadi Yokusebenzela uzothola incazeló ephelele 'yokubhala'.



ULIMI

4 Ukwakheka Kolimi Kanye Nemigomo Yalo - amahora ama-5 emasontweni amabili

I-CAPS inohla lwemininingwane Yokwakheka Kolimi Kanye Nemigomo Yalo izinto okumele zenziwe ebangeni ngalinye. LeNcwadi Yokusebenzela inemisebenzi yokwenziwa ebhekiswe ngqo kulokhu okubekelwe iquoqo lamasonto amabili. Ngokujwayelekile lemisebenzi yokwenziwa ihambisana 'nokunanyathisewé' okunencazeló ngemigomo yolini.



Thola omunye
umhlahlandlela obizwa
ngokuthi Incwadi
Yokuqequesha.



Indikimba 5: Amatekisi ahlukahlukene

Izindaba

Ithemu 3: Amasonto 1 - 2

65 Isikhathi sokufunda

2

Ukhuluma ngenoveli.
Ukhomba abalingiswa, isakhiwo kanye nomyalezo.
Ufunda isiqeshana esicashunwe enovelini.
Uphendula imibuzo ethile.
Ubeka imibono ngesihloko.
Ukhomba uhlolo lomlandi wendaba.

66 Ukuhlobana

4

Ubhala ipharagrafu enesihloko kanye nemisho eyesekelayo.
Ubhala isifinyezo.
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.
Usebenzisa isichasiso.
Ukhomba incazelo yesenzasamuntu.

67 Ukubukeza incwadi

6

Uxoxa ngabalingiswa, isakhiwo kanye nesizinda sencwadi.
Ufunda ukubukeza kwencwadi.
Uphendula imibuzo ngokubukeza kwencwadi.
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.
Ubhala imisho esebeenzisa amagama asesiqeshini.

68 Ukubukeza incwadi efundiwe

8

Ubhala okubukezwe ngencwadi esikhaliyi asinikeziwe.
Ukhomba inkathi edlule ezenzweni.
Uguqla inkathi edlule ezenzweni iye enkathini yamanje.
Ubhala imisho esebeenzisa izivumelwano ezifanele.
Uhlukanisa amagama ngamatunga.

69 Ukubhala kudayari

10

Ukhuluma ngedayari.
Ufunda idayari.
Uphendula imibuzo ngedayari.
Uxoxa ahlonze umahluko phakathi kwenovelni, ibhayografi kanye nedayari.
Ukhomba inkathi edlule ezenzweni.
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.

70 Make senze esikususela ekhanda

12

Ubhala okubukezwe ngencwadi esikhaliyi asinikeziwe.
Usebenzisa izichasiso, izandiso kanye nezihlanganiso ukwakha imisho.
Usebenzisa izabizwana zoqobo.

71 UNelson Mandela - umlando wempiyo yakhe

14

Uxoxa ngomahluko phakathi kweothobhayografi nebhayografi.
Uxoxa ngomahluko phakathi kwenovelni, idayari kanye nebhayografi.
Ufunda okucashunwe kubhayografi.
Uphendula imibuzo ngebhayografi.
Ukhomba amagama anomqondo ofanayo.
Ukhomba umbono omkhulu kanye nemibono ewesekelayo esiqeshini.
Uthola izincazelo zamagama kanye namabinzana.
Wethula umbono wakhe.
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.

72 Ibhayografi

16

Ubhala ibhayografi yomngani wakhe Ulandelanisa imininingwane Usebenzisa izimpawu zokubhala.
Usebenzisa izaga nezisho.

Amatekisi anemidati yolwazi Ithemu 3: Amasonto 3 - 4

73 Ukuheha kwesikhangiso

18

Uxoxa ngezinto ezithinta ukukhangisa.
Uxoxa ngesikhangiso.
Ufunda isikhangiso esimayelana nomncintiswano wokudizayina isikhangiso.
Uphendula imibuzo ethile ngesikhangiso.
Weqisa amehlo esikhangisweni.

74 Yakha isikhangiso

20

Uhlela, abumbe bese elungisa amaphutha esikhangisweni.
Ukhomba izifinyezo.
Ubhala amagama aqhathanisayo ngendlela efanele.
Usebenzisa izimpawu zokubhala emishweni njenekhefana kanye nabacaphuni.

75 Ukuudla, ukuudla okubabazekayo!

22

Ukhuluma neqembu ngeresiphi ethandekayo.
Ufunda isikhangiso sesidlo sasemini yasekuseni.
Ubhala imisho enenkulumo-ngqo.

76 Isikhangiso soju Iwezinyosi

24

Ulungiselela ukukhangisa ngoju.
Wakha isikhangiso esebeenzisa amagama athile namabinzana kanye namazwi akhe.
Ubhala imisho esobala.

77 Ithiyetha yabantwana

26

Ukhuluma ngomahluko phakathi kwefilimu nomdlalo weshashalazi.
Uxoxa ngomdlalo weshashalazi awubukile bese encenga iqembu liyowubuka.
Ufunda isikhangiso ngomdlalo weshashalazi ozoba sethiyetha.
Uphendula imibuzo ngesikhangiso.
Uchaza amabinzana amagama.

78 Ithiyetha yami encane

28

Ulungiselela ukwenza isikhangiso somdlalo weshashalazi wesikole.
Ubhala isikhangiso somdlalo weshashalazi wesikole.
Ulungisa amaphutha esikhangisweni.
Ukhomba izenzo nezandiso.

79 Umncintiswano wekhompiyutha

30

Uxoxa ngokungenela imincintiswano.
Ukhuluma ngokubaluleka kwamakhompiyutha.
Ufunda isikhangiso esimayelana nokudizayina ikhompiyutha ehlukile.
Uphendula imibuzo ngesikhangiso.
Uqondanisa amabinzana amagama namagama.

80 Engikudizayinile

32

Ukhomba izincazelo zamabinzana amagama.
Ubhala incazelo emfushane.
Uqedela imisho esebeenzisa isenzo esifanele.
Ulungiselela, akhe aphinde alungise amaphutha esikhangisweni somncintiswano.



Masikhulume

Chazela iklasi ngenoveli olifundile. Qiniseka ukuthi ulitshela isihloko senoveli, ukuthi ngobani abalingiswa, ukuthi kwenzekani enovelini, umyalezo wenoveli, kanye nokuthi kungani ucabanga ukuthi abantwana baseklasini kufanele balifunde.



Masifunde

Umkhoma ongenakufa


Sarah Lean

Umkhulu udonsa izigwedlo uzifaka esikebheni njengoba sesisemanzini acwebezelayo nje sibheke osebeni. Sonke sibambe imilomo, singafuni ukutshelana ukuthi kumele sithule sithi du, ngoba vele sithulile, futhi senza into efanayo. Angazi ukuthi umkhulu uboneni, ukuthi nje kuphela ngiyamethemba.

"Uyawubona, Hhana?" kusho umkhulu enyenyeza.


Amabalabala nemithende nakhuya ethunzini. Ingani sisenyangeni kaMandulo, kuntambama, ngakho angiboni lutho mina laphaya otshanini nasemhlangeni.

Nganikina ikhanda-ke.



Iapho?" Wabuza sengathi yena nale nyamazane bazana kudala.

Sathula nje isikhashana, kwaze kwaphinda kwakhuluma yena umkhulu. "Nguwe okufanele ugwedle isikebhe manje," kusho yena. "Thina sesize kaningi lapha emtateni, kulokhu kuthula enikuzwayo. Umuntu ofana nathi lapha uyinto encane ngoba phela ulwandle lukhulu." Ngazibamba izigwedlo ngazidansa, ngazizungezisa ngizikhuphula njengoba umkhulu angifundisa. Zashaya amanzi zalingisa izinti zewashi ezihambayo.



Inoveli yindaba
enesizinda – ixoxa
ngesikhathi kanye
nendawo lapho
kwenze ka khona
indaba. Kunabalingiswa
(abangabantu nomu
abayizilwane) indaba
emayelana nabu;
kunesakhiwo esikhulumu
ngokuthi
kwenzekani endaben;

kunendikimba
ewumyalezo wendaba;
bese kuba nokuthi indaba
"ixoxwa ngubani" lapho
kushiwo khona ukuthi
ngubani ngempela oxoxa
le ndaba.



"Phinda uqalaze," kunyenyeza umkhulu.

Ngalandela amehlo akhe, kwangithatha isikhathi impela ukubona umntwana wenyamazane ezisongile engaziwa ukuthi ulaleleni laphaya. Isikhumba sifana ncimishi nendawo akuyo.

Ngibona kancane ikhala elimnyama. Kuyabonakala ukuthi kumele athule anganyakazi ukuze aphephe.

Nganyenyeza, "Ngabe umntwana wenyamazane uphephile eyedwa kanje, mkhulu?"

Wanqekuzisa ikhanda. Ugwedlela ngasosebeni lolwandle manje. Inyamazane iyasibuka, ikhathazekile ngoba ayifuni sibone umntwana wayo engale komfudlana omncane.

Umkhulu uyamamatheka.

"Uzokwenzani? Uzwela nomu uzoma khona



Usuku:

"Hhana, ngicela ukhumbule into eyodwa nje ebalulekile, uma kwenzeka ngiyikhohlwa."

"Kulungile, mkhulu," ngiphendula.

Wayesebeka isandla sakhe esishwabene ebbentshini eliphakathi kwethu. Isandla sami sihle ungathi yibalazwe elingadwetshiwe lutho. Ngikubona lokho ngoba ngisibeka phezulu kwesakhe. Sazibeka zombili esinye phezulu kwesinye. "Ungikhumbuze ngohambo olufana nalolu. Ungikhumbuze ngalezo zinsuku ezimnandi njengalolu ezisakhumbuleka emiqondweni yethu, ezisenza sibe yilokhu esiyikho."



Masibhale

Kungani lencwadi yaphiwa isihloko esithi *Umkhoma Ongenakufa?* Uyavuma ukuthi lesi sihloko sihle? Usho ngani?

Bakuphi oHhana benomkhulu wakhe?

Kuthiwa babebeke iminwe emilonyeni yabo. Babekwenzelani lokho?

Umntwana wenyamazane wayehlukene nonina. Ubona ukuthi wayephatheke kanjani ngalokhu umntwana? Unina yena ubona ukuthi wayephatheke kanjani?

Umkhulu wayecabanga ukuthi ubona into ekhethekile ngempela. Ngokwakho yini eyayenza acabange ukuthi le nto ayeyibona yayikhethekile?

Umkhulu kaHhana usekhulile. Yini esendabeni esitshela ngalokhu?

Umkhulu kaHhana ukhuluma ngezinsuku ezibeniza babe yilokhu abayikho empilweni. Ucabanga ukuthi kusho ukuthini lokhu?

Ngabe zikhona izinsuku ezibalulekile empilweni yakho obona ukuthi uyohlala uzikhumbula? Bhala ipharagrafu uchaze lube lunye kulezo zinsuku.

Ngubani oxoxa le ndaba ngokubona kwakho? Ukwazi kanjani lokho?

TEACHER: Sign

Date




Masibhale

Abalingiswa bale ndaba bahlukene ngezizukulwane ezimbili ubudala – kodwa bahlobene kakhulu.





Bhala ipharagrafu ngobuhlobo onabo nomkhulu wakho noma nogogo wakho, noma nje nomuntu omdala. Qiniseka ukuthi ubhala umusho oyisihloko kanye neminye ewesekelayo esho okunye futhi ngomusho oyisihloko.



Masibhale


Phinda uxoxe indaba yoMkhoma Ongenakufa kafushane. Yisho ukuthi kwenzekani, ngubani othinteka kuyo nokuthi umphumela kwaba yini. Zibuze ukuthi ubale izinto ezibalulekile kuphela yini noma umuntu ofunda umbhalo wakho uzokuqonda konke okushoyo. Bhala imisho emi-5.



Masibhale

Achaza ukuthini amazwi anombala omhlophe? Khetha impendulo efanele emagameni angakwesokudla. Bhala amagama anombala omhlophe esichazamazwini sakho.





Izinto	singathandi
acwebezelayo	khononda
singafuni	kusihlwa
ntambama	kuyafana
ncimishi	izimpahla
balisa	acwazimulayo



Hlanganisa le misho usebenzisa amagama ozikhethelle wona. Isb. Isikebhe sincane. Isikebhe ngesikamkhulu. Isikebhe esincane ngesikamkhulu.

Umkhulu unesikebhe. Sikhulu sithwala abantu ababili.


Lona ngumkhulu. Uhlakaniphile.

Besisesiqhingini. Sihle.

IZABIZWANA ZOQOBO

Sisebenzisa izabizwana zoqobo uma singafuni ukugagula ibizo.

Siyazisebenzisa futhi izabizwana uma sibhekise ezintweni nakubantu. Sinezinhlobo eziningi zesabizwana soqobo, kuya nokuthi ibizo likusiphi isigaba.



UHanna uthi izigwedlo zishaya amanzi kube sengathi yizinti zewashi uma lihamba.

Uqhathanisa izigwedlo nezinti zewashi. Lokhu kuqhathanisa kwensiwa ngokulandela ukushaya kwezigwedlo amanzi kanye nesigqi sazo emanzini.

Isifaniso siqhathanisa into nenyi ngokusebenzisa izakhi njengokuthi njenga-, okwe-, bese kwakheka isithombe ngala magama.

Kukhona esinye isifaniso futhi endaben: *Isandla sami sibushelezi okwebalazwe elingenamigqa.*

Ngabe uqhathanisa isandla sakhe nani?

Lesi sifaniso sikhombisani?

Ucabanga ukuthi isandla sakhe asifani nesikamkhulu wakhe?





Masikhulume

Zihleleni nibe ngamaqembu.

Iyiphi incwadi enithanda kakhulu ukuyifunda? Wena-ke chazela iklasi ngencwadi: isizinda sayo, abalingiswa, isakhiwo bese usho ukuthi kungani kufanele bayifunde incwadi.




Masifunde

Make ufunde lemibono ngokubukeza incwadi.

Igalimoto

nguKaren Lynn Williams




Ukubukeza incwadi kusho ukuchazela abantu ukuthi incwadi imayelana nani. Obeka noma obhala imibono uvame ukusho ukuthi incwadi ibhalelw abafundi abakumiphi iminyaka yobudala. Angasho ukuthi incwadi ibhaleke kahle noma cha yini, imnandi na, ulimi lulula noma cha yini.

Umfana omncane waseMalawi uvula ibhokisi elinomcebo, uthatha ucingo wakha ngalo igalimoto (igama elisetshenziswa ngabaseMalawi elisho imoto). Inkinga ukuthi akanalo ucingo olwanele. Uzula lonke ilokishi efunana nocingo. Kazi uzoluthola yini ucingo olwanele ukuthi akhe imoto yakhe yokudlala, uma engaluthola, izoba njani yona leyo moto ngoba uzolugoba alugobe?

Abafundi bazojabula ngokujula komfana ngemicabango kanye nangokukhululeka anakho ngezimo azohlangabezana nazo, yize zingamdu maza kwesinye isikhathi njengoba ezongena ephuma ezitolo nasemagcekeni eminye imizi. Engikucabangile ukuthi elokishini elincane njengaleli bamele ukumazi bonke abantu, ngakho ngeke bacabange ukuthi uzulazula nje yingoba enenhloso embi. Nokho, yindaba emnandi lena, ebhalwe kahle futhi. Izithombe zayo zimibalabala, ziliveza kahle izwe laseMalawi kumfundu wencwadi.

Ikakhulukazi, ngihehekile lapho umfana ejatshulisa yinto encane – nebhokisi lakhe elincane limcabangisa kakhulu kuze kube sengathi usesitolo sezinto zokudlala esigcweli amathoyisi. Kubukeka sengathi umuntu nomuntu onezinto ezimbalwa, uyazifela ngezinto zakhe. Kuyiqiniso futhi ukuthi ingane nengane iyalifuna elinye ithoyisi noma ngabe inamaningi kangakanani; wumkhuba wabantwana ukuhlala benento ekhethekile, kanti lo mbono uvela ngokucacile kule ncwadi.



Le ncwadi ngeyabantwana abaseminyakeni eyi-9 kuya kweli-11. Isibeka sicace isithombe sabantu nempilo yabo. Kwezinye izindawo ulimi luthe ukuba lukhuni, kodwa futhi lowo oyifundayo unokukwazi ukuthola incazel yamagama athile ngandlela thile.



Usuku:



Masibhale

Funda imibuzo bese ubhala phansi izimpendulo.


Sithini isihloko sencwadi?

Imayelana nani le ncwadi?

Uhlala kuliphi izwe umfana omncane?

Yini acabange ukuyenza umfana omncane?

Ungathanda ukufunda le ncwadi? Bhala ipharagrafu uchaze kabanzana ngempendulo yakho.



Masibhale

Asho ukuthini amagama amhlophe? Khetha incazelo efanele ohlwini ngakwesokudla. Bhala amagama amhlophe esichazamazwini sakho bese uwasebenzisa emishweni ozakhele yona.

umcebo	ukukhononda
injabulo	umnotho
ukusola	intokozo
insada	imifanekiso
izithombe	enginakho
jikelele	kuningi
okwami	yonke indawo



TEACHER: Sign

Date



Masibhale

Bhala imibono ngendaba esihloko sithi *Umkhoma ongenakufa* ebhalwe ngu Sarah Lean. Sebenzisa uhlaka olubhalwe ngezansi.

Isihloko

Umbhalu

Abalingiswa: Ngobani? Ubathandile? Bakwenze waphatheka kanjani?

Isakhiwo: Kwenzekani? Yini ehlekisayo, esabekayo nefundeka kamnandi?



Imibono yakho: lyiphi ingxene oyithande kakhulu, ngani?

Ucabanga ukuthi uyayithanda le ncwadi? Ngani?

Ucabanga ukuthi sikhona isifundo kule ndaba? Kukhona okunye okufundile kule ndaba?

Ungamcebisa yini umngani ukuthi ayifunde le ncwadi? Ngani?

Finyeza umbono wakho uwubhale ube wumusho owodwa usho ukuthi uyilinganisa kanjani indaba ngohlelo lwezinganyezi.





Masibhale

Dwebela izenzo ezisenkathini edlule kule pharagrafu.



Uthisha kaJamela, uNkk Sibisi, ucele abazali ukuthi beze emhlanganweni. "Mnu noNkk Ngoma," kusho yena, "uJamela kumele athi ukuzama ukwenza ngcono esipelingini, ezibalweni kanye nakwezezwe. Uvama ukuthathwa ngezinye izinto kufundwa." Wayekhuluma iqiniso. UJamela wayekhathazwa yizibalo zokuhulkanisa ngendlela ende, izindaba zomhlaba kanye nesipelingi. Ingxenye ayeyithanda uma esesikoleni yisikhathi sekhefu. Wayedlala ibhola lombhoxo ngalesi sikhathi. Abazali bakajamela bamtshela ukuthi ibhola lombhoxo kumele alishiye ekhaya. Kwamqeda amandla lokho. Wayengasemuntu ngaphandle kwebhola lakhe. Wayeka ukukhuluma eklasini. Uma kuyisikhathi sekhefu wayebonakala emile nje enobuso obukhathazekile namahlombe angathi ayaxega. Abazali bakhe base bethi, "Kusho ukuthi kumele bayilungise ngenye indlela indaba yakhe." Bafikelwa yisu ababezolisebenzisa ngaphandle kokukhuluma ngalo.



Masibhale

Susa isenzo esisenkathini edlule kule misho usebenzise isenzo esisenkathini yamanje.

Ngelinye ilanga uNkk Sibisi wafika nesivakashi esisha eklasini - uBrian Habana! UJamela wajabula kakhulu! UBrian Habana waxoxa naye wamtshela ukuthi uma efuna ukuba ngumdlali omuhle webhola lombhoxo kwakuzofuneka asebenze kanzima ezibalweni, esipelingini kanye nakwezinye izifundo esikoleni.



Masibhale

Dwebela isenzo esifanele kulezi ezisemishweni.



- UBrian Habana ukhuluma/khulumela noJamela.
- Ngesikhathi sekhefu, uJamela wayema/ emela abukeke edangele.
- UNkk Sibisi wabuza/wabuzela ukuthi uJamela ukuphi.

- UHabana wayecabanga/ wayecabangela ukuthi uzomsiza uJamela.
- Abazali bami bayazela/bayazi ukuthi uNkk Sibisi uzizamele/ uzame kakhulu ukungisiza.



Masibhale

Hlukanisa amalunga kula magama. Funda uphimisele igama ngalinye, bese ushaya izandla ukukhombisa ukuthi ilunga ngalinye likuphi. Emva kwalokho ubhale igama ngalinye wehlukanise amalungu alo. (Isb. I/ga/ma).

ukudweba	umbhali	umlingiswa	isizinda	isakhiwo

69 Ukubhala kudayari



Masikhulume

Unayo idayari oyisebenzisayo?



Uma unayo, yiziphi izinto ozibhala kuyo? Uma ungenayo, yini ongayibhala uma ungaba nayo?



Masifunde

Funda lemibono ngencwadi efundiwe.

Ukubhala kudayari kusho ukuchaza izehlakalo empilweni yombhalo ngokulandelana kwazo. Umbhalo usebenzisa amabizo (aveze ngawo abantu, izinto kanye nezilwane), ukuhlanganisa amagama (kamuva, ngaphambili) asebenzise nenkatshi edlule. Izenzo ngamagama ashо okwenziwayo.



Sekungamasonto amahlanu ngagcina ukubhala utho lapha. Bengimatasatasa kakhulu kule nyanga. Umngani wami ungicelle ukuthi ngimsize alungiselele idili lakhe. Silunglse umculo nezinto zokukhanyisa, nokudla kanye neziphu zo kwabantu abangama-40. Lihambe kahe idili lakhe. Sidansille saxoxa sagxuma phezu kweshubhu elifuthwayo.

Kuthe singasanakile, kwafika amaholidi. Ngosuku lokugcina saqoqana salungiselela ukugijima ibanga elide. Emva kwalokho mina nabangani bami saya edamini. Kwafika nohafu weklasi lami rulabo abaseduze nedamu. Sadlala ibhola lezinyawo, salalela umculo, sazijabulsa impela nie ngosuku lokuqala iweholidi.



Ngosuku olulandelayo ngaya olwandle nomngani wami. Ngajabula ngalokhu ngoba ngangiya okokuqala olwandle. Zaba mnandi kakhulu izinsuku ezimbili zokuqala. Labalela ilanga namanzi afudumala kamnandi. Lavele laqala ukuna. Mina nomngani wami saqala ukudlala amaphazilli ayi-1000. Sasiwaphiwe ngomunye umngani ngosuku lwakhe lokuzalwa. Ayebanda amanzo olwandle, kodwa ngazithola sengibhukuda kulo. Ngangingafuni ukukhala ngakusasa ngithi angizange ngibhukude olwandle.



Emuva esikoleni, sesisalelwé ngamasonto amane kuphela ukuthi sibhale ukuhlolwa konyaka. Pho, othishha bangayeka yini ukusinika umsebenzi wasekhaya? Basinika umsebenzi omusha sekusele amasonto ambalwa kangaka sihlolwe. Ngifisa sengathsi othishha bangasibuyekezisa esikhundleni somsebenzi omusha!

Mhlawumbe abasakhumbuli ukuthi kwakunjani besebashaa naboo.



Masibhale

Ngabe lesi siqeshana siluhlobo luni lombhalo? Thikha impendulo efanele.

ukubukeza incwadi efundiwe	Inovelni	ibhayografi	ukubhala kudayari
----------------------------------	----------	-------------	----------------------

Usuku:



Nikeza izizathu zempendulo yakho.

Ucabanga ukuthi umbhali uneminyaka emingaki ubudala? Kungani ucabanga kanjalo?




Yena nabangani bakhe benzeni ngosuku lokuqala lokuvulwa kwezikole?



Ngabe uyakuthanda ukubhukuda? Wazi kanjani?

Uphatheka kanjani uma ecabanga ngothisa bakhe? Nikeza isizathu esisodwa sempendulo yakho.

Uqala ngokubhala kudayari asho ukuthi usenesikhathi eside agcina ukubhala izinto kudayari. Ucabanga ukuthi ubangelwe yini ukulinda isikhathi eside kangaka?



Dwebela inkathi edlule ezenzweni ezisembhalweni okudayari. Emva kwalokho ukokelezele amagama axhumanisa imisho.



Masibhale

Thola amagama Endaben ianencazel efanayo naleli binzana lamagama.

bengishabasheka	
imvula	
laphuma ilanga	
ashisa	
ngangingathandi	
ukwenza into futhi	

TEACHER: Sign

Date



Buyekeza incwadi oyifundile. Sebenzisa loluhlaka olungezansi.

Isihloko _____

Umbhali _____

Abalingiswa: Ngobani? Ubathandile? Bakwenze waphatheka kanjani? _____



Isakhiwo: Kwenzekeni? Kuyahlekisa lokho, kuyethusa, noma kuyakitaza uma ufunda? _____

Imibono yakho: Iyiphi ingxene oyithandile encwadini, ngani? _____

Uyithandile incwadi? Ngabe zikhona izingxene ofuna ukuziguqula? Ngani? _____

Ngabe indaba iyonke inaso isifundo? Kukhona okunye okufundile kulendaba? _____

Ungamkhuthaza yini umngani ukuthi ayifunde lencwadi? Ngani? Uma ungeke, kungani? _____

Finyeza umbono wakho uwubhale ube wumusho owodwa usho ukuthi uyibeka kuliphi izinga. _____



Usuku:



Masibhale

Sebenzisa izichasiso, izandiso kanye nezihlanganiso ezesemabhokisini, bese ufaka amabizo nezenzo wenze imisho emihlanu.

Izichasiso

- -mthende
- -cwebezelə
- -sagolide
- -qatha
- -ncane • -satshani
- -hle
- -mibalabala
- -shelelezi

Izihlanganiso

- ngoba
- nakuba
- ngaphandle
- futhi
- ngakho • noma
- kwabe
- ngokuthi
- nokho

Izandiso

- Ngokucophelela
- kahle
- ngentshisekelo
- kalula • masinya
- kakhulu • njalo
- nakanye
- ngokuvamile
- kamuva
- ngokulandelayo
- manje



Masibhale

Sebenzisa izabizwana zoqobo ezisebhokisini ukuqedela le misho. Dwebela ibizo elimelwe yisabizwana emva kwalokho.

wena	thina	yena	yona
mina	lona		

Ngenze umsebenzi omayelana nomlando naye wenza owakhe

Besisolwandle siyobhukuda.

Sengathi awacacile amabizo okumele adwetshelwe lapha

Umngani kamfowethu uzenzele amalungiselelo edili lakhe.

Uyathanda ukwakha iphazili? ?

Inyamazane yayingakolunye uhlangothi lwesiqhingi.

Kubalulekile ukwazi ukuthi yini okumele bayenze! .

Izabizwana zoqobo

ngamagama amelete ibizo elithile noma inhloko yomusho. Uma inhloko iwubunye isabizwana siyakuveza lokho, noma iwubuningi, isabizwana siyasho.



TEACHER: Sign

Date

UNelson Mandela – umlando wempilo yakhe



Masikhulume



Masifunde

Ukhona umuntu oyisibonelo omaziyo?
Tshela iklesi ukuthi ngubani.

Tshela iklesi ukuthi kungani
umthanda lowo muntu. Yisho
ukuthi zimpawu zini ezimenza
athandeke.

Xoxani emaqenjini enu
ngomahluko okhona phakathi
kwebhayografi
ne-othobhayografi.

Manje xoxa ngomahluko phakathi
kwenoveli kanye nedayari
nebhayografi.

Ibhayografi yindaba eliqiniso
yempilo yomuntu otile, ebhalwe
ngomunye umuntu. Ibhayografi
ichaza izinto ezizungeze lowo
muntu; ifrombisa lowo muntu
nendlela aphethé ngayo abanye
abantu; inikeza imidati ngomuntu
lowo; iweza ukuthi umbhalu yena
uphatheke kanjani ngalowo
muntu.



UNelson Rolihlahla Mandela wazalelwa eduze kwaseMthatha eTranskei.
Ngenkathi emcane wayenephupho lokuthi uyoba wummeli asize abantu
abalwela inkululeko.



Emva kokufunda esikoleni, Wayokwenza izifundo
zomthetho enyuvesi. Wavula ihhovisi eGoli,
wasebenza no-Oliver Tambo. Waba yilunga le-ANC,
wayesekhethwa njengomengameli wentsha yale
nhlangano. Waba ngumengameli weqembu uqobo
lwalo kamuva.

Ngonyaka we-1962
walahlwa yicala

elalibizwa ngeRivonia Trial, lapho kwakuthiwa ulimaza umbuso
wezwe khona. Ngenkathi ethweswa leli cala wathi:

"Ngilwe nokukhonya kwabamhlophe, ngaphinda ngalwa
nokukhonya kwabamnyama. Ngithokozele umbuso wentando
yabantu kanye nomphakathi okhululekile lapho wonke umuntu
ehlalisana nabanye ngokuthula kanye nokulingana. Lokhu
yithuba engethemba ukuthi ngizoliphilela ngiphinde ngilizuse.
Kodwa uma kuvela isidindo, yithuba engidinga ukulifela."

Wahlala iminyaka eminingi ejele. Emva kwalokho wakhululwa,
waba ngumengameli wokuqala omnyama ezweni
laseNingizimu Afrika.

Wanikwa indondo ebizwa ngeNobel Peace Prize ngowe-1993.



INobel Peace Prize yindondo
ebaluleke kakhulu enikwa
abantu ababe yingxenye
yokwenza umhlaba uphephe,
ube nokuthula kubo bonke
abantu abawakhele.

Usuku:



Masibhale

Thola amagama anomqondo ofanayo kulesi siqeshana.

lawula

ukuphumelela

ukuhlonishwa

ukuzibusu

amathuba

ukuthula

ukwethembeka

ukulingana



Masibhale

Funda imibuzo bese ubhala phansi izimpendulo.



Wazalelwu kuphi uNelson Mandela?

Yiziphi izinto ezimbili ezaziliphupo lakhe?

Wayechaza ukuthini uMandela uma ethi walwa nokukhonya kwabamhlophe waphinda walwa nokukhonya kwabamnyama?

Wathi ngaphezu kwakho konke wayenesifiso sokuthi abantu bahlalisane ngokuthula. Ucabanga ukuthi leli phupho lakhe liyitholile impumelelo? Kungani ucabanga kanjalo?

UMandela wanikwa indondo iNobel Peace Prize. Ucabanga ukuthi waphatheka kanjani uma ethola le ndondo? Usho ngani?

Yini esiyithola ngoMandela uma sifunda umlando wempilo yakhe?

TEACHER: Sign

Date



Masibhale

Cabanga umngani wakho okuthiwa ungumuntu odumile. Sebenzisana naye ubhale phansi izimpendulo zale mibuzo: Maphuzu mani abalulekile ngawe, ngomndeni wakho kanye nalapho uhlala khona? Yini ebalulekile oyikhumbulayo?

Manje, ake ucele umngani wakho ukuthi alethe izithombe zomndeni wakhe ezimkhumbuza izikhathi ezibalulekile empilweni yakhe. Mcele umngani ukuthi achaze ukuthi kungani ekhethe labo bantu alethe izithombe zabo.

Cela umngani ukuthi alethe esikoleni izinto ezinhlanu eziwuphawu lwezinto ezibalulekile ngaye. Cela umngani asho ukuthi kungani ekhethe lezo zinto.

Ekugcineni, cela umngani aqedele lemisho:



Ngizolokhu ngasikhumbula isikhathi _____

Lapho kwaba mnandi kakulu khona _____

Ngasebenza kanzima _____

Ngezwa ukudumala okukhulu _____

Ngethemba ukuthi abantu bayongikhumbula _____

Sebenzisa imininingwane ukubhala indaba ngomlando wempilo yakhe.



Usuku:



Masibhale

Lemisho esemabhokisini isitshela ngezinto esizozithola ngempilo kaNelson Mandela. Nikeza imisho izinombolo ngokulandelana kwamaphuzu ashiwo.

Umbhali ucaphune ingxenyana yamazwi asembhalweni wokuboshwa kukaMandela ngenxa yecala laseRivonia.

Umbhali ukhombisa thina ukuthi uMandela ungumuntu omuhle kangakanani.

Umbhali usinika igama lomuntu azobhala ngaye.

Umbhali usitshela ngoMandela nezinto azenza uma eqeda isikole.



Masibhale

UJamelu wayenamathela ekudlaleni ibhola aze akhohlwe ukubheka imisho acelwe nguNkk Sibisi ukuthi ayibhale. Mlungisele yona.

Qiniseka ukuthi imisho yakhe inawosonhlamvukazi, ongqi, okhefana kanye nezimpawu zokubabaza ezindaweni ezifanele.

ngithanda ukudlala ibhola lombhoxo nabangani bami ngiphinde ngiyobona ubrian habana edlala

awu bakithi ngikhohlwe ukwenza umsebenzi wasekhaya, ngakhohlwa wukushanelu ibala ukuhlanza ikamelo lokulala ngoba bengisemdlalweni



Masibhale

Qondanisa isaga noma isisho nencazelo yaso.

Akuvelwa kanyekanye kungemadlebe embongolo.

Elisuka muva likholwa yizagila.

Thokolo themba amathunzi ayewukela.

Kulele kunye ukube kubili ngabe kuyavusana.

Sekuya ngakhona empumelelweni.

Lo muntu ube nenkinga ngoba engenaye umuntu ozombonisa.

abantu abaphumeleli kanyekanye.

Uma uthatha kancane uhlangabezana nezinkinga.

Isisho sifushane,
singamazwi aziwayo
ahlakaniphille. Isaga
siyivo futhi amazwi
ahlakaniphille, kodwa
sona asibeki inkulumo
ngamazwi anencazelu
yamazwi aso.



TEACHER: Sign

Date

17

Ukuheha kwesikhangiso



Masikhulume

abantu bazenzelani
izikhangiso?

Uma ukhangisa ngento, kubaluleke ngani
ukwazi ukuthi ngobani abathengi bakho?

Luhlobo luni lolimi okumele ulusebenzise?

Ungayisebenzisa imibala eggamile
esikhangisweni? Yisho ukuthi ngani.

Tshela iqembu lakho ngesikhangiso obona
ukuthi sihle usho ukuthi sihle ngani.



Masifunde

Izikhangiso zigcwele yonke indawo.
Inhlosö yazo ngukuhéha abantu
ukuthi bathenge okuthille noma
bakholwe ngókuthile. Ukuze
sihèheke izikhangiso zisebenzisa
amagama anhllobonhlobo, anlukene
ngobukhulu, ubugathá, imibala;
zinezithombe ezingaiwayelekile
noma ezijwayeleke kakñulu;
zinamagama amnandi futhi.
Abakhangisi bavame ukubhekisa
izikhangiso zabo kubantu abathile;
kungaba ngabadala, abasebasha,
abafana noma amantombazana,
noma-ke abazali. La maqembu
abantu abizwa ngabantu
okubhekiswe Kubo,



Abantwanyana-bakagogo

UMNCINTISWANO WOKWENZA ISIKHANGISO

Ngenela Umncintiswano Wokwenza
Isikhangiso uwine imiklomelo emangalisayo.



WUNGENELE MANJE!

Umkломело wokuqala: yiwas hi
elibiza R1 500 KANYE nenqwaba
yezincwadi ezibiza R3 000.

Umkломело wesibili: yiwas hi
elibiza R1000.

Umkломело wesithathu:

uzozuza amakhophi
abantwanyana-
bakagogo onyaka
wonke.

Bonke abantwana kumele bamfundé u-Abantwanyana-bakagogo –
uphuphuma ulwazi, umnandi, yiphephabhuku labantwana abaminyaka
eli-10 kuya kweli-15. Ungasiza leli phephabhuku ukuthi lisatshalaliswe
ngokungenela umncintiswano wokwakha isikhangiso salo.

Lo mncintiswano uvuleleke kubo bonke abantwana beminyaka esukela
kweli-10 kuya kweli-15 ubudala. Kumele isikhangiso sibhalwe ngesiZulu,
sibe wumsebenzi wakho ozisungulele wona wedwa. Kumele siphelele
ephepheni eliodwa.

Thumela isikhangiso sakho kuleli kheli: Abantwanyana-bakagogo – sakha isikhangiso, PO Box 00000,
Johannesburg, 1000. Qiniseka ukuthi ubhala igama lakho, iminyaka yobudala bakho, igama lesikole
kanye nocingo emngenelweni wakho.



Masibhale

Isikhango sibhalelwa ukuthengisa okuthile noma ukuhehela abantu kokuthile.

Yedlulisa amehlo kulesi sikhango bese usho ukuthi sabhalelwani.

Yimaphi amazwi owabona kuqala esikhangisweni?

Kungani uwabona kuqala?

Ngubani esibhekiswe kuye – sibhalelwani?

Kungani kusetshenziswe imibala eggamile esikhangisweni?

Kungani okunye okushiwoyo kwenziwe kwahluka ngokuthi kusetshenziswe izimo ezahlukile kanye nebhokisi?

Ngabe lesi sikhango sikwenza ufuni ukungenela umncintiswano? Yisho ukuthi ngani.

Cwaninga isikhango bese uphendula le mibuzo.

Yimiphi imiklomelo ezozuzwa kulo mncintiswano?

Mingaki imikhakha yobudala evulelwani abazongenela lo mncintiswano? Yimiphi leyo minyaka?

Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani uma ungenele umncintiswano kodwa wathumela umsebenzi ongasungulwanga nguwe?

Kusho ukuthini ukuthi inqwaba yezincwadi?

Ngabe le miso ikhulumo iqiniso noma iphutha na? Kokelezela impendulo yakho. Ngaphansi komusho ngamunye yisho ukuthi ucabanga ukuthi liqiniso noma liphutha yini.

Lo mncintiswano ngowabantwana abathanda ukubhala.

Liqiniso

Liphutha

Bonke abantwana bangawungenela lo mncintiswano.

Liqiniso

Liphutha

Othisha kukhona abangakuza nabo.

Liqiniso

Liphutha


Wonke umuntu ongenelayo indaba yakhe izoshicilelwa ephephabukwini.

Liqiniso

Liphutha

Wedlulisa amehlo

embhalweni ukuze uthole ukuthi umayelana nani; kodwa **uyakucwaninga** okubhaliwe ukuthola imininingwane ethile.





**Yakha uhlaka isikhangiso
Sabantwanyana-bakagogo.**

Ngenkathi udizayina isikhangiso cabanga ngabathengi, abakuthandayo noma abangakuthandi, ulimi ozolusebenzisa, kanye nemidwebo nezithombe ozokusebenzisa.

Isikhangiso sakho kumele siqondiswe kubantwana beminyaka esukela kweli-10 iya kweli-15 ubudala, kanti kumele sibe sihle, sibe nemininingwane eyanele bese siba nokuhlekisa futhi.

Ungakhohlwa wukwenza ibalazwe lemibono kwelinye iphepha ukuze likusize ekulungiseleleni isikhangiso sakho. Uma sewusibhalile, cela umngani akulungisele amaphutha.



Sidizayinwa kanjani isikhangiso?

Izikhangiso ezlinigi zivame ukuheha abantu ukuthi bathenge umkhilqizo othille. Uma udlzayina isikhangiso kumele wazi ukuthi usibhekise kubani. Kumele wazi ukuthi abathengi bakho bathandani, yini abangayithandi.

Sivame ukusebenzisa amagama, izithombe, imibala kanye nezimo ukudonsa amehlo abantu. Uma sidizayina isikhangiso nazi izinto esivame ukuzicabanga:

Abathengi: Sibhekiswe kubani isikhangiso? Badala kangakanani labo bantu?

- **Ukuncenga:** Yini ongayenza ukwenza ukuthi abathengi bakho basibhekhe bese besifunda isikhangiso sakho?
- **Ulimi:** Sebenzisa ulimi olulula oluzoqondwa kalula ngabathengi. Umgalusebenzisa nolwasedolobheni.
- **Izithombe ezibonakalayo:** Uzoyenza imidwebo, izithombe nokunye? Yimiphi imibala ozoyisebenzisa?



Usuku:



Masibhale

Bhala amagama aphelele alezi zifinyezo.

uLwesib.

Nkk.

uMnu.

isb.

Njll.

Dkt.

Isifinyezo yigama
elibhalwe kafushare.
Eziningi izifinyezo
zinohlamvu
oluwusonhamvukazi
kuzo kanti eziningi
futhi zigcina ngongqai.



Masibhale

Gcwalisa indlela efanele yokubhala isichasiso ngasinye.

1. Lezi zinhlamvu _____ (-khulu) kunaleziya.
2. Lo mdwebo _____ (-hle) kunalowaya.
3. Lesi sikhangoiso _____ (-thandeka) kunazo zonke esengike ngazibona.
4. Kulo nyaka ukungenela imincintswano kube _____ (-bi)
kunokwangonyaka odlule.
5. Lesi yisikhangoiso _____ (-bukeka) kunalesiya.



Masibhale

Faka izimpawu kulo musho: sebenzisa
abacaphuni nawokhefana ezindaweni
ezifanele.

Ngifuna wonke umuntu eklasini lami angenele umncintswano kusho
uNkk Nkosi uthisha wethu.

Isifinyezo uLwesithathu siyasetshenziswa lapho kufinyezwa igama uLwesithathu.

Ngizuze umklomelo wokwenza isikhangoiso ngangokuthi sengibizwa
ngabantwana ngokuthi ngiyiNkosi Yezikhangoiso.

Abacaphuni
baseshenziswa uma:

- Ubhala okushiwo ngumuntu
ngenkathi ekhuluma.
- Ukhuluma ngegama kodwa
ungabhekisi encazelweni yalo
yangempela.
- Usebenzisa igama lomuntu
lokudlala esikhundleni
segama lakhe lempela.



TEACHER: Sign

Date

Ukudla, ukudla okubabazekayo!



Masikhulume

Sebenzani ngamaqembu.

Tshela iqembu lakho ukuthi yikuphi ukudla okuthanda kakhulu, izithako zakho kanye nokuthi kungani ucabanga ukuthi kumnandi kangako.



Masifunde

Funda lesi sikhango esilandelayo.

UKUDLA KWASEMINI YASEKUSENI NGESONTO

9 Pickle Road, Pickleville, 000 1111 222

BANTWANA!

YIDLANI NGOKUTHANDA!

UKUDLA OKUKHONA:

- imusli, izithelo, iyogathi kanye noju
- amaqanda, amasosishi enyama yenkombo, amazambane athosiwe, amakhowe aqotshiwe kanye nopelepele obomvu omnandi.
- iyogathi, i-ayisikhilimu kanye nejusi yezithelo ezintsha **WO!**

R29.95

ENYANGENI KANCWABA! **11:00 – 14:00**

Isitolo
★ KWAPELEPELE OPAKISHWE ★
sikapawulu

Usuku:



Masibhale

Funda imibuzo bese ubhala izimpendulo.



Sibhalelwani lesi sikhango?

Yimaphi amagama owabona kuqala esikhango?

Kungani uwabona kuqala?

Ngobani okubhekiswe kubo lesi sikhango? Bhala imininingwane echaza ngalokhu.

Ucabanga ukuthi kungani kusetshenziswe imibalabala kulesi sikhango?

Kungani ezinye zezinto zibhalwe zathi qekelele kwezinye ngokusebenzisa amabhokisi, izinkanyezi, izimo nemibala?

Ngabe lesi sikhango siyakwenza ufunе ukuya Kwapelepele Opakishiwe?

Lesi sikhango sisebenzisa ifanamsindo (kunezinhlamu eziphindaphindiwe ezindaweni ezithile). Bhala phansi isibonelo salokhu esisesikhango.

Ucabanga ukuthi abantwana bangakwazi yini ukudla ngokuthanda kwabo ekudleni kwasemini yasekuseni? Kungani usho kanje?



Masibhale

Funda uzwe ukuthi uDora uthini kuXolani. Emva kwalokho bhala inkulomo yabo ibe yinkulomo-ngqo.



Kubuza uDora

Kwaphendula uXolani

Yebo, uma kuzokhokha wena!

TEACHER: Sign

Date



Masibhale

Uceliwe ukuthi wenze isikhangiso soju olusha IwaseCape. Sibhekiswe kubantwana abaneminyaka esukela e-10 kuya e-15.



Bheka lemisho engezansi. Ungayisebenzisa eminye yemibono. Gqamisa imibono obona ukuthi uzoyisebenzisa ngokuphu. Ungawakha nawakho amagama, amabinzana awo kanye nemisho.



Izinyosi eziy-10 000 zañlangana zakha uju.

Uju luñle sagolide!

Izinyosi zaseNingizimu Afrika bezilokhu zimatasatasa lonke ihlobo leli.

Ukwenza uju oluyikilogramu, izinyosi zisuka eGoli ziye eCape


Town ziphiinde zibuyelete emuva izikhathni eziyisishiyagalombili.

Lumnandi esinkweni kanye nasetiyeni.


Lumnandi ngokwalo nie.

Ake uwwe ubumnandi obuwushukela.

Lwakhwiwe yizinyosi eziphilile, ezijabulile.



Emiggeni engenalutho, bhala awakho amagama amabili, amabinzana amagama noma imisho ozoyisebenzisa esikhangisweni.



Nikeza uju lwakho igama. Libhale phezu kwasikhangiso. Thola amagama anefanamsindo uma wenza igama loju ukuze abantu osibhekise kubo badonseke.

Sebenzisa imisho oyiggamisile ukubhala isikhangiso ekhasini elilandelayo.

Uma sewubhala isikhangiso khumbula lokhu okulandelayo:

Abathengi osibhekise kubo – sibhekiswe kubaphi abantu?

Ulimi olusebenzisayo – lulula kodwa luyadonsa? Ngabe luyamheha yini umfundu wesikhangiso?

Ubungako bamagama ozowasebenzisa – ngabe awazulingana ngokuhlukana kwawo, emadlanzaneni kanye nasemishweni?

Imibala ozoyisebenzisa – yimiphi imibala ezodonsa amehlo abantu obhekise kubo lesi sikhangiso?

Izithombe ozozisebenzisa noma ozozidweba – uzozifaka kuphi?

Izimo ezikhethekile ozozisebenzisa – uzozidweba kanjani uzibhekise emagameni athile namabinzana awo?

Imininingwane, isihloko kanye nezimo ezikhethekile – uzokufaka kuphi konke lokhu?



Usuku:

Ngaphambili kokubhala isikhango, zilungiselele ngokusibhala kwelinye iphepha. Qiniseka ukuthi imisho yakho iyamponsa ofundayo, ifundeka kalula futhi. Emva kokusibhala, cela omunye egenjini lakho akubhekele sona, abeke imibono uma kudingeka, noma akulungisele amaphutha.



Masibhale

Yakha umusho olula ngala magama ngalinye.

ukujabulisa _____

ukunambitheka _____

kuphilile _____

igolide _____



Umusho oqondile
wumusho
onomqondo
owodwa, inhloko
eyodwa kanye
nesenzo esisodwa.

Isibonelo:

Uju
olubabazekayo
Luthengiswe
kahle.
inhloko
isenzeko

TEACHER: Sign _____

Date _____



Masikhulume

Ukuphi umahluko phakathi komdlalo okhonjisa esinema kanye nosungulelwethiyetha?

Wake waya ethiyetha?

Uma kunjalo, wabonani?

Tshela iqembu lakho noma iklasi ngomdlalo weshashalazi owawubona bese uzama ukubancenga ukuthi bayowubona nabo.



Masifunde

Abantwana emhlabeni wonke jikelele bayawuthanda umdlalo osihloko sithi *Pippi Longstocking*. Eminyakeni embalwa edlule abantwana baseGoli bathola ithuba elingejwayelekile lokubuka lomdlalo. Bheka lesi sikhango uthole ukuthi kungani uPippi Longstocking kuwumdlalo owawujabulisa kangaka.




Hleka uze ukhale

IBUYE NGEZINKANI!

Wumdlalo weThiyetha yaBantwana esijabulayo ukumemezela ukuthi ubuyile - **yipippi Longstocking**, umdlalo wabantwana ogcwele amahlaya. Uzodlala ngamaholidi ePhasika uze uyofinyelela ekupheleni kwamaholidi ezikole, kusukela ziyi-7 kuNdasa.

UPippi yintombazana enhle ehlala yodwa endlini **exakile** nje. Inehhashi nenkawu. Imikhutshana yakhe uPippi iyahlekisa, kodwa akugcini lapho, ubuye angene enkingeni ngalokhu kuganga kwakhe! Abantwana bayawuthanda lo mdlalo **wentombazana nemikhuba**.

Ngumlingiswa othandekayo yena, bonke abantwana bazomthanda uma bembona uPippi. Emva komdlalo, bazogijima noma kanjani abantwana baphuthume ukuyothola incwadi esihloko sithi *Pippi Longstocking*. Ngokusobala nje, uPippi akubekezeleleki ukuhlala ungambuki. Umculo wakhona, umdanso wakhona, izinto ezenzekayo zonke ziwumlingo, zishiya abantwana bekhungathekile. Woza uzobona uPippi, inkawu yakhe eyaziwa ngelikamnu Nilisi, ihhashi lakhe... (Maye bakithi!) alixumi liyamangaza!



Kusukela ziyi-7 kuNdasa kuya ziyi-16 kuMbasu

Uzobe ekhonjiswa eThiyetha kaZwelone yaBantwana

Ku-3 Junction Avenue, eParktown, eGoli. Ngethemu yesibili, umdlalo wethu uzodlala phakathi nezinsuku ngehora -10 ekuseni nangokugamanxa kwele-10 ekuseni. Ngamaholidi ezikole, umdlalo ungeMisombuluko neMigqibelo, kugamenxe lesi-9 ekuseni nangokugamanxa kwele kwelesi-2 ntambama.



Izikole zingafaka izicelo
zokuzobona umdlalo
ngamaqembu azo kanti
nezinhlelo eziyisipesheli
zezikole zikhona.



Usuku:



Masibhale

Funda imibuzo bese ubhala phansi izimpendulo zakho.

Sibhalelweni lesi sikhango? _____

Yimaphi amagama owabona kuqala esikhangisweni? _____



Kwenziwa yini ukuthi uwabone kuqala? _____

Ngubani esibhekiswe kuye lesi sikhango? Bhala imininingwane yakhe phansi.

Kungani kusetshenziswe imibala ekhanyayo esikhangisweni? _____

Kungani okunye okushiwoyo kwensiwe kwahluka ngokuthi kusetshenziswe izinkanyezi kanye namabhokisi?


Thola imisho emithathu ekhombisa ukukuncenga ukuthi uyobona umdlalo weshashalazi, yibhale khona lapha:

Ngabe lo mdlalo uyahlekisa? Yiliphi ibinzana lamagama elikutshela lokhu? _____

Ngabe uke wadlala lo mdlalo othi *Pippi Longstocking* ethiyetha? Ukwazi kanjani lokhu?

Bhala imisho emibili usho ukuthi umdlalo iPippi Longstocking umayelana nani.

Nikeza incazelo yegama elithi "bekhungathekile".



TEACHER: Sign

Date



Uzobhala isikhangiso ngomdlalo weshashalazi ozokwethulwa yisikole. Kubalulekile ukuthi isikhangiso sibahehe abantu ukuthi bazobona umdlalo ngoba kudingeka isikole siqoqe imali eningi ezonikelwa kubantwana abakhubazekile.



Sebenzisa amanye ala magama, amabinzana kanye nemisho esikhangisweni sakho. Bhala phansi imibono yakho ngezansi kohlu.

indaba efudumele	abalingiswa abavusa usinga
inkulumo-pendulwano eshisayo	amahlaya
impicabadala	ubungani
isiphetho esijabulisayo	umdlalo kawonkewonke
umdlalo olungele umndeni	5-8 kuMandulo



Uma sewubhala isikhangiso sakho uqiniseke ukuthi uyakufaka lokhu:

- Isihloko somdlalo ngamagama amakhulu, agqamile, anemibala (sibhale isihloko somdlalo)
- Ngubani odlala emdlalweni
- Uzodlalelaphi
- Izinsuku nezikhathi zomdlalo
- Incazelo emfushane ngomdlalo nokuthi umayelana nani
- Imininingwane yokubhalisa



UKUCOBELELANA:




- Sebenzisa ulimi olulula kodwa olunohlonze.
- Sebenzisa izinhlamvu ezingalingani namagama angafani, amabinzana kanye nemisho.
- Khetha imibala edonsa amehlo.
- Izithombe ozisikayo uzinamathisele

noma uziphebe kumele zicacise okuningi ngomdlalo.

- Sebenzisa izimo ezikhethekile ukugqamisa amagama athile kanye namabinzana.
- Ukuhleleka kwesikhangiso sakho kumele kubadonse abantu ngokunemba nokunamatela kahle kulokho okukhangisayo.

Usuku:

Ngaphambili kokubhala isikhango, qala ngokusibhala kwelinye iphepha. Qiniseka ukuthi imisho yakho iyamdonza ofundayo, ifundeka kalula futhi. Emva kokusibhala, cela omunye egenjini lakho akubonele sona, abeke imibono, uma kudingeka, noma akulungisele amaphutha.



Kokelezela isenzo bese udwebela isandiso emishweni elandelayo. Emva kwalokho usho ukuthi isandiso ngabe sichaza ukuthi isenzo senzeka kanjani, senzeka kuphi, noma senzeka nini.

Isibonelo: UJabu ufunda **masinya** isifinyezo somdlalo iPippi Longstocking. Isandiso **masinya** sichaza ukuthi isenzo senzeke **kanjani**. Usifunde kanjani isifinyezo somdlalo? Masinya.

UMajuba usuke kusenesikhathi esanele sokuthi awufice umdlalo.	
IPippi Longstocking idlale ebusuku.	
Siwuthokozele umdlalo kakhulu kangangoba size sashaya izandla ekugcineni.	
Sihambe ngebhasi ukuyobona umdlalo izolo.	



TEACHER: Sign

Date



Masikhulume

Uke wawungenela umncintiswano? Uma kunjalo, tshela iqembu lakho ukuthi wazuzani. Uma ungakaze, tshela iqembu ukuthi yini ongafisa ukuyizuza emncintiswaneni.

Ngabe isikole sakho sinawo amakhompiyutha? Uma sinawo, usithathile yini isifundo samakhompiyutha? Uvame ukwenzani ekhompiyutheni? Tshela iqembu lakho.

Uma ngabe asinawo isikole amakhompiyutha, tshela iqembu ukuthi kungani ucabanga ukuthi kubalulekile ukuthi abe khona amakhompiyutha esikoleni sakho.



Masifunde

Umncintiswano Wekhompiyutha

iBrain Box

Zuzela isikole sakho ikhompiyutha!



Isikole sakho singaba senhlanhleni yokuwina ikhompiyutha iBrain Box ebiza i-R10 000, ehambisana nokufundiswa mahhala ukusebenzisa ikhompiyutha kwaHANDS-ON Computers.

Sidinga wena noma ikiasi lakho lidwebe ikhompiyutha. Ungahle wenze into **engavamile!**

-Kulula kabi! Gijimisa **umqondo!** Dizayina ikhompiyutha engenza impilo yakho igcwale injabulo! Into okudingeka uyenze ukuthi udwebe ikhompiyutha engajulile. Esikhangisweni sakho bhala usho ukuthi ikhompiyutha yakho ikwazi ukwenzani. Ikhompiyutha ezonqoba ngekhombisa ukuzimela yodwa engafani nalutho olunye. Ungakhohlwa ukusebenzisa amasu okukhangisa owafundile!

Bothisha nabafundi, qalani nicabange! Amapeni namakhrayoni mawaqale ukusebenza. Abavunyelwe ukungenela ngumfundsi ngamunye noma kube ngamaklasi.

Isikole sakho singaba senhlanhleni yokuwina ikhompiyutha iBrain Box ebiza i-R10 000, ehambisana nokufundiswa mahhala ukusebenzisa ikhompiyutha kwaHANDS-ON Computers.

Sidinga wena noma ikiasi lakho lidwebe ikhompiyutha. Ungahle wenze into **engavamile!**

-Kulula kabi! Gijimisa **umqondo!** Dizayina ikhompiyutha engenza impilo yakho igcwale injabulo! Into okudingeka uyenze ukuthi udwebe ikhompiyutha engajulile. Esikhangisweni sakho bhala usho ukuthi ikhompiyutha yakho ikwazi ukwenzani. Ikhompiyutha ezonqoba ngekhombisa ukuzimela yodwa engafani nalutho olunye. Ungakhohlwa ukusebenzisa amasu okukhangisa owafundile!

Bothisha nabafundi, qalani nicabange! Amapeni namakhrayoni mawaqale ukusebenza. Abavunyelwe ukungenela ngumfundsi ngamunye noma kube ngamaklasi.



Thumelani imidwebo yenu
kuleli kheli:

Umncintiswano WeBrain Box,
PO Box 33446, Limpopo 0500

Ungakhohlwa ukusinika igama nekheli lesikole sakho.



**Usuku lokuvala:
30 Nhlangulana**



Usuku:



Masibhale

Phendula le mibuzo.



Sebenzisa lokhiye ukubeka uphawu ebhokisini olikhethayo:

1 = kakhulu/kuvamile; 2 = kancane/ngezinye izikhathi; 3 = nakancane	1	2	3
Unalo yini uthando lwamakhompiyutha? Yisho ukuthi ngani.			
Unekhono elingakanani ekusetshenzisweni kwamakhompiyutha?			
Ucabanga ukuthi amakhompiyutha abalulekile kubantwana besikole?			

Buka umncintiswano – yimuphi umklomelo obekiwe?


Yini okumele uyenze ukungenela lomncintiswano?

Yini ekhangisiwe?

Ngubani okubhekiswe kuye isikhangiso?

Ungathanda ukuwungenela lomncintiswano? Yisho ukuthi ngani.

Ngubani oxhase lomncintiswano?



Masibhale

Qedela lemisho. Sebenzisa amagama asebhokisini uma kudingeka.

ongakaze uyicabange	entsha		endala	owake wayibona	engakaze ikopishwe
oyitholile	efana nenyе	enhle kakhulu	ukuzakhela into	oyicabangayo	esobala

Ukudizayina _____

Into engajwayelekile yinto

Into enjengoba yasungulwa yinto

Into encomekayo yinto



TEACHER: Sign _____

Date _____



Masibhale

Dweba imigqa uqondanise amabinzana amagama akwesokunxele nezincazelo zaho ezingakwesokudla.

zilungiselele ukucabanga

dedela umqondo wakho usebenze
ngamandla

ukulahleka ngomqondo

ukungaqondi

ukusabalala ngomqondo

ngokujwayelekile

thatha isikhathi ukuhlaziya utho

ikakhulukazi

ukwazi izindaba zakho

zama ukubumbela ngomqondo,
cabanga imibono eminingi

Masibhale

Ukhetha ukuwungenela umncintiswano weBrain Box Khompiyutha.

Cabanga ukuthi ufunu ukudweba ikhompiyutha enjani. Kumele ikwazi ukwenzani ngokufisa kwakho? Izobukeka kanjani? Khumbula ukwenza ikhompiyutha yakho yehluge ilethe isasasa. Yichaze-ke manje.



Masibhale

Kokelezela isenzo esifanele kulemisho.

(Uyafuna/uyafunisa) ukungenela umncintiswano?

Kuzodingeka (uthole/udizayne) ikhompiyutha engajwayelekile.

(Thenga/funda) isikhango wenze okushiwo kuso.

(Ngabe/ungaze) unalo ikhono lokusebenzia amakhompiyutha?

Ikhompiyutha endala kunawo wonke esikoleni (isasebenza/isemsebenzini).




Usuku:



Masibhale

Lungiselela ukwenza isikhangiso sekhompiyutha yakho lapha ngezansi. Ungakhohlwa ukufaka umdwebo wekhompiyutha! Uma sewuqedile ukwenza isikhangiso, sinike umngani asibuke noma alungise amaphutha kuso.



TEACHER: Sign

Date

Vkuzihlola

NGIYAKWAZI MANJE



ukukhulumu ngenoveli	
ukukhomba abalingiswa, isakhiwo kanye nomyalezo	
ukufunda isiqeshana esicashunwe enovelini	
ukuphendula imibuzo ethile	
ukubeka imibono ngesihloko	
ukukhomba uhlolo lomlandi wendaba	
ukubhala ipharagrafu enesihloko kanye nemisho eyesekelayo	
ukubhala isifinyezo	
ukuqondanisa amagama nezincazelo zawo	
ukusebenzia isiphawulo	
ukukhomba incazelo yesenzasamuntu	
ukufunda okubuyekezwu ngencwadi	
ukuxoxa ngabalingiswa, isakhiwo kanye nesizinda sencwadi	
ukubhala imisho ngisebenzia amagama asesiqeshini	
ukubhala okubuyekezwu ngencwadi esikhaliengnisinikeziwe	
ukukhomba inkathi edlule ezenzweni	
ukuguqula inkathi edlule ezenzweni iye enkathini yamanje	
ukubhala imisho ngisebenzia izivumelwano ezifanele	
ukuhlukanisa amagama ngamalunga	
ukukhulumu ngedayari	
ukufunda idayari	
ukuxoxa ukukhomba umahluko phakathi kwenoveli, ibhayografi kanye nedayari	
ukusebenzia izabizwana zoqobo	
ukufunda ibhayografi	
ukukhomba amagama anomqondo ofanayo	
ukukhomba umbono omkhulu kanye nemibono ewesekelayo esiqeshini	
ukuthola izincazelo zamagama namabinzana	
ukwethula umbono	
ukubhala ibhayografi	
ukulanelanisa imininingwane	
ukusebenzia izimpawu zokubhala	
ukusebenzia izaga nezisho	



ukuxoxa ngezinto ezithinta ukukhangisa	
ukuxoxa ngesikhangiso	
ukuphendula imibuzo ethile mayelana nokukhangisa	
ukwedlulisa amehlo esikhangisweni	
ukuhlela, ngibumbe bese ngilungisa amaphutha esikhangisweni	
ukukhomba izifinyezo	
ukubhala amagama aqhathanisayo ngendlela efanele	
ukusebenzia izimpawu zokubhala emishweni njengokhefana kanye nabacaphuni	
ukukhulumu neqembu ngeresiphi ethandekayo	
ukubhala imisho enenkulumo-ngqo	
ukwakha isikhangiso ngisebenzia amagama athile namabinzana kanye namazwi ami	
ukubhala imisho esobala	
ukukhulumu ngomahluko phakathi kwefilimu nomdlalo weshashalazi	
ukuxoxa ngomdlalo weshashalazi engiwubukile bese ngincenga iqembu liyowubuka	
ukuchaza incazelo yamabinzana amagama	
ukukhomba izenzo nezandiso	
ukukhulumu ngokubaluleka kwamakhompiyutha	
ukuqondanisa amabinzana amagama namagama	
ukukhomba izincazelo zamabinzana amagama	
ukubhala incazelo emfushane	
ukuqedela imisho ngisebenzia isenzo esifanele	

Indikimba 6: Imibhalo eyehlukahlukene

Izindaba Ithemu 3: Amasonto 5 - 6

81 Inganekwane yaseNamibhiya 36

Ukhuluma ngokulingisa inganekwane. Ulingisa inganekwane. Ufundu inganekwane. Uphendula imibuzo ethile ebhekiswe enganekwaneni. Ukhomba ukuthi inganekwane imayelana nani ethathela esihlokweni. Weqisa amehlo enganekwaneni. Ukhomba ifuzamsindo asebenzise amagama anomisindo ofanayo. Uchaza ukuthi izithombe zisiza kanjani ukufunda uqonde. Ukhomba imisindo yezilwane Unikeza imibono. Ukhomba ukusetshenziswa kwabacaphuni. Uxhumanisa izincazelo zamabinzana amagama.

82 Okunye ngezilwane nezinambuzane 38

Usebenzisa ishadi ukulungiselela ipharagrafu echazayo. Uphinda abhale imisho ibe yinkulombiko. Wenza imibuzo ngezitatemende.

83 Inganeko yesiZulu 40

Uxoxtela iqembu lakhe inganeko. Ukhomba umbono omkhulu, abalingiswa abaqavile, lapho indaba yenzeka khona kanye nesifundo enganekwaneni. Ukhomba abalingiswa abaqavile enganekwaneni. Uthola isifundo enganekwaneni. Uqondanisa amagama nezincazelo zavo.

84 Ukuchaza abantu nezilwane 42

Ubhala ipharagrafu echazayo ngnonwabu nenyoka esebenzisa amabinzana amagama awanikiwe. Uqondanisa izaga nezincazelo zazo. Usebenzisa umgqakazo ukubhala ipharagrafu echaza umngani wakhe. Ubhala inkondlo yezilwane asebenzise isenzasamuntu.

85 Ezinye izindaba ezimnandi 44

Uxoxa indaba ngendlela yekhathuni. Ulingisa indaba esebenzisana neqembu. Ufundu indaba yaseChina neyaseNdiya. Uphendula imibuzo ethile ngezindaba. Ukhomba abalingiswa bendaba. Ukhomba ukuthi indaba yenzeka kuphi. Uthola isifundo ezindabeni. Unikeza imibono. Ufingqa eyodwa yeziindaba.

86 Inganekwane yami 46

Usebenzisa ibalazwe lemibono ukulungiselela ukubhala inganeko. Usebenzisa ibalazwe lemibono nezihloko ukubhala inganeko. Uhlanganisa imisho esebenzisa izihlanganiso. Ubhala izabizwana zoqobo esikhundleni samabizoqho. Ukhomba amabizomvama.

87 Indaba enengwijkhwebu 48

Uxoxa neqembu ngokubaluleka kokuzinikela nokubeka emahlombe izento ezithile. Ufunda inganekwane. Uphendula imibuzo ngendaba. Unikeza imibono. Ukhomba abalingiswa bendaba. Ukhomba isifundo endabeni. Uchaza okushiwu ngamazwi athi "Nansi impisi". Uqondanisa amabinzana namagama endabeni.

88 Sethula konke ngolimi 50

Uqondanisa amabinzana nezincazelo zavo ukwenza izaga. Udwebela amagama anemisindo efanayo. Usho ukuthi umusho uyababaza nomu uwumyalelo yini. Uphinda abhale ipharagrafu esebenzisa izimpawu ezifanele. Ubhala amapharagrafu amabili esebenzisa izihlanganiso.

Amatekisi anemidati yolwazi Ithemu 3: Amasonto 7 - 10

89 Isimo sezulu 52

Ukhuluma ngomahluko phakathi kwesimo sezulu endaweni kanye nasezweni lonkana. Ufundu itekisi elimayelana nesimo sezulu. Uphendula imibuzo ethile mayelana netekisi. Unikeza isiqeshana isihloko. Uqondanisa amagama nezincazelo zavo.

90 Isimo sezulu esifundazweni sakithi 54

Wenza ibalazwe lemibono ngesimo sezulu. Usebenzisa ibalazwe lemibono ukubhala amapharagrafu amabili ngesimo sezulu. Ukhomba izento kanye namagama aphikisanayo emishweni. Uhlanganisa imisho esebenzisa izihlanganiso.

91 Isimo esingabekzeleleki sezulu 56

Ukhuluma neqembu ngokuduma kwezulu okunombani.

Ufundu isiqeshana ngokuduma kwezulu nombani.

Uphendula imibuzo mayelana nesiqeshana. Ufundu aqonde imidwebo ngesimo sezulu. Usebenzisa imidwebo ukukhombisa imbangela nomphumela. Uqondanisa uuhl lwamagama namagama asesiqeshini anencazelo efanayo.

92 Isimo sezulu nemvula 58

Usebenzisa imidwebo ukulandelanisa imininingwane. Ubhala amapharagrafu amayelana nemidwebo. Ubhala imisho asebenzise amagama anemisindo efanayo. Ubhala imisho asebenzise amagama anencazelo efanayo.

93 Okunye ngesimo sezulu 60

Ukhuluma ngokuguquguquka kwesimo sezulu onyakeni. Uxoxa ngesimo sezulu asithandayo nangasithandi. Ufundu isiqeshana ngesimo sezulu namanzi. Uqondanisa amagama nezincazelo zavo. Ufundu isiqeshana aphendule imibuzo. Wethula umbono. Ubhala ipharagrafu ethule umbono. Ukhomba izakhi ezithile.

94 Ukubhala okuthile ngesimo sezulu 62

Uqondanisa izithombe nezinto. Ubhala ipharagrafu ngesimo sezulu. Ukhomba izabizwana zoqobo. Ubhala imisho esebenzisa isabizwana soqobo. Ubhala imisho esebenzisa ifuzamsindo.

95 Isibikezelossezulu 64

Uxoxa ngesimo sezulu eqenjini lakhe. Ulalela isibikezelossezulu bese ethula esakhe. Ufundu ibalazwe lesimo sezulu. Uphendula imibuzo ngebalazwe lesimo sezulu. Ubikezelossezulu.

96 Sibheka isimo sezulu okokugcina 66

Wenza ibalazwe lemibono ngesimo sezulu. Ubhala azokwethula ngesimo sezulu ekuthathlele ebalazweni lemibono. Ulungisa amaphutha embhalweni. Ukhomba izento nezandiso emshweni. Ubhala imisho esebenzisa amabizosimo. Ubhala imisho esebenzisa amagama apelwa ngendlela efanayo kodwa anencazelo engafani. Ubhala imisho esebenzisa amagama afanayo kodwa anencazelo engafani.



Masikhulume

Ngabe ikhona inganekwane oyikhumbulayo oyifunde encwadini noma oxoxelwe yona? Xoxela iqembu lakho leyo nganekwane. Emva kwalokho, wena neqembu lakho, lingisani inganekwane leyo phambi kweklasi.



Iyanyonyoba inyosi entinyelayo

"Sondelani lapha kimi, masosha ami," kusho ibhubesi.
"Kuzosuka impi phakathi kwethu nombuso wezinambuzane.
Mina-ke njengomkhuzi wenu, ngizohamba phambilili.
Ngaphambi kokuthi siqaleni, kumele nonke nilazi isu esizolwa ngalo." Umgankla, imbabala nempungushe basondela bezolalela kahle. "Sibakhulu kunezitha," kusho ibhubesi. "Inkinga kuphela ukuthi izitha zethu zingaphezulu kwethu ngezigidi. Kumele singabi namusa. Kumele sihlasele sibulale yonke into." UMkhuzi wempi uBhubesi wathi ukukhulumela phansi sakunyenyeza, enzela ukuthi nawosigaxamabhande bakhe bangamuzwa.



"Lalelani kahle-ke, lokhu kuwukhiye wesu lethu. Tshelani amasosha ahlale engibhekile angibhekisise ize iphele impi. Njengoba ngizobe ngihamba phambilili, ngizokwazi ukubona ukuthi siyanqoba noma cha yini. Uma sisangqoba, ngizophakamisela umsila phezulu emoyeni. Uma amasosha ebona umsila uphakeme aqhubeke alwe. Nokho, uma sinqotshwa, ngizowehlisa umsila. Kuzoba wuphawu lokho lokuthi masiyeke ukulwa masinyane, kunalokho sibaleke sishiye isithunzi."



Umgankla, imbabala nempungushe kwalalela kahle yonke imiyalelo. Ngaphandle komsindo, bonke baqala badlulisa leli zwi laya kulelo nalelo sosha. Ibhubesu lahleka kancane; lalazi ukuthi leli su lihle.

Elalingakwazi ukuthi ngale kwezimbalu, ehlathini elincane, kwakucashe inyosi encane eyalizwa lonke isu lebhubesu namasosha. Yasuka inyosi yandiza yayobikela umkhuzi wempi yezinambuzane konke eyayikuzwile.

Ibhubesu labhodla, indlovu yampongoloza, kwasuka embi impi. Izinhlangothi zombili zazilingana ngamandla. UMkhuzi wamasosha uBhubesi wawuphakamisa umsila, eveza ukuthi unguholi ohlakaniphile, zayidudula izilwane impi.

Ekugcineni, kwabonakala ukuthi umkhuzi wempi yezinambuzane uyahluleka. Kwasala ithemba eliodwa nje vo ezinambuzaneni. Umkhuzi waphenduka wabheka inyosi encane, wayesethi, "Sekuyiso isikhathi."



Kwaba ukuphela kwento eyayilindelwe yinyosi encane. Yayazi ukuthi izokwenzani futhi izokwenza kuphi lokho! Ngesikhashana, yandiza yaya phakathi nempi. Yalithola ibhubesi, yamamatheka ngenkathi indizela endaweni emi kahle. "Qaphelani inyosi emuva!" kumpongoloza inyosi, isho intinyela ibhubesi ngendlela elalingeke liyikhohlwe.

Akukho nesisodwa isilwane esayibona inyosi encane. Zabona nje umholi wazo ededela umsila ubheka phansi. Zazazi ukuthi lokho kusho ukuthi: balekani nishiye isithunzi! Zayinqoba impi izinambuzane ngoba inyosi yanyonyoba njengenyoka yantinyela. umkhuzi amasosha anyamalala.

Usuku:



Masibhale

Bheka isihloko sale nganekwane. Xoxa neqembu lakho nisho ukuthi inganekwane izoba mayelana nani, bese nibhala izimpendulo phansi.

Uyakhumbula ukuthi weqisa amehlo embhalweni ukuthola ukuthi umayelana nani? Yeqisa amehlo kule nganekwane, bese ubhala ukuthi ucabanga ukuthi isifundo sendaba sithini.

Kungani ibhubesi lalicabanga ukuthi lizoyinqoba impi?



Kungani izinambuzane zacgina ngokuyinqoba impi?

Lawehliselani umsila ibhubesi?

Yenza kanjani inyosi ukuthi ikwazi ukulalela amasu ebhubesi empi?



Ngokwakho isihloko sale nganekwane ngabe siyahlekisa? Yisho ukuthi ngani.

Yisiphi isifengqo esisetshenziswe wumbhali kulo musho kanye nasekugcineni kwenganekwane? "... ngoba inyosi yanyonyoba njengenyoka yantinyela umkhuzi amasosha anyamalala."

Chaza ukuthi izithombe zikusiza kanjani ukuthi uyiqonde inganekwane.



Itekisi lisitshela ukuthi ibhubesi labhodla, indlovu yampongoloza. Msindo muni owenziwa yinyosi? Impungushe yenza muphi umsindo?

Uyijabulele le nganekwane? Yisho ukuthi ngani.



Masibhale

Bhala amagama namabinzana amagama nezincazelo zaho njengoba esetshenziswe enganekwaneni.

sishiye isithunzi indlovu yampongoloza

nawosigaxamabhande ngezigidi

UMkhuzi wempi..... sihlasele



TEACHER: Sign

Date

Okunye ngezilwane nezinambuzane




Masibhale

Uzobhala ipharagrafu echaza umngani wakho omkhulu. Okokuqala, ungakayibhali okokugcina ipharagrafu yakho, uzoyilungiselela.

Qedela lelishadi. Khumbula ukusebenzisa izichasiso ukuchaza umngani wakho omkhulu.

Igama lomngani	
Amehlo akhe nezinwele	
Mude kangakanani noma mfushane kangakanani	
Ngabe unalo uphawu olungakhohlakali kuye (yini eyenza aggame aphinde ehluke kwabanye abantu?)	
Into ajwayele ukuyenza eyenza abantu bamqaphele.	
Ukhuluma kanjani (uyasheshisa, ukhuluma kancane, ngokucacile, njll.)	
Amagama awasebenzisayo	
Izimpawu ezikhombisa ukuthi uqinile	
Izimpawu ezikhombisa ukuthi untekenteke.	



Masibhale

Bhala lemisho ibe yinkulumo-mbiko.



"Sondelani kimi, masosha ami," kuyala ibhubesi.



Ibhubesi lathi, "Uma amasosha ethu ebona umsila uphakeme kimi, kumele aqhubeke nokulwa."



Lawatshela lathi, "Uma ngasizathu sithile singotshwa, ngizowehlisa umsila."

Lase lithi, "Lokho kuzoba wuphawu olusho ukuthi masiyeke sibaleke sishiye isithunzi."



Umkhuzi wamasosha ezinambuzane wayibheka inyosi encane wayesethi, "Sekuyiso isikhathi."

Usuku:



Masibhale Yenza imibuzo ngalemisho.

Umgankla, imbabala kanye nempungushe zalalela ngokucophelela yonke imiyalelo.

Kuthe uma ibhubesi liqhubeka, yandiza inyosi yaphindela enqabeni iphethe izindaba.

Ibhubesi labhodla, indlovu yampongoloza.

Inyosi encane yantinyela ibhubesi ngendlela elalingeke liyikhohlwe.

Izilwane zabaleka zashiya isithunzi.



TEACHER: Sign

Date



Masikhulume

Sebenzani ngamaqembu.



Xoxela iqembu lakho indaba ekhuluma ngokuthi umhlaba waqala kanjani. Kungaba yindaba evela eBhayibhelini noma kube yindaba owayizwa ixoxwa ngumama noma ngugogo noma kube yindaba owayifunda encwadini. Ungayiqamba neyakho nje indaba.



Masifunde

Kwathunywa unwabu

Kwathi uma uMdali eseqede ukudala zonke izinto, wahlala phansi wawubuka umhlaba ayewudalile. Wamamatheka wayesethi kuhle. Wayejatshulisa ngabantu, indoda yokuqala nenkosikazi yokuqala. "Yebo," ecabanga, "kuhle!"

Kamuva uMdali wabona ukuthi indoda nenkosikazi babelokhu belimaza imizimba yabo. Isikhumba selapheka ngokuhamba kwesikhathi, kodwa saba nezibazi. Emva kweminyaka ethile, indoda yokuqala nenkosikazi yokuqala bagugelwa yimizimba.

UMdali wabiza unwabu. "Lalela, Lunwabu," kusho uMdali, "Ngifuna uhambise impahla endodeni kanye nasenkosikazini. Kuyaphuthuma."

Lwasuka unwabu ngejubane lwaya emhlabeni nempahla. Lwathi uma lufika eMfuleni Omkhulu Iwama Iwaphuza amanzi. Inyoka yayikhona emfuleni nayo. "Sawubona, Mzala uLunwabu," kubingeleta inyoka. "Uphuthuma kakhulu namhlanje! Kwenzenjani?"

"A, yebo! Sawubona, Nyoka!" Kwaphendula uLunwabu ngokuzithoba. "Ngihambisa impahla endodeni kanye nasenkosikazini emhlabeni, ivela kuMdali." UNyoka wayebazonda abantu. Yayimnyathela nje indoda noma nini inganaki. UNyoka wazama ukuqiniseka ukuthi indoda nenkosikazi abayitholi le mpahla. "Awu, bakithi, Mzala uLunwabu, ngiyajabula ukukubona futhi! Umndeni wami sewukuhumbule kabi nje! Sekunesikhathi eside sagcina ukuhlala phansi nawe sidlo. Awusasithandi, ngiyabona."

"Kanti cha, Mzala othandekayo uNyoka," kusho uLunwabu. "Ngikutshelile ukuthi nibalulekile kimi. Ngizojabula ukuza ngelinye ilanga ngizodla kanye nani!"



"O," kuphendula uNyoka masinya, "awuzi ngani manje? Inkosikazi yami izojabula kakhulu ukudla ndawonye nawe ukudla kwasemini!"

ULunwabu wabuka impahla eyayingaphansi kwekhwapha lakhe eyigodlile. "UMdali uthe mangihambise le mpahla masinyane. Mhlawumbe ngingakwenza ngesinye isikhathi?"

"Yebo, yebo," kuvuma uNyoka ephenduka ehamba. "Kwanjengoba bengicabangile. Kuhle lokhu phakathi kwethu." ULunwabu wabheka ilanga. Lalisephezulu esibhakabhakeni. Sasisekhona isikhathi sokuthi adle ukudla kwasemini nomndeni kaNyoka. Isikhathi sokuhambisa impahla sasisesiningi. "Ake ume, Mzala uNyoka," kusho yena. "angibanga namusa. Bengithanda ngempela ukudla isidlo sasemini nani namuhla!"

Wahleka unyoka. "Ngiyabonga, Mzala uLunwabu," kuphendula yena. "Woza, masiyodla."

*Sawubona, Nyoka:
UNyoka uyabingelelwa.
Utshwala - wutschwala
besiZulu obenziwe
ngemithombo.*



Usuku:



Inkosikazi kaNyoka yayipheke ukudla okuningi ngalelo langa. Kwakumnandi, uLunwabu wadla, waphuza utshwala walala.

UNyoka wayidonsa kancane impahla esandleni sikaLunwabu. "Bona, nkosikazi yami enhle," ememeza. "UMdali usithumelele izikhumba ezintsha ukuze sigqoke ezintsha uma sekuguge ezindala!" Wahleka uNyoka. Wavuka uLunwabu, wabona ukuthi kwenzekeni.

"Cha, Mzala uNyoka, buyisa lokho! Buyisa," kucela uLunwabu. "Akuzona ezakho lezo zinto! Ngezabantu! Zibuyise!" UNyoka wazihlekela nje wayesenyalala. Kuthe uma kushona ilanga uLunwabu wayengajabule neze. UNyoka wayembambe ngengqondo futhi engasamhloniphanga uMdali. Wacasha ezihlahleni, wanamatela emagatsheni, wanyakaza kancane ukuze angabonakali.

Kwaba kanjalo ukuthi abantu bathathelwe izikhumba nguNyoka. Nanamuhla, uNyoka uhlubula isikhumba uma siguga, agqoke esisha.



Masibhale

Funda inganeko bese ubhala izimpendulo zale mibuzo.

Ungathi imayelana nani ikakhulukazi le nganeko?

Ngobani abalingiswa abaqavile enganekwaneni?

UNyoka wambamba kanjani uLunwabu ngengqondo?

Wenzani uLunwabu ukukhombisa ukuthi wayengajabule?

Sithini isifundo sale nganeko?


Kwakuzokwenzekani kubantu ukuba uLunwabu wayegcine eyihambisile impahla?



Masibhale

Qondanisa amagama abhalwe ngokugqamile namagama angakwesokudla.

ugugile	ulahlekile
unejubane	akazithobile
uyathetha	mdala
akanamusa	uyashesha
unyamalele	unolaka



TEACHER: Sign

Date


Ukuchaza abantu nezilwane



Masibhale

Bhala ipharagrafu uchaze unwabu. Sebenzisa amanye ala mabinzana amagama. Zama futhi ukusebenzisa amazwi akho.



luguqula imibala	luba bomvana uma luthukuthele
lunolimi olude	ulimi lunyakaza masinya
luyavevezela uma lukhuluma nezinye izinwabu	lunamehlo ajikayo abheke ezinhlangothini
lunezinyawo, nezinzwane kanye namazipho	
ULunwabu omibalabala ophethe impahla engalweni.	



Masibhale

Bhala ipharagrafu uchaze inyoka. Sebenzisa amanye noma wonke lamabinzana amagama. Zama ukusebenzisa nawakho amazwi.

kude, kuthambile kwelulekile	izitho zomzimba
imibala ehlukahlukene, eggamile nengqamile	ukuba nemibala egqame kakhulu kusho ukuba noshevu
izinyoka ezinemibala engagqamile zisebenzisa ukungaggami kwemibala yazo ukucasha	
zidla amagundane nezinyoni	zigwinya isilwane ezisidlayo siphelele
zizingela ebusuku	zinolimi olumbaxa-mbili



Usuku:



Masibhale

Dweba umugqa uqondanise izaga nezisho nezincazelo zazo.



Uyimpisi egqoke isikhumba
semvu
Selidume ledlula
Libunjwa liseva
Isalakutshelwa sibona
ngomopho.

Umuntu ongalaleli iziyalo ubona eselimala.

Umuntu ufundiswa kahle esemncane.

Sekuze kwenzeka.

Ukubukeka ulungile kanti ngaphakathi uyingozi



Masibhale

Sebenzisa ishadi oliqedele ukubhala uchaze umngani wakho omkhulu.



Masibhale

Bhala inkondlo yakho usebenzise izifaniso.
Sebenzisa lolu hlaka.



Isilwane sami yi _____

Umbala waso _____ sithanda _____

Isikhumba saso _____ sifana _____

Sihamba _____

Umsila waso _____

Amehlo aso _____ afana _____

Umzimba waso _____

Amadlebe aso _____ afana _____

Imilenze yaso _____ ifana _____

Sinomsindo ofana _____



TEACHER: Sign _____ Date _____

Ezinye izindaba ezimnandi



Masikhulume

Xoxa neqembu lakho ngokwenzeka ekhathunini.

Lingisani indaba exoxwa yikhathuni. Qinisekani ukuthi ngamunye ninikezana ithuba lokuba ngumninisitolo noma ngumthengi.

Khulumani ngale mibuzo eqenjini:

Ngubani umholi eklasini lakho?

Kungani ubona kanjalo?

Ngubani ohlakaniphile, ngani?

Ngubani oyiqili, ophicayo, ngani?



Masifunde

Izicathulo ezintsha Indaba yaseShayina

Kwakukhona indoda eyayidinga ipheya lezicathulo. Lo muntu ngaphambi kokuthi aye emakethe wadweba ephepheni ngokujulile isithombe sezinyawo zakhe. Wazikalwa ngokucophelela wabhalwa zonke izinto ezazibonakala ezinyaweni zakhe. Emva kwalokho, wahamba waya esitolo sezicathulo emakethe. Wafika, wakhathazeka ukuthi wayengaliphethe iphepha ayebhale kulo iminininingwane ngezinyawo zakhe. Wajika wabuyela ekhaya eseyolanda iphepha. Lalishona ilanga ngenkathi ebuyela emakethe, izitolo zonke sezivaliwe. Wasichaza isimo sakhe koedwa umninisitolo naye owayeseqoqe zonke izinto wazikhweza.

"Ndoda engahlakaniphile!" kusho umninisitolo. "Ngabe usebenzise izinyawo zakho wazilinganisa izicathulo! "Kungani uye ekhaya wayolanda imidwebo?"

Yaba namahloni indoda. "Ngisuke ngethemba kakhulu imidwebo yami," kusho yena.



Masifunde

Ngubani iNkosi Yehlathi? Inganekwane yaseNdiya

Ngelinye ilanga, ehlathini, uNgwe wagxumela uMpungushe. UMpungushe wakhononda, "Uyihlaselelani iNkosi Yehlathi?"

UNgwe wambuka ngokumangala. "Umbhedo lowo! Awuyona iNkosi wena!"

"Ngiyyiona ngempela-ke," kusho impungushe. "Zonke izilwane ziyangibalekela ziyangesaba! Uma ufuna ukuzibonela, asihambe."



Usuku:



UMpungushe wangena ehlathini noNgwe emlandela eduze. Uma besondela emhlambini wezinyamazane, zabona uNgwe emva kukaMpungushe zabaleka zaya le nale.

Bafika emhlambini wezinkawu. Izinkawu zabona uNgwe emva kukaMpungushe, zabaleka nazo. Waphendukela kuNgwe uMpungushe wathi, "Usadinga ukuzibonela futhi? Uyabona ukuthi izilwane ziyangibalekela uma zingibona!"

"Ngiyamangala, kodwa ngizibonele mina ngamehlo ami. Ungixolele ngokukuhlasela, Nkosi Enkulu." UNgwe waguqa ngamadolo ngenhlonipho wadedela uMpungushe wahamba.



Masibhale Funda imibuzo bese ubhala izimpendulo.

Funda indaba esihloko sithi *Izcathulo Ezintsha*.

Indaba yenzeka kuphi?

Ngokwakho ngabe le ndaba iyahlekisa? Chaza ukuthi ngani.



Ukhethani phakathi kwekhathuni nendaba ebhaliwe? Yisho ukuthi ngani.

Manje funda indaba ethi *Ngubani iNkosi Yehlathi*? Ngobani abalingiswa bendaba?

Yenzeka kuyiphi indawo indaba?

Ngubani ohlakaniphe kakhulu kunomunye – nguMpungushe noma wuNgwe? Yisho ukuthi ngani.

Kungani uMpungushe ezenza *iNkosi Yehlathi*?

Fingqa indaba yeziCathulo ezintsha ngemisho emibili.



TEACHER: Sign _____ Date _____



Isifundo engifuna ukusidlulisa:

Abalingiswa benganekwane:

Isizinda:

Isihloko senganekwane:

Inganekwane:



Usuku:



Masibhale

Hlanganisa imisho usebenzise izihlanganiso ezikubakaki.

Kwakushisa ngalelo langa. UNgwe wagxuma ethi ubamba uMpungushe. (ngenkathi)



UNgwe wayefuna ukudla uMpungushe. UMpungushe wamnqanda. (kodwa)

UMpungushe watshela uNgwe ukuthi uyiNkosi Yehlathi. UNgwe akazange amkholwe. (nakuba)

Izilwane zazizoguqa phambi kukaMpungushe. UNgwe wayazi ukuthi uMpungushe uyiNkosi Yehlathi. (ukuba)

Izilwane zaguqa. UNgwe akangambulali uMpungushe. (ukuze)

Phindela emuva udwebele izichasiso ugqamise ibizo elichazwa yisichasiso ngasinye.

Isibonelo: Impungushe eyiqili yehla ngomgwaqo yahlangana nengwe.



Masibhale

Bhala izabizwana esikhundleni sawo wonke amabizoqho.
Dwebela amabizomvama.




UThandi ufunu ukufunda indaba yempungushe nengwe.

UBebe noMimi bafuna ukulingisa indaba yezicathulo.

UNkk Ngoma kudingeka anike uMemeza noZama ithuba lokufunda
izinganekwane.

Ngabe oMajika noMgonothi bazoya ePitoli ngebhasi bayobuka isekisi?

Amabizomvama: ngamagama
aiwayelekile abantu (isb.
intombazana) ezindawo(isb.
igceke), ezinto (itshe),
okungabonakali (isb. uthando).
Amabizoqho ngamagama
abantu abatfile (isb. uThandi),
ezindawo (isb. iTheku).
Amabizo-senzo ngamagama
anesiphongozo ukutu-(isb.
ukugijima).



TEACHER: Sign

Date



Masikhulume

Lisho ukuthini igama elithi "isibopho"? Xoxa ngalo nabangani bakho.

Zibopho zini onazo ekhaya?

Kwenzekani uma ungazigcinanga izibopho zakho?

Ngabe kuke kwenzeka ukuthi ungethembeki ngokuthi awuzange uzigcine izibopho zakho?



Masifunde

UMFANA OWAYEMEZA ATHI “NANSI IMPISI!”



Ngelinye ilanga kwakunomfana owayenikwe umsebenzi wokwelusa izimvu zendawo. Wakhuphuka nazo waya entabeni lapho kwakunedlelo elihle khona. Ekugcineni wezwa engasaphathekile kahle. Wasuka wamemeza kakhulu wathi, "Impisi! Impisi! Impisi isukela izimvu!"

Bezwa abantu, beza begijima entabeni. Kodwa uma befika bathola ukuthi akukho mpisi esukela izimvu. Bathola umfana kuperha elusile, ebahleka ukuthi bathukuthelele ubala.

"Yekela ukumemeza uthi kunempisi ingekho!" basho bemthethisa umfana abantu. Baphindela emuva beyosebenza bekhononda.

Ngosuku olulandelayo, wamemeza futhi umfana, "Impisi! Impisi! Impisi isukela izimvu!" Wabahleka futhi, ebabuka begijima begibela intaba bezosiza ukuxosha impisi.

Bathola kungekho mpisi, base bethi, "Yekela ukumemeza uthi kunempisi ingekho, wenzele ukuthi umemeze mhla kumento ekuhluphayo ngempela. Musa ukuthi kunempisi ingekho!"

Emva kwesikhashana umfana wabona impisi ihamba inuka, ifuna izimvu. Wethuka wamemeza kakhulu, "Impisi! Impisi! Impisi isukela izimvu!" Abantu bavele bazithulela bebona ukuthi ubenza izilima. Akekho owakhuphuka weza kuye ukuzomsiza.

Ntambama bamangala ukubona umfana engabuyi nezimvu zabo. Bahamba baya entabeni beyomfuna. Bamthola ehlezi phansi ekhala.

"Bekukhona impisi yangempela!" kusho yena ekhala. "Izimvu zihlakazekile! Ngimemezile ngathi, 'Impisi! Nenziwe yini ukuthi ningezi?'"

Indoda endala yazama ukumduduza umfana ngenkathi bebuyela emuva emakhaya. "Sizokusiza ekuseni ukuthi weluse izimvu," kusho le ndoda. "Kodwa-ke sewuyazi ukuthi akekho umuntu othanda ukukholwa ngamanga – noma ngabe usukhuluma iqiniso."



Usuku:



Masibhale Phendula lemibuzo.

Kungani umfana amemeza wathi "Impisi!" okokuqala?



Baphatheka kanjani abantu ukukhuphuka intaba bafike impisi ingekho?

Bathini abantu kumfana ngenkathi esememeza okwesibili ethi, "Impisi!"?

Kungani abantu bengazange beze uma umfana ememeza ethi "Impisi!" okwesithathu?

Kwenzekani sekushone ilanga?

Uma bewungomunye walaba bantu, ngabe wamkholwa umfana? Ngani?

Ekugcineni, umfana abazange bamethembe bonke abantu? Lo mfana angayilungisa kanjani inkinga aze ethembeke kubantu?

Sithini isifundo sale ndaba?

Ngobani abalingiswa bale ndaba?

Kusho ukuthini ukuthi "bathukuthelele ubala"?



Masibhale Thola amagama endaben i ashokufanayo nalamagama noma amabinza.

bekhononda

wethuka kakhulu

inuka

zihlakazekile



TEACHER: Sign

Date

Sethula konke ngolimi



Masibhale

Hlanganisa lamabinzana amazwi akwesokunxele namabinzana akwesokudla wakhe isaga.

Uchakide uhlolile		sibona ngomopho.
Kulele kune ukube		kubili ngabe kuyavusana.
Isalakutshelwa		imamba yalukile.
Utshani obulele		bazokwengula.
Lala lulaza		buvuswa wumlilo.



Masibhale

Yisho ukuthi leli gama linayiphi enye incazel.

Umfana uboleke (iphini) kwamakhelwane.

Susa (inja) leyo esivimbe ngayo amakhaza esivalweni.

(Unenyon) lo mfana, ukhala noma kudlalwa.

Akawutholi umsebenzi, bathi (unesisila).

Akakhali noma bemlimazile, (unesibindi).



Masibhale

Yisho ukuthi le mishi iwumyalelo noma iyababaza yini.

Funda indaba esihloko sithi *Izicathulo ezintsha*.

umyalelo

ukubabaza

Ngiyasithanda isipho ongiphe sona!

umyalelo

ukubabaza

Hamba uyolanda incwadi entsha ekhabetheni.

umyalelo

ukubabaza

Nginqobile ngaphiwa incwadi!

umyalelo

ukubabaza

Yeka ukufunda manje, hamba uyolala.

umyalelo

ukubabaza



Uma usebenzisa **isingathekiso**, ubiza umuntu, indawo, isilwane noma into ngenye (awufanisi nje kuphela!)

isb- Umfowethu uyimvu nje.



Kunamagama avame ukubizwa ngokufanayo kodwa incazel yavo ibe ingafani kanti isipelingi sawo siyafana.



Umyalelo wumusho oyalela umuntu ukuthi enze okuthile. Uqala ngosonhlamvukazi ugcine ngongqi.

Ukubabaza kusho ukukhulumza ukhombisa ukwethuka, ukumangala noma ukujabula kakhulu.

Usuku:



Masibhale

Umngani wakho ubhale indaba, kodwa wakhohlwa ukusebenzisa izimpawu zokubhala. Msiza umfakele lapho kufanele khona osonhlamvukazi, ongqi, okhefana, onobuza, izibabazo kanye nezicaphuni.




ufakazi impisi wayehla egudla ihlathi elibizwa ngokuthi kukwanomandafu ngenkathi ebona ukukhanya okungaondakali phambi kwakhe

yini le ezibuza ufkazi eza nokuthi useyesaba kodwa ezithola esondela kulokhu kukhanya ukuze akubone kahle

sawubona kusho yena akangathola mpendulo sawubona bo ephinda futhi akwangaba nampendulo futhi masinya kwaqhamuka isidalwa sama ngaphambili kokukhanya lokho

hho kubhodla isidalwa wethuka kakhulu ufkazi manje wasuka ngelikhulu ijubane ephikelele emgedeni wakhe



Masibhale

Bhala amapharagrafu amabili akhulumu ngezingane ezimbili ezingafani eklasini lakho. Sebenzisa la magama esikuhlelele wona ukukhombisa umahluko okhona kubantwana ozobhala ngabo.

Kodwa, nokho, nakuba, ngakolunye uhlangothi, ngakolunye futhi, noma kunjalo



TEACHER: Sign Date

Isimo sezulu



Masikhulume

Xoxani ngalokhu emaqenjini enu.




Masifunde

Ukuguquguquka kwamazinga okushisa emoyeni kwenza isimo sezulu siguquke. Uma amazinga okushisa ehla, izulu livame ukubanda. Uma amazinga okushisa ekhuphuka, izulu livame ukufudumala. Izulu liyaguquka futhi uma umswakama

uguquka emoyeni noma uma isisindo somoya siguquka. Uma amazinga okushisa komoya ekhuphuka, umswakama nesisindo somoya kuvame ukukhuphuka ngasikhathi sinye.

Izangoma zezulu ziyasazi isimo sezulu, zikala lezi zinguquko bese zikwazi ukubikezela ukuthi isimo sezulu sizoba njani. Njengoba sivame ukusebenzisa ithemometha ukuhlola ukushisa emzimbeni, nezangoma zezulu zisebenzisa yona ithemometha ukukala amazinga okushisa esimeni sezulu. Zikala isimo sezulu ngamadigri eCelsius noma ngeFahrenheit. Ngalokho ziyakwazi ukusitshela ukuthi kuzoshisa noma kubande kangakanani.



Isangoma sezulu
ngumuntu
omsebenzi wakhe
ngukucwaninga
isimo sezulu.

Umoya usizungezile yonke indawo, sihlala sicindezelwe yisisindo sawo. Lesi sisindo sisibiza ngesisindo somoya. Uma uphezulu entabenzi umthamo womoya okucindezele mncane kunomthamo womoya okucindezela uma uphansi ethafeni ngasolwandle. Kanti futhi, uma amazinga okushisa komoya osizungezile ephezulu, isisindo somoya asicindezeli kakhulu. Yikho lokhu okwenza ibhaluni elinomoya oshisayo lintante emoyeni. Sisebenzisa amathemometha ukukala amazinga okushisa, kanye namabharometha ukukala ukucindezela komoya.

Okokugcina, umswakama wakhiwa ngamanzi ahwamuka phansi emhlabeni. Ngakho-ke, uma izulu lishisa, izinga lokuhwamuka kwamanzi akhe umswakama liba phezulu. Ukuphakama komswakama kusenza sijuluke kakhulu, kanti uma kuwusuku olushisayo, umoya uba nomhwamuko omningi sibe nomjuluko onamathele kithi ongawkazi ukuhwamuka uhambe nomoya.



Usuku:



Masibhale

Yiziphi izinto ezintathu ezingabangela ukuguquka kwesimo sezulu?

Uma isangoma sezulu sithi singumcwaningi wesimo sezulu, ubungoma busho ukuthini esimeni sezulu?



Ngabe ngokucabanga kwakho ukucindezela komoya kukhulu phezulu kweNtaba Yetafula noma ogwini iMuizenberg eCape Town? Yisho ukuthi ngani.

Yini esiyisebenzisa ukukala amazinga okushisa kanye nokucindezela komoya?

Uma kunomswakama omningi, umjuluko wethu awuhwamuki kalula. Yisho ukuthi ngani.

Kungani kubalulekile ngokucabanga kwakho ukukala izinto ezithintana nesimo sezulu?

Bheka ithemometha. Inamagabelo ahlelwe ngamazinga eCelsius naweFahrenheit. Ngabe sikala isimo sezulu ngamazinga eCelsius noma eFahrenheit eNingizimu Afrika?

Nikeza isiqeshana isihloko.



Masibhale

Qondanisa amagama abhalwe ngokuggamile nezincazelozawo.

ezahlukahlukene		ukuphakama
amazinga aphezulu		isisindo
amazinga aphansi		siyashintshashintsha
siyaguquguquka		kuyashisa
ukucindezela		ezingafani
ukukhuphuka		kuyabanda



TEACHER: Sign

Date

Isimo sezulu esifundazweni sakithi



Masibhale

Dweba ibalazwe lomqondo ukukhombisa ukuthi ucabanga ukuthi siqondeni ngesimo sezulu.



Kuyabanda

ISIMO SEZULU

Kunomoya



Masibhale

Sebenzisa ibalazwe lemibono ukubhala amapharagrafu amabili ngesimo sezulu.



Usuku:



Masibhale

Funda lemisho elula. Kokelezela isenzo emshweni ngamunye.

Kuyashisa namuhla.

Ngosuku olushisayo isibhakabhaka sivame ukungabi nalutho.

Izulu linomoya futhi lipholile.

Liyana namuhla.

Ngabe linamafu namuhla?



Masibhale

Guqula imisho emsebenzini wokwenziwa odlule ibe senkathini ezayo.

Khumbula ukusebenzisa isakhi-zo-ezenzweni.



Kuyashisa eGauteng. Kushisa kakhulu eLimpopo. (kodwa)



Kunokuduma kwezulu kanye nombani. Alikakaqali ukuna kakhulu. (kodwa)

Sifuna ukwazi ukuthi izulu lizoba njani nsuku zonke. Sizokwazi ukuhlela izinto esizenza zonke izinsuku. (ukuze)

TEACHER: Sign _____ Date _____

Isimo esingabekezeleleki sezulu



Masikhulume

Sebenzani ngamaqembu.

- Uke waficwa ukuduma kwezulu noma isivunguvungu esineqhwa.
- Tshela iqembu ukuthi kwenzekani, usho nokuthi waphatheka kanjani.
- Kuvamile ukuba khona ukuduma kwezulu okuhambisana nombani eGauteng. Kungani ucabanga ukuthi ukuduma kwezulu okuhambisana nombani kwenzeka njalo eGauteng kunase Western Cape, uma singenza isibonelo?



Masifunde



Kwenzeka isivunguvungu esinamandla uma umoya omningi onomswakama ofudumele unyakaza ngamandla. Umoya onomswakama ofudumele uyaphakama. Ngokuphakama kwawo kakhulu, uyaphola.

Umswakama osemoyeni uphenduka amaconsi, lokhu kubizwa ngokuhlangana kwamaconsi. Amaconsi ayahlangana akhe amafu, kulandele imvula, amatshe, iqhwa noma isichothono esiwela emhlabeni. Ukuduma kwezulu kuvame ukuba yisimo esingabekezeleki. Ngaphambi kokuthi ukuduma kwezulu kufike, kumele kube nezinto ezintathu ezikhona: umoya kumele ube nomswakama; kumele kube nengxene emhlabeni eshisayo ukuze umoya ofudumele ukhuphuke masinya, noma kube nomsinga obandayo; umoya ophakamayo kumele ufudumale ngokwanele ukuze uhlale ufudumele noma udlula kobandayo uma uphakama.

Umsinga obandayo wakheka uma umoya obandayo udlula eduze kobuso bomhlaba, bese ududula umoya ofudumele uwukhuphulele phezulu. Kuqala lapha ukuduma kwezulu. Amafu ayahlangana, kufike imvula enkulu. Ugesi osemafini uyahlukana, wakhe umbani ovamise ukwehlela emhlabeni. Umbani unamandla okufudumeza umoya owuzungezile. Lokhu kunyakaza kokushisa okwenzeka masinyane yikho okudala umsindo esiyaye siwuzwe uma liduma. Ukuduma kwezulu okuhambisana nombani kuvame ukudala izinhlekellele: izikhukhula, imililo eyenziwa wumbani kanye nokulimala kwezinto ngenxa yesichothono.



Uphakama kanjani umoya oshisayo



Usuku:



Masibhale

Kwenzeka nini ukuduma
kwezulu okwesabekayo?



Yiluphi uhlobo lwersimo sezulu oluvame ukungabekezeleleki?

Yiziphi izimo ezintathu okumele zibe khona ukuze kwenzeke ukuduma kwezulu?

Wenzeka nini umsinga obandayo?

Yini ukuduma kwezulu?

Bheka umdwebo okhombisa ukuthi umoya oshisayo uphakama kanjani. Sebenzisa umdwebo ukuchaza ukuthi imvula enkulu yenzeka kanjani.



Masibhale

Thola amagama esiqeshini anale ncazelol elandelayo.


umsindo wezulu

kuyakhanya kucishe masinya

umoya onamandla nemvula

umkhizo obandayo omhlophe

imvula engamatshe abandayo



TEACHER: Sign _____ Date _____


Isimo sezulu nemvula



Masibhale

Buka isithombe bese uhlela imininingwane ngokulandelana.

- Uma kunezimvula ezinkulu, kuvame ukuthi kube nokuduma kwezulu okuhambisana nombani.
- Ilanga livame ukufudumeza umhlaba bese kuphakama umoya ofudumele.
- Amagesi aguquka abe wuketshezi kwakheke amafu amakhulu.
- Ngenkathi umoya uphakama, uyaphola bese kubumbana umhwamuko kwakheke amafu.



Masibhale

Buka izithombe zesimo sezulu bese ubhala ipharagrafu emfushane ngesithombe ngasinye.



Usuku:



Masibhale

Bhala imisho usebenzise amagama abizwa
ngendlela efanayo kodwa anencazelو engafani.

umuthi

Kunamagama
avame ukubizwa
ngokufanayo kodwa incazelو
yawo ibe ingafani. Isipelingi
sawo siyafana. Lokhu
kubangwa ukuthi olimini
lwesiZulu isipelingi samagama
abizwa ngokufana kumele
sifane naso.

umuthi

inhloko

inhloko

incwadi

incwadi



Masibhale

Bhala imisho usebenzise la magama abizeka ngokufanayo
kodwa anencazelو ehlukile.



thetha

thetha

fuzza

fuzza

biza

biza

phisa

phisa

xoshisa

xoshisa

TEACHER: Sign

Date

Okunye ngesimo sezulu



Masikhulume

Ngabe ucabanga ukuthi amazwe ahlukahlukene anesimo esingafani sezulu ngezikathathi ezingafani zonyaka? Yichaze impendulo yakho.

Ngabe izifundazwe ezahlukahlukene eNingizimu Afrika zinesimo esifanayo sezulu ngesikhathi esifanayo onyakeni? Yichaze impendulo yakho.
Yisiphi isimo sezulu osithanda kakhulu? Nikeza izizathu zalokho.
Yisiphi isimo sezulu ongasithandi kakhulu? Nikeza izizathu zalokho.





Masifunde

ISIMO SEZULU NAMANZI

Siyazi ukuthi isimo sezulu senziwa yizinto ezahlukahlukene. Sakhwiya yilapho kuya ngakhona umoya, ukucindezela komoya, imvula, isichotho, iqhwya, amazinga okushisa, ukukhanya kwelanga, ukukhanya kanye namafu.

Siyazi futhi ukuthi yizinto ezintathu ezenza izingxenye ezintathu zesimo sezulu. Yilanga, umoya namanzi. Ilanga lisipha ukukhanya kanye nokufudumala.

Ngesinye isikhathi lishisa kakhulu; kwesinye libukeke lingenamandla lisinika ukukhanya nokushisa okuphansi; kanti kwesinye isikhathi lembozwa ngamafu singaliboni nakancane.



+

=


ISIMO SEZULU

Umoya usizungezile kanti umhlaba uwemboze njengengubo yokulala. Uma unyakaza uzwakala esikhumbeni. Uma ukunyakaza kwawo kunamandla nejubane singaphephuka.

Amanzi atholakala emifuleni, emadanyini kanye nasolwandle, atholakale nasemafini esibhakabhakeni. Ngenkathi amaconsi amancane ebambeke emoyeni osizungezile, aze enze ukuthi singaboni kahle, lokho sikubiza ngomlalamvubu noma izinkungu. Imvula ifika uma amanzi ewa esuka emafini engamaconsi amakhulu. Uma lawo manzi ebanda kakhulu sithola isichotho noma iqhwya.

Isimo sezulu sibalulekile empilweni yaho wonke umuntu.

Siyayithinta imidlalo, izingubo esizigqokayo, indlela esizwa ngayo, esikwenzayo, indlela esiziphilisa ngayo, nokunye okuningi. Isimo sezulu singakwenza ujabule – kodwa kukhona esingabekezeleki esingayenza impilo ibe lukhuni. Umoya omkhulu, njengenkanyamba nesivunguvungu, noma isichotho esinamandla kwakha izikhukhula nokusuka kwenhlabathi eningi, kubulale abantu namakhaya.



Usuku:



Masibhale

Qondanisa amagama abhalwe ngokunohlonze angakwesokunxele nezincazelo zaho ezingakwesokudla.



**lapho kuya
ngakhona umoya**

umoya unamandla kangakanani

**ukucindezela
komoya**

okunombala ompunga noma omhlophe
okusesibhakabhakeni okwakhwiwe ngamaconsi amancane
amanzi

amazinga okushisa

amanzi amancane awela emhlabeni esuka emoyeni

amaconsi

into ishisa noma ibanda kangakanani

amafu

lapho umoya uvunguza uye khona



Masibhale

Funda isiqeshana futhi bese uphendula le mibuzo.

Yiziphi izinto ezintathu ezakha isimo sezulu?

Ilanga yini elisipha yona?

Amanzi atholakala kuphi?

Kungani amanzi ebalulekile?

Ngawakho amazwi, bhala ipharagrafu usho ukuthi kungani sibalulekile isimo sezulu ezimpilweni zabantu?



Masibhale

Dwebela amabizo-senzo kule misho.

Ukubuka imvula ena ngesineke kumnandi.

Kuyavuselela ukuhamba esivandenemva kwemvula enkulu.

UDudu uthanda ukubuka ividiyo ekhulumena ngesimo sezulu.

Akunamqondo ukuphikisana ngesimo sezulu.

Ikomkhulu lesimo sezulu lithi kuzoba nesivunguvungu. Ukugibela ibhayisikili
uye esikoleni lina akuphephile.

Ibizo-senzo yisenzo
esiqala ngesiphongozo
"uku-" bese sizwakala
sengatihli siyibizo.
Isibonelo: Ukubuka
isivunguvungu
kuyethusa.

TEACHER: Sign



Date

Ukubhala okuthile ngesimo sezulu



Masibhale

Ziwe kusiphi isithombe kwezimbili lezi zinto? Nikeza lokhu ngakunye inombolo 1 noma 2.



1



2




Masibhale

Bhala ipharagrafu ngesithombe ozochaza kuso uhlobo lwesimo sezulu. Ungasebenzisa amanye alamagama encazelweni yakho. Uma sewuwabhalile amapharagrafu akho wanike umngani awafunde alungise amaphutha.

Amafu amnyama anolaka, umbani, ukuduma kwezulu okudonsa isikhathi eside, ukuthukuthela kwesibhakabhaka, amaconsi amakhulu emvula ashaya enhlabathini, isivunguvungu, ukuduma okuvala izindlebe, umoya ovunguzayo



Izwe liphenduka liba nsundu ligcwala uthuli, akusekho tshani, umfula womile, ukushisa okukhulu kwelanga, kunuka uthuli, isibhakabhaka siba mhlophe, amakhasi otshani omile, ilanga liyibhola elibomvu lomlilo, umphimbo owomile



Usuku:



Masibhale

Dwebela izabizwana zoqobo kulesi siqeph
esikhuluma ngesimo sezulu.

"Ngiyisangoma sezulu. Ngidinga ukubona amafu nesivunguvungu
esivela phezulu. Ngifuna ukuthumela emkhathini ikhamera yona
ezongisiza ukwenza isibikezelo sezulu."

"Kulungile. Nginawo umbono wokuthi kungenzeka kanjani lokho!"

"Ngempela? Ungayithumela kanjani ikhamera emkhathini, bese uzithola kanjani zona izithombe
zayo lapha emhlabeni?"

"Empeleni masiqale ngokukhuluma ngokuthi izinto zithunyelwa kanjani emkhathini zihlale khona
zingaweli emuva emhlabeni. Ake ucabange ibhola legalofu. Ubaba ungumdlali omuhle wegalofo. Uma eshaya ibhola ngenduku yalo lihamba ibanga elide. Kodwa uma elishaya ephezulu entaben,
lihamba ibanga elide kakhulu impela. Ukuba ubaba ubeqatha njengo Superman, ubezolishaya
kakhulu lintweze lijikeleze umhlaba."



Masibhale

Bhala imisho yakho usebenzise lezi zabizwana.

yona

yena

thina

nina

mina



Masibhale

Bhala imisho yakho usebenzise amagama anefuzamsindo.



ubudukluduklu

ubutsegetsege

isivunguvungu

ubuphaxaphaxa

ubuswebeswebe

Ifuzamsindo
libhekise emagameni
anemisindo
ezwakala niengento
okubhekiswe kuyo.
Isibonelo: "Insimbi ithi
nkentenkente."

TEACHER: Sign

Date



Masikhulume

Chazela iqembu lakho ukuthi izulu linjani namuhla. Ngabe liyashisa, liyabanda noma linemvula? Ngabe izulu liyafana ebusika nasehlobo? Ukuphi umahluko?


Uma lishisa kakhulu, yiziphi izinto esienza esikoleni? Uma libanda kakhulu, yiziphi izinto esienza esikoleni? Lalela isibikezelo sezulu emsakazweni noma kumabonakude, bese wenza isibikezelo sezulu usethule eklassini.



Masifunde

Namuhla sizofunda ibalazwe lesimo sezulu.

Ukhiye
libalele
lithe gqabagqaba ngamafu, linemvula
lithe gqabagqaba ngamafu
linamafu nemvula
lithe gqabagqaba ngamafu, liyakhithika
liyakhithika
liyaduma
liyana liyaduma
linomoya



IBALAZWE LESIMO SEZULU

Usuku:



Masibhale

Buka ibalazwe lesimo sezulu bese uphendula le mibuzo.



Ngabe izulu linjena ngempela esifundazweni sakini?


Linjani izulu kwezinye izifundazwe? Esisodwa isifundazwe asizuba nalutho ngoba ngesakho.

iGauteng	
iLimpopo	
iMpumalanga	
KwaZulu-Natali	
iFree State	
i-Eastern Cape	
iWestern Cape	
iNorthern Cape	
iNorth West	



Yiziphi izingubo abazozigqoka abantu base-Eastern Cape uma izulu linje?



Yikuphi lapho izulu lilihle khona? Kungani usho kanjalo?



Yikuphi lapho izulu libili khona? Kungani usho kanjalo?

Yimaphi amazinga aphansi naphezulu esifundazweni ngasinye?

Isifundazwe	Amazinga aphansi	Amazinga aphezulu
eGauteng		
eLimpopo		
eMpumalanga		
KwaZulu-Natali		
eFree State		
e-Eastern Cape		
eWestern Cape		
eNorthern Cape		
eNorth West		



TEACHER: Sign _____ Date _____

Sibheka isimo sezulu okokugcina



Masibhale

Yenza sengathi uzokwethula isimo sezulu kumabonakude usebenzisa ibalazwe elisekhasini 64.





Bhala usho ukuthi uzothini ngesifundazwe ngasinye. Khetha ukuthi uzoqala kuphi nebalazwe – uzoqala phezulu noma phansi? Uzowabhala uwalandelanise kanjani amagama ezifundazwe? Uzowabhala uwalandelanise kanjani amaphuzu athinta isimo sezulu?

Okokuqala, yenza ibalazwe lemibono ngezinto ozozisho.



Masibhale

Bhala manje isibikezelo sakho sezulu. Cela umngani wakho ukuthi akufundele akulungisele namaphutha uma kudingeka.



Usuku:



Kokelezela isenzo bese udwebela isandiso emshweni ngamunye. Yisho ukuthi isandiso sichaza ukuthi isenzo senzeka kuphi, noma nini, noma kanjani.



U-Andile uhambe kusenesikhathi ngoba bekubukeka sengathi lizona.

Liqale ebusuku ukuduma izulu.

Lidume kakhulu izolo.

Line usuku lonke izolo.



Masibhale Bhala imisho usebenzise lamabizosimo.

uthando	inzondo	ukuba nesibindi	inhlupheko	impumelelo
---------	---------	-----------------	------------	------------



Masibhale Bhala imisho emibili usebenzise igama ngalinye.

isibindi (ukungesabi)

isibindi (esisemzimbeni)

inkomo (isilwane)

inkomo (ongakwazi ukudlala ibhola)

indlela (okuhanjwa kuyo)

indlela (yokwenza into)

Uma igama eliodwa
linezincazelo eziningi
sithi yigama
elimqondomningi.

Nasi isibonelo:

Ngabe ungumntwana
esikoleni iMpumelelo?

UThembi ngumntwana
wasebukhosini.



TEACHER: Sign

Date

Ukuzihlola



NGIYAKWAZI MANJE

ukunikeza isiqeshana isihloko		
ukuqondanisa amagama nezincazelo zawo		
ukwenza ibalazwe lemibono ngesimo sezulu		
ukusebenzisa ibalazwe lemibono ukubhala amapharagrafu ngesimo sezulu		
ukukhomba izenzo kanye namagama aphikisanayo emishweni		
ukuguqula imisho iye enkathini ezayo		
ukuhlanganisa imisho ngisebenzisa izihlanganiso		
ukufunda ngiqonde imidwebo yesimo sezulu		
ukusebenzisa imidwebo ukukombisa imbangela nomphumela		
ukusebenzisa imidwebo ukulandelanisa imininingwane		
ukubhala amapharagrafu amayelana nemidwebo		
ukubhala imisho ngisebenzise amagama anemisindo efanayo nencazelo efanayo		
ukwethula umbono		
ukubhala ipharagrafu ngethule umbono		
ukukhomba izakhi ezithile		
ukuqondanisa izithombe nezinto		
ukukhomba ngibhale imisho ngisebenzisa izabizwana zoqobo		
ukubhala imisho ngisebenzisa ifuzamsindo		
ukulalela isibikezelo sezulu bese ngethula esami		
ukufunda ibalazwe lesimo sezulu		
ukuphendula imibuzo ngebalazwe lesimo sezulu		
ukubikezela isimo sezulu		
ukulungisa amaphutha embhalweni		
ukukhomba izenzo nezandiso emshweni		
ukubhala imisho ngisebenzisa amabizosimo		
ukubhala imisho ngisebenzisa amagama afanayo kodwa anencazelo engafani		
ukukhuluma nokulingisa inganekwane		
ukudlulisa amehlo nokufunda inganekwane		
ukuphendula imibuzo ethile ebhekiswe enganekwaneni		
ukukhomba ifuzamsindo nokusebenzisa amagama anemisindo efanayo		



ukuchaza ukuthi izithombe zisiza kanjani ukufunda uqonde

ukukhomba imisindo yezilwane

ukunikeza umbono wami

ukukhomba ukusebenza kwabacaphuni

ukuxhumanisa izincazelo zamabinzana amagama

ukusebenzisa ishadi ukulungiselela ipharagrafu echazayo

ukuphinda ngibhale imisho ibe yinkulumbo-mbiko

ukwenza imibuzo ngezitatinende

ukuxoxela iqembu lami indaba

ukukhomba umbono omkhulu, abalingiswa abaqavile, lapho indaba yenzeka khona kanye nesifundo endaben

ukuqondanisa amagama nezincazelo zawo

ukubhala ipharagrafu echazayo

ukuqondanisa izaga nezincazelo zazo

ukubhala inkondlo yezilwane ngisebenzise isenzasamuntu

ukuxoxa indaba ngendlela yekhathuni

ukufingqa indaba

ukusebenzisa ibalazwe lemibono ukulungiselela ukubhala inganeko

ukuhlanganisa imisho ngisebenzisa izihlanganiso

ukubhala izabizwana zoqobo esikhundleni samabizoqho

ukukhomba amabizomvama

ukuqondanisa amabinzana nezincazelo zawo ukwenza izaga

ukudwebela amagama anemisindo efanayo

ukusho ukuthi umusho uyababaza noma uwumyalelo yini

ukuphinda ngibhale ipharagrafu ngisebenzise izimpawu ezifanele

ukubhala amapharagrafu amabili ngisebenzisa izihlanganiso

ukukhuluma ngesimo sezulu endaweni kanye nasezweni lonkana

ukufunda itekisi elimayelana nesimo sezulu

ukuphendula imibuzo ethile mayelana netekisi

Indikimba 7: Izinhlobo ezahlukahlukene zezindaba

izindaba Ithemu 4: Amasonto 1 - 2

- 97 Izinto azihambi kahle ngobungani obuthile** 70
 Ukhulumula ngokugcina idayari.
 Ufundu indaba ekudayari.
 Uphendula imibuzo ethile ebhekiswe endabeni.
 Uyasho ukuthi luhlolo luni lombhalo.
 Ubikezela ngolwazi oluthile.
 Uhlanganisa indaba nempilo yakhe.
- 98 Engingakubhala kudayari yami** 72
 Uqondanisa amagama nezaga kanye nezincazelo zazo.
 Wakha ibalazwe lemibono ukuze alungiselele ukubhala idayari.
 Ubhala idayari.
 Ukhomba amabizo, izichasiso kanye nezandiso emishweni.
- 99 Ukuntanta egagasin eliphakeme** 74
 Ukhulumula neqembu ngemidlalo yangaphakathi neyangaphandle.
 Ufundu incwadi ngokuhamba ngesikebhe esuka eCape eya eCairo.
 Uphendula imibuzo ethile ebhekiswe esiqeshini.
 Ubikezela ngemidati yolwazi.
 Uniyeza izizathu zezipendulo.
 Ukhomba umahluko phakathi kwencwadi enezimiso nengenazo.
 Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.
- 100 Sixhumana noCelani** 76
 Uhlela ukubhala incwadi elandela ibalazwe lemibono.
 Ubhala incwadi.
 Ubhala izabizwana esikhundleni samabizo.
- 101 Indaba emfushane** 78
 Ukhulumula neqembu lakhe ngomculo.
 Ulingisa indaba.
 Ufundu indaba. Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.
 Uphendula imibuzo ethile ebhekiswe endabeni.
 Uphendula imibuzo ngabalingiswa, ngendikimba nangesakhwi.
 Wethula imibono. Uniyeza indaba isihloko.
- 102 Ukubhala kungumlalo omnandi** 80
 Ubhala incwadi.
 Ulingisa amaphutha encwadini.
 Usebenzisa isenzeko emishweni.
 Uphinda abhale ipharagrafu esebeenzisa osonhlamvukazi ngokuyikho.
 Uhlukanisa amagama ngamalunga.

103 Ithemu entsha esikoleni 82

Uxoxa ngokubuyela esikoleni neqembu lakhe.
 Ufundu indaba ngokubuyela esikoleni.
 Uphendula imibuzo ethile ngendaba.
 Ufinyeza indaba.
 Wethula imibono.
 Wenxa isibikezel.

104 Ukubhala imibono ngencwadi efundiwe 84

Ubhala ngencwadi efundiwe abhale ngendlela enikeziwe.
 Ukhomba inhloko kanye nomenziwa emishweni.
 Ubhala imisho ngokwemiyalelo.
 Ubhala esebeenzisa indlela yesimo.
 Ukhetha igama elingena kahle ebinzeni.
 Ulandelanisa amagama ngokwealfabhethi.

Amatekisi anemidati yolwazi Ithemu 4: Amasonto 3 - 4

105 Izingwe 86

Ukhulumula ngesiqiwu sezilwane kanye nezu.
 Ufundu itekisi ngamaqiniso athinta izingwe.
 Uphendula imibuzo ethile ebhekiswe etekisini.
 Wedlulisa amehlo emidatini yolwazi.
 Uniyeza izizathu zezipendulo.
 Ukhomba iphuza elikhulu kanye nenhoso yombhalo.
 Ukhomba amaquiniso nemibono.
 Uphendula imibuzo ngezinto azinikiwe.
 Wethula incazelo yezaga.

106 Okunye ngokubhala ngezinto ezingamaqiniso 88

Ukhomba umahluko phakathi kwamaqiniso nemibono.
 Ukhomba amaquiniso nemibono ohlwini lokuqukethwe.
 Ubhala ngezilwane zasendle esebeenzisa indlela ayinikiwe.
 Usebenzisa ulimi olunembayo.
 Uguqula amagama aphikisanayo avumelane.

107 Ukufunda izindaba 90

Ufinyeza aphinde afunde indaba esephephabeni.
 Uqedela ikhadi lempiphumela.
 Ufundu udaba olusephephabeni.
 Uphendula imibuzo ebhekiswe odabeni lwepephandaba.

Uxoxa ngesihloko sephephandaba.
 Wedlulisa amehlo odabeni lwepephandaba ukuthola ulwazi ngayo.
 Uthola ukuthi iyiphi ipharagrafu efinyeza udaba lwepephandaba kahle.
 Uthola ukuhlobana phakathi kodaba nesithombe ephephabeni.
 Ukhomba iphuza eliphambili odabeni lwepephandaba.
 Uqondanisa amabinzana namagama.

108 Ukuzijwayeza ukubhalela iphephandaba 92

Ubhala umbiko ngephephandaba ngendlela ayinikiwe.
 Uhlanganisa imisho eqondile ukwakha imisho emagatshagatsha esebeenzisa izihlanganiso.

109 Sigibela Intaba Yetafula 94

Ukhulumula ngeNtaba Yetafula.
 Ufundu ibhrosha ngeNtaba Yetafula.
 Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.
 Ufundu isiqeshana aphendule imibuzo.
 Wethula umbono.

110 Okunye ngentaba 99

Ulungiselele ukubhala umbiko ngeNtaba Yetafula.
 Ubhala umbiko ngeNtaba Yetafula esebeenzisa indlela ayinikiwe.
 Udweba ibalazwe. Ukhomba ibizo, isichasiso kanye nesandiso.
 Uphinda abhale afake osonhlamvukazi.
 Uhlukanisa amagama ngamalunga.

111 Siya endaweni enezilwane 98

Uxoxa ngeKruger National Park.
 Ufundu indaba ekhulumula ngeKruger National Park ephephabukwini.
 Uphendula imibuzo ngendaba esephephabukwini.
 Ukhomba amaquiniso nemibono.
 Uphendula imibuzo ngebalazwe.
 Ukhomba incazelo yezaga.

112 Mayelana nokuhamba ngezinyawo 100

Ubhala umbiko ngendlela ayinikiwe.
 Ukhomba isenzeko.
 Usebenzisa amagama amiqondo-miningi.
 Ukhomba indlela yesenzo emishweni.
 Ubhala imisho esebeenzisa amagama anemisindo efanayo nezincazelo ezingafani.

Izinto azihambi kahle ngobungani obuthile



Masikhulume

Xoxani ngalokhu emaqenjini enu.



Masifunde

Funda le ndaba ecashunwe encwadini ethi *Diary of a Wimpy Kid – Hard Luck*, ebalwe ngu Jeff Kinney.



NgoLwesine

Sekudlule amasonto amabili mina nomngani wami wakudala omkhulu, uRowley Jefferson, saba nengxabano enkulu. Empeleni, bengcabanga ukuthi uzobuya **egaqa ngamadolo** kumanjena nje, kodwa-ke akusenzekanga.

Sengqala ukuphatheka kabi khona ngoba izikole ziyavulwa ezinsukwini ezimbawla ezizayo, kanti uma sehluleka ukuqala phansi sibe **ngamathe nolimi**, kumele kube khona esikulungisayo masinya. Uma kungathiwa mina noRowley sesixabene okokugcina, kungaba nzima, ngoba besifana **nezithupha ziya ogwayini phela**.



Manje njengoba ubungani bethu **sebufana nephupho**, ngisemkhankasweni wokuzingela umngani omusha. Inkinga enginayo ukuthi sengisuke ngazinikela kakhulu kuRowley, ngalokho anginaye umuntu engingathi angathatha isikhala sakhe.

abantu ababili engingathi ngisabathandile ngu Christopher Brownfield noTyson Saunders. Ukuthi nje bona ngamunye baneszindaba zabo. Ngike ngasondelana noChristopher emasontweni ambalwa adlule, ngokuthile ungumuntu okuvumayo ukuthi umuntu amjwayele. Ukuthi umuntu onjengo Christopher kulungile ukuthi abe ngumngani ehlobo kuhela, hhayi umngani wasesikoleni ongathatha unyaka wonke usondelene naye. UTyson ukahle yena ngoba sobabili siyayithanda imidlalo yevidiyo, kodwa akajwayeleki ngezindlela eziningi. Angiboni ukuthi angaba ngumngani isikhathi eside.

Omunye umntwana ongenamngani futhi ngu Fregley, ukuthi yena ngamkhapha kudala nje enhliziyweni.

Khona-ke **amasango ngisawavulile**, ikakhulu kuRowley, uma inhlahlia ingahle ibe khona. Kodwa uma esafuna ukuthi sibe ngabangani, kumele asheshe asukume.

Uma ngibheka nje akasenakuvela njengomuntu ongaconsi phansi empilweni yami.



Usuku:



Masibhale

Lombhalo ucashunwe emazwini abhalwe kudayari. Bhala izinto ezimbili ezikhombisa ukuthi uthathwe kudayari ngempela.

Yini emkhathazile umbhali waledayari?

UGreg, ongumbhali wale dayari, ucabanga ukuthi uRowley bekumele abuye azoxolisa, kodwa akakwenzile lokho. Kungani engezanga ukuzoxolisa kuGreg ngokubona kwakho?

UGreg kunabanye abantu akhulumu ngabo abangaba ngabangani kuye, kodwa akaboni ukuthi bafanelekile. Kungani ecabanga ukuthi ngeke kuvume abe ngumngani nabo?

Ngabe umbhalo onje unezimiso noma cha? Yisho ukuthi kungani ucabanga kanjalo.

Usola ukuthi yini ezokwenzeka kuGreg nalobu bungani? Bhala ipharagrafu engaba yingxene ye dayari emelwe wukubhalwa nguGreg.

Wake waxabana nomngani wakho omkhulu wena? Bhala ipharagrafu usho ukuthi kwenzekani.

Engingakubhala kudayari yami



Masibhale

Dweba umugqa uqondanise amabinza athathwe
esiqeshini nezincazelo zawo.

eze egaqa ngamadolo
Izithupha ziya ogwayini
amasango ngisawavulile
angamela osehambile
sekukhohlakele
banezinkinga ezibahluphayo

banezindaba zabo
sebufana nephupho
angathatha isikhala
ngilindile ukuthi kube khona ozayo
abangani abafanelene
ebuye azoncenga



Uzobhala okuthile kudayari, kodwa qala ngokukulungiselela.

Uzobhala udaba oluthathe izinsuku ezintathu. Okokuqala bhala
ngobungani obungahambanga kahle; okwesibili ubhale ngokuthi
uphatheke kanjani emva kwalokho; okwesithathu usho ukuthi
zinyathelo zini ozozithatha ngalokhu. Ungakhohlwa ukunika
isehlakalo ngasinye usuku.

Yenza ibalazwe lemibono ukulungiselela idayari yakho.

Masibhale



Ukubhala idayari



Usuku:



Masibhale

Sebenzisa ibalazwe lemibono ukubhala okuthile kudayari. Uma uqeda, cela umngani akuhlolele akulungisele namaphutha uma kudingeka. Emva kwalokho phinda ubhale umbhalo wakho ngobunono ekhasini elihle.

Handwriting practice lines for the sentence above.



Masibhale

Funda lemisho. Emshweni ngamunye kokelezela ibizo, udwebele isichasiso bese ugqamisa isandiso ngombala ophuzi.

Izikole zizovulwa masinya.

Umngani wami omkhulu ubengivakashele ekhaya.

UFregley uhamba kancane.

URowley kumele kube khona akwenzayo masinya.

Ingxabano kaGreg nomngani wakhe yathatha isikhathi eside.



TEACHER: Sign

Date

Ukuntanta egagasini eliphakeme



Masikhulume

Xoxa nomngani wakho ngemidlalo yasendlini neyangaphandle. Xoxani ngemidlalo esiyidlalela ezweni kanye naleyo esiyidlalela emanzini. Ungathanda yini ukugibela isikebhe soseyili? Yisho ukuthi ngani. Kumele ube ngumuntu onjani uma ufisa ukuntanta ngesikebhe soseyili?




Andile othandekayo

Njalo emva kweminyaka emithathu, kuba nomjaho obizwa ngeCape to Cairo. Kulo nyaka ngiwungenele ngesikebhe soseyili! Angazi ukuthi ngakuxoxela yini ukuthi umkhulu wayengumdobi, ubaba engumakhi wezikebhe. Izikebhe ngiphile nazo isikhathi eside empilweni yami. Ngenkathi ngisemncane sasinesikebhe esincanyana, ubaba wayevame ukusithatha ngaso aye nathi eZeekoevlei. Ngelinye ilanga ngabona izingane ezincane zihamba ngesikebhe zodwa, kwasuka lapho ukuthi ngizibone nami sengihamba ngesikebhe ngedwa.

Masifunde



Sengimdal-ke manje, ngikhulile, sengingenenele nemiqhudelwano, eminingi ngayinqoba. Nokho, kuthe uma ukaputeni wesikebhe soseyili engishayela ucingo ekhuluma ngeCape to Cairo, ebuza ukuthi ngingathanda yini ukuhamba naye, angangakholwa yinhlanhla engaka! Kwaba yinto enkulu kabi lena empilweni yami!




Lwaba mnandi uhambo! Usuku nosuku belunento engijabulisayo. Sabona amahlengerethwa kanye nezinhlanzi eziningi kulezi ezivame ukugxuma emanzini. Ngelinye ilanga lezi zinhlanzi zaba ningi ngangokuthi zacgina sezizishayisa kithina!



Ingcindezi yasemanzini yangiphatha kanye – ngosuku lokuqala – kanti ngisethuke kanyeohanjeni lulonke, kwakungenkathi kunesicho tho ulwandle lukhukhumele kakhulu – lwaluphakeme ngangezindlu ezinezitezi ezimbili.



Kwaba yithi abesibili ukufika eRio de Janeiro, ulwandlekazi saluwela ngezinsuku eziyishumi nanhlanu kuphela.




Ngaphathea kabi uma sifika ekhaya ngoba kwakusemnandi khona nje ukuhamba olwandle. Kodwa kwaba khona nokujabulela ukubona izwe.

Nakuba ngizilungiselela uMjaho Womhlaba, ngethemba ukuthi sizoshesha sibonane futhi.

Ngiyabonga


Yimi uCelani



Usuku:



Masibhale




I Cape to Rio yenzeka nini?

Ngabe udumile lomjaho? Nikeza izizathu zempendulo yakho.

Yini eyabangela uCelani ukuthi abe yingxene yalo mjaho?

UCelani akasho ukuthi mdala kangakanani njengoba ekulomjaho nje. Wena ucabanga ukuthi mdala kangakanani?

Ngabe uCelani unekhono lokuhamba emanzini? Nikeza izizathu zempendulo yakho.



Yimuphi umjaho wezikebhe obulokhu uhlezi enhliziyweni yakhe?


Yiziphi izinto ezimbili ezenzeka ehamba ngesikebhe?

Ngabe le ncwadi ngenemigomo noma cha? Nikeza izizathu ezintathu zempendulo yakho.



Masibhale

Qondanisa amagama abhalwe ngokunohlonze nezincazelo ezisetshenziswe wuCelani encwadini. Bhala amagama anohlonze esichazamazwini sakho.



gqamisa	dwebela	heha amehlo	ingxene enhle	gcizelela
khuphuka	vuvuka	qumba	futheka	phakama
ingcindezi yolwandle	ukuguliswa wulwandle	ukuntanta olwandle	ixhala	ukuphatheka kabi
ukuqhudelana	ukubhekana	ukucelana inselelo	ukudlala	ukuncintisana

TEACHER: Sign

Date




Masibhale

Yenza sengathi ungu-Andile. Bhala incwadi uphendule uCelani. Encwadini yakho tshela uCelani ukuthi awuve sewufisa ukumbona nioxo, uzwe kabanzi ngohambo lwakhe lwasikebhe. Mtshele ukuthi wena bewenzani ngenkathi esolwandle yena. Ekugcineni, mtshele ukuthi umhlelele inkulomo nabomsakazo kanye nabakwamabonakude uma ebuyela ekhaya, nokuthi yini okumele ayisho ngesikhathi sengxoxo.

Ungakhohlwa wukuthi yincwadi yobungane lena, ngakho kumele izwakale ukungabi nazimiso.

Qala ngokuyilungiselela incwadi yakho. Emva kokuyilungiselela, cela umngani wakho akubhekele yona, akusize ngokulungisa amaphutha uma ekhona. Emva kwalokho bhala incwadi yakho ngobunono encwadini yakho yokusebenzela.

Incwadi eya kuCelani



Usuku:



Phinda ubhale lemisho. Esikhundleni samagama adwetshelwe sebenzisa izabizwana ezifanele. Sebenzisa lezi zabizwana ezingezansi.



yona

yena

thina

bona

zona

UKapteni uPita wayecabanga ukuthi uKapteni uPita uzowunqoba umqhudelwano iCape to Rio.

Ngapholisha izibambo zebhodlela ukuze izibambo zebhodlela zicwebezele.

Ngahlangana nawoSamsoni noJoni okokuqala, ngabona ukuthi oSamsoni noJoni ngiyabathanda.

Mina noSamsoni sasigeza izitsha, kodwa uSamsoni abuye azesule.

Ngikhulumile nenduna ukuthi induna akufanele iphatheke kabi.

TEACHER: Sign _____ Date _____



Masikhulume

Ikuphi iBo-KAAP? Uma kungukuthi ufunu ukuyazi buza uthisha, noma uye emtatsheni wezincwadi ukuze uthole ukuthi yindawo ekuphi.

Uyawuthanda umculo? Luhlobo luni lomculo othanda ukululalela? Ucabanga ukuthi kubalulekile ukuthi uqhubekе nokufunda uma sewuqede isikole? Yisho ukuthi ngani.

Ufunu ukufundelani uma sewuqede isikole? Yisho ukuthi ngani. Uma sewuyifundile indaba, yilingise kanye nabangani abaseqenjini lakho. Khethani izindawo endabeni enithanda ukuzilingisa. Uma nilingisa, khumbulani ukusebenzisa amehlo ukuxhumana nezethameli ngenkathi nenza izinto ezsimeiqondweni yenu. Ningakhohlwa ukulingisa izinto ezenzeka endabeni ngokulandelana kwazo.

UMnu Bhengu wayemude, emncane ngomzimba, ethe ukuba mnyama ngebala, izinwele zimhlophe wu. Igama lakhe kwakunguMaguduza Bhengu. Uyise noyisemkhulu babengamatilosи, kanti unina wayezalwa kwelaseMalawi.

UMaguduza Bhengu wayehlala endlini enamakamelo amathathu eMgwaqweni uChiapinni eBo-KAAP. Ngenkathi uMaguduza esowlandle, unina wayebheka indlu ukuthi ihlale ikahle ihlanzekile, ukuze uMaguduza aphile kahle aye nasesikoleni ejabulile.


Ngenkathi emncane uyise wamthengela isicingci okuthiwa yibhanjo. Sasinenhloko eyindilinga, sinomqala omude kanye nezintambo ezine. Uma uyise efikile ephuma olwandle wayemfundisa ukudlala lesi sigingci.

Ngezimpelasonto lo mndeni waseMalawi bewuhlangana uhlale ndawonye. Bekuba nomculo kudanswe kuculwe, noMaguduza adlale ibhanjo yakhe. Wagcina esengumculi ovelele. Uma eseqlalile ukudlala isicingci sakhe wonke umuntu ubekhamisa, kuthi uma eqeda kushaywe ihlombe kuhalaliswa kube sengathi yingelosi ebidlala lo mcupo.

Uthe uma eneminyaka eyi-12, abantu bamupha igama likaBhanjo, wagcina ebizwa ngoBhanjo impilo yakhe yonke. "Uma ngijeda laphaya esikoleni semfundo ephakeme, ngizoya enyuvesi," etshela unina. "Ngifuna iziqu zomculo."


Labehlela ibhadi nokho. UBhanjo washiyya nguyise, kwadingeka ukuthi ayofuna umsebenzi ukuze ondle unina. Emva kwalokho unina washona naye. UBhanjo wakhetha ukuyosebenza olwandle. Waqongelela imali wadlala nebhanjo yakhe njalo. Emva kweminyaka emihlanu wabuya weza ekhaya, waqedela Ibanga le-12 esikoleni sabadala, wasuka lapho waya enyuvesi wayofunda umculo.

Ngenkathi efunda, wayefundisa abanye abafundi izifundo zomculo bese efundisa nabantu abadala ukufunda nokubhala. Udumo lwakhe lwasakazeka yonke indawo, abantu abavela ezindaweni eziningi beza kuye bezothola izifundo zomculo.



Masifunde

UBhanjo wathola iziqu zomculo eseneminyaka engamashumi amathathu ubudala. Waqondana ngqo nezifundo zesikingci esijwayelekile, kodwa ibhanjo yahlala njalo isenhliziyweni yakhe. Wayekhuphuka ayohlala phezulu entaben iSigqini, adlale ibhanjo yakhe ehlezi otshanini obuluhlaza. Kuthe noma eseneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nambili, wayikhehla elijabulile, eligculisekile.



Dweba imigqa uqondanise amagama abhalwe ngokunohlonze nezincazelo zaho. Bhala amagama awuhlonze esichazamazwini sakho.

ibala lesikhumba
kuvamile
ukumangala
inhlekelele
imbangalusisi

ubuhlungu obukhulu
ukukhexa
kwenzeka njalo
udlame
uyakhanya noma umnyama

Masibhale Funda isiqephu futhi uphendule le mibuzo.

Ngubani iqhawe lalegendaba emfushane?

Ngubani oxoxa indaba? Kokelezela impendulo yakho kulezi ezingezansi.

uBhanjo

Unina

Umuntu wesithathu – owazana noBhanjo

Yisho ukuthi kungani ucabanga kanjalo.

Yenzeka kuphi indaba? Ngabe umbhali uyenze indawo kwangathi ngeyangempela?

Ukwenze kanjani lokho?

Sinjani isakhiwo sale ndaba? Kwenzekani?

Yiluphi udweshu olukhona endaben? Sigmene sikhona isixazululo?

Liphuma kanjani iqhawe ebunzimeni.

Uyijabulele le ndaba? Yisho ukuthi ngani.

Nikeza indaba isihloko.



Masibhale

Yenza sengathi uBhanjo wakufundisa okuthile eminyakeni eminingi edlule, ngalokho naba ngabangani. Uthe uma eshona, wakhetha ukubhala incwadi uyise emndenini ubatshela ukuthi kungakanani owakwenzelwa nguBhanjo empilweni yakho.

Bhala incwadi. Uma sewuyibhalile, cela umngani akufundele yona alungise amaphutha uma kudingeka.

Kupharagrafu yokuqala, gcizelela ukudumala kwakho ngokushona kwakhe.

Kupharagrafu yesibili neyesithathu, cacisa ukuthi uMnu uBhanjo wenzani ebaluleke kangaka kuwe nakwabanye.

Kupharagrafu yokugcina, khuluma ngezinto azizuzile empilweni yakhe nokuthi umphakathi uzomkhumbula kangakanani.



Usuku:



Masibhale

Sebenzisa lamagama nezakhi ukuqedela le pharagrafu engezansi.

e-

phezulu

ngaphansi

no-

yakhe

ukwenza

bevela

UMnu Bhanjo wayehlala [red box] Bo-Kaap. Wayehlala [green box] ndlini [blue box].

Wayethanda ukuhlangana [pink box] mphakathi adlale ibhanjo [orange box] elangeni

[purple box] kwestihlahla. Wayekholwa ngukuthi ukufunda kubalulekile, wayesekhetha
ukuyokwenza umatikuletsheni. Wayethanda ukuya [cyan box] maklasini. Waqala wafundisa

abafundi abanye [red box] umsebenzi wabo ukuze bangasaleli emuva. Wafundisa kahle,

abantu beza kuye [blue box] kulo lonke elaseCape bezofunda.



Masibhale

Phinda ubhale le pharagrafu usebenzise osonhlamvukazi lapho
kudingeka khona.

umnu ubhanjo wayehlala ewestern cape emgwaqweni uchiapinni endaweni okwakuthiwa
yibo-kaap. igama lakhe langempela kwakungumaguduza bhengu ehlala nonina owavezalwa
kwelasemalawi. umnu bhanjo wayesekhulile ngenkathi efundela umculo enyuvesi. nokho,
wayethanda ukudlala ibhanjo yakhe entaben.



Masibhale

Hlukanisa la magama ngamalunga bese ushaya izandla elungeni ngalinye.

Isibonelo: i/si/khu/mba: amalunga mane.

impelasonto	imvamisa
inyuvesi	imbangalusizi
wanelisiwe	uzimisele



Masikhulume

Uphatheka kanjani uma kuvulwa izikole? Uyadumala noma ujabula kakhulu?

Uphatheka kanjani uma usekласini elisha elinothisha omusha?
Yini ovama ukuba nesifiso sokuyibona yenzeka eklасini elisha?



Masifunde

Kwakuwusuku lokuqala kubuyelwe esikoleni emva kwamaholidi. Kwakungemva kwamaholidi enyanga yonke, kade kumnandi.

Kodwa oLili noZakhe noKhetha babengaphathekile kabi ukuthi sezivuliwe izikole. Babejabule kakhulu.

Bobathathu bazithola sebesenkundleni yesikole yokudlala beqalaqalaza. Akukho lutho olwaluguqukile. Isikole sabo iNjabulo sasisenjalo nje njengakuqala.

Isakhiwo sesikole sasisidala sesize saba nsundu. Indawo yokupaka izimoto yayigcwele izimoto zothisha. Amapulangwe enkundleni yokudlala ayemadala eseze amnyama. Inkundla lena yayinezimpawu zebhola lezinyawo, izindawo zabalandeli zilindile vele ukuthi kuzoqala kudlalwe.

“Uyaqala umdlalo ekuseni?” kubuza uLili.

OZakhe noKhetha banqekuzisa amakhanda.

UZakhe wayemfushane esigqiqqana, enezinwele ezimnyama ezelukiwe.

UKhetha emude enobuso obuncane obude.

“Niyazi, angisakwazi ukulinda,” kusho uZakhe.

“Nami,” kuvuma uKhetha.

ULili washo elokhu ephulula izinwele zakhe ezimhlophe wathi, “Kade sagcina ukudlala ibhola lezinyawo.”

Kwase kuyisikhathi eside impela begcinile ukudlala ibhola lezinyawo.

Isikole sabo sasiphakathi nedolobha. Unxantathu esasakhiwe kuwo wawuseduze komgwaqo ophithizelayo kanti kwakunojantshi wesitimela ezinhlangothini.

Izitimela zaziduma kube nomsindo esikoleni usuku lonke.

Lapho kwakuhlala khona uLili nabanye edolobheni kwakunezindlu eziningi ngangokuthi kwakungenasikhala sezinkundla namapaki, kungekho sikhala senkundla yebhola lezinyawo. Indawo okungukuphela kwayo abantwana ababedlalela kuyo ibhola lezinyawo kwakuyisesikoleni.

UZakhe wahlikihla izandla wayesebuza, “Niyibonile leya 4x4?” OMadeli, noLili bamemeza bethi, “Ngekathisha wethu omusha! Ubani oseke wambona?”

Bonke banikina amakhanda.



Usuku:



"Kusho ukuthi ukahle uma uthenge i-4x4," kusho uZakhe ezwa kakhala insimbi yesikole.

"Sizolithola iqiniso uma sesisemthandazweni," kusho uLili. "Siya khona emizuzwini embalwa nje." Baya esikoleni benethemba kakhulu ngesikole sabo kanye nothisha omusha.

(nguTom Palmer)

Funda indaba ebhalwe nguTom Palmer futhi. Yinikeze isihloko lendaba.

Masibhale



Yini abajabulela kakhulu ukuyenza laba bantwana abane?

Balitholile na ithuba lokudlala ibhola lezinyawo ngesikhathi samaholidi? Yisho ukuthi ngani.

Abantwana babehlala eduze kojantshi wesitimela. Kungani ucabanga ukuthi kwakunezinkinga lokhu?

Ucabanga ukuthi kwakulula ukuthi bafunde kahle esikoleni? Yisho ukuthi ngani.

Babehlukene ngani omunye komunye oZakhe, uLili noKhetha?

Bhala isifinyezo sale ndaba sibe yimisho emithathu.

Abantwana babezimisele ukuhlangana nothisha wabo omusha. Ucabanga ukuthi wayengumuntu onjani lo thisha?





Masibhale

Ucelwe ukuthi ubukeze indaba ebhalwe ngu Tom Palmer. Yibukeze ngaphansi kwalezi zihlokwana. Uma sewubhalile, cela umngani akulungisele amaphutha.

IMIBONO NGENCWADI EFUNDIWE

Indaba imayelana ...

Abantwana abane bathanda ...

Engikuthandile/engingakuthandanga ncwadi ...

Kufanele/akufanele uyifunde le ncwadi ngoba ...



Masibhale

Dwebela inhloko yomusho kanye nomenziwa emshweni ngamunye kulena.



Abantwana abane bathanda ibhola lezinyawo.

Othisha bapaka izimoto zabo endaweni encane yokupaka.

Uthisha omusha uthenge i-4x4."

Abantwana bahlangana emthandazweni masinya emva kokufika esikoleni. Bonke abantwana bahlala eduze nojantshi wesitimela.



Masibhale

Bhala imisho yakho usebenzise la magama.

efile

leyo

lesi

lezo



Usuku:



Masibhale

Qedela lemisho ngokusebenzisa izenzo ezikubakaki.

Isibonelo:

Izitshalo zizofa (ukunisela)

Izitshalo zizofa **ngaphandle uma uzinisela.**

Umusho onesimo esithile ubizwa ngomusho owethula isimo.
Ibinza elikhulumu ngesimo lingaqlala ngegama elithi **uma** noma **ngaphandle kokuthi.**

Izibonelo: Inyoka izongiluma **uma** ngisondela kakhulu kuyo.

Inyoka izongiluma **ngaphandle kokuba** ngingasondeli kuyo.

Abantwana abakwazi ukudlala ibhola lezinyawo (zivaliwe)

UZakhe akakwazi ukulungisa inkinga (usizo)

Abantwana ngeke baphumelele ekuhlolweni (ukufunda)

Ngeke baze baphumelele kulo mdlalo (ukudlala)

Inkundla yokudlala inodaka (izimvula)



Ukulanda
ukusebenzisa
amagama amanangi
libe likhona elilodwa
elanele.

Khetha igama elivumelana kahle nala mabinza.

manje


ngoba

isidingo

masinya

kafushane

into edingeka kakhulu
hhayi ngesinye isikhathi
kungadluli isikhathi eside
ngaphandle kokwelula
ngesizathu esithile



Landelanisa la magama ngokwe-alfabhethi.

son dela	saw ubona	she sha	suk um a	sind a	song a
sip hi	shibi lika	seben za	si size	sindisa	sabel a

TEACHER: Sign

Date



Masikhulume

Uke waya endaweni yezilwane noma ezu? Xoxela iqembu ngepaki noma ngezu. Xoxa ngesilwane sasendle noma yisiphi.

Yini engehlulwa phakathi kwengwe nehubesi? Uma kungukuthi ubukhulu obubalulekile, ingwe inganqoba. Izingwe yizilwane ezinkulu kakhulu ohlotsheni lwalezi zilwane. Zikhula zifinyelele emamitheni a-3.5 ubude, kanti zinesisindo sama-304 kg. Izingwe azinkulu nje kuphela, zinejubane futhi. Zinejubane elifinyelela ema-64 km ngehora uma zigijima ibanga elifushane. Zigxuma ibanga elingamamitha ayi-9 ukuya phambili. Kusho ukuthi ukugxuma kwazo kuzenza zibe yingozi. Akulula ukukholwa ukuthi isilwane esikhulu kangaka, esigijimayo, esinolaka, sidinga ukusizwa ukuze sikhazi ukuqhube ka nokuphila. Siyadinga kodwa ukusizwa. Ingwe yisilwane esisengcupheni yokushabalala.

Izingwe zizingelwa ngabantu abafuna izikhumba zazo kanye nezitho zomzimba. Abanye babantu baseChina nabakwamanye amazwe ase-Asia bakholelwa ekuthini izitho zomzimba wengwe zinamandla okwelapha izifo ezithile. Izingwe ziyazingelwa futhi ngabantu abangabazingeli nje. Ngamanye amazwi abantu bayazizingela izingwe ngoba bethanda ukuzingela nokubulala izilwane.

abantu banomkhuba futhi wokulimaza izindawo zemvelo ezihlala kuzo lezi

zilwane. Kudalo lezi zilwane bezitholakala endaweni esuka eTurkey ize iyofika ogwini oluseningizimu neRussia. Manje izingwe sezitholakala ziymihlanjana emincane laphaya nalaphaya eningizimu-mpumalanga kanye naseningizimu nezwekazi lase-Asia. Lokhu kwenziwa ukuthi abantu sebakhe amadolobha nemigwaqo ezindaweni obekutholakala kuzo izingwe. Namahlathi kanye nezinye izindawo sekulimele ngenxa yamapulazi kanye nezindawo eseziphenduke izimayini.

Izingwe zidinga izwe ezizohlala kulo. Ingwe yenduna idinga indawo engaba yi-100 yamakhilomitha ayizikwele ngoba lezi zilwane zihamba ngazodwana kanti zidinga indawo yazo nje ebanzi. Lokhu kusho ukuthi azifuni ukuhlanganyela indawo yazo nezinye izilwane noma ngabe lezo zilwane ziyizingwe nazo. Ngokuthi zidinga indawo enku, kulukhuni ukuzigcina endaweni ehleliwe kanye nokuziphakela uma zizoba ningi. Ukuzama ukuzivikela, kunalezo ezibanjiwe zathunyelwa eNingizimu Afrika ukuba zizophila khona njengezilwane zasendle. Leli su lisabonakala lisebenza kahle.



Masibhale

Yedlulisa amehlo kulesi siqeshana nakulokhu okubhalwe ngaphansi kwesihlokwana esithi inqolobane yamaqiniso bese uphendula le mibuzo.

Zikhula zibe ngakanani izingwe? _____

Zisinda kangakanani? _____

Zigijima ngejubane elingakanani? _____

Masifunde



INQOLOBANE YAMAQINISO

- Uháfu wabantwana bengwe awuphili kwege eminyakeni embilli yobudala.
- Abantwana bengwe bañukana nawónina beseneminyaka embilli ubudala.
- Izingwe eziningi ndawonye zibizwa ngokuthi "umhlambi".
- Izingwe zinekhone lokubhukuda, zingabhukuda ibanga elingamakhilomitha ayi-6.
- Kunezimhlóphe ngombala ezingeningi neze. Isakhi somzimba esenza zibe mhlophe singaba sengweni eyodwa kweziyi-10 000.
- Izingwe zivame ukuzingela zihamba ngayinye.
- Zingaphansi kwe-10% izihlandla zokuzingela eziba yimpumelelo.
- Izingwe zigxuma ngaphézu kwebanga elide ngama-9 m.
- Eziningi izingwe zisezandleni zabantu, zingaphézu kwezingwe eziziphilela endle emhlabeni wonke.



Usuku:



Idinga izwe elingakanani ingwe yenduna ukuze iphile kahle? _____

Abantwana bamshiya unina uma beneminyaka emingaki ubudala? _____

Manje funda lesi siqeshana bese uphendula ngokucophelela imibuzo elandelayo.
Bhala izizathu ezimbili unikeze imbangela yokuzingelwa kwezingwe.

Yini inhloso enkulu yokubhalwa kwale ndaba? Thikha impendulo yakho.

- Ukunikeza abafundi ulwazi ngezingwe
- Ukuncenga abafundi ukuthi basize umhlaba ngokugcinwa kwezingwe
- Ukuchazela abafundi ngezizathu ezenza ingwe ibe sengcupheni yokushabalala


Kungani izingwe zilahlekelwe yizindawo eziphila kuzo?

--

Kungani izingwe zizingelwa kangaka?

--

Kungani kulukhuni ukuvikela izingwe?



Yikuphi kokulandelayo okuwumbono nje?

- Izingwe zikhula zifnyelele emanyathelweni ayishumi nanye.
- Kubalulekile ukuvikela izingwe zingashabalali.
- Abantu emhlabeni wonke yibo ababeke izingwe engcupheni yokushabalala.

Yikuphi kokulandelayo okuchaza kangcono igama "ukuphila njengezilwane zasendle" njengoba livela kupharagrafu yokugcina kule ndaba?

- Ukuvikela izilwane ngokuzigcina emazu
- Ukuphindisela endle izilwane ezizalelwwe ezu
- Nikeza incazelo yalesi saga "utshani obulele buvuswa wumlilo".



Yikuphi kokulandelayo okukhombisa ngokucacile ukuthi kucashunwe kule ndaba?

- Imizamo yokuvikela izingwe ifnyelele empumelelweni, kodwa zisekhona izinkinga.
- Imizamo yokuvikela izingwe ihlulekile ngaphambilini, kodwa sisekhona isizathu sokuthi kuqhutshewa nalo mkhankaso.
- Imizamo yokuvikela izingwe iphumelele ngangokuthi azisekho engcupheni yokushabalala.

TEACHER: Sign _____

Date _____



Masibhale

Okuningi ngalo mbhalo omayelana nezingwe kuliqiniso.

Uma ubhala ngamaqiniso athile kumele wazi ukuthi obhala ngakho kuliqiniso yini noma wumbono nje.

Buka loluhlu lokuqukethwe usho ukuthi yiziphi izinto ezingamaqiniso neziyimibono. Emva kwalokho thikha ikholamu elifanele.

	Amaqiniso	Imibono
Isakhiwo sezingwe		
Lapho zihlala khona		
Ezikudlayo		
Amazinyo azo		
Izingwe yizilwane ezesabekayo		
Izinhlobo ezahlukahlukene zezingwe		
Ngiyazithanda izingwe ezingamathoyisi		



Masibhale

Funda lesi siqeshana.



Ukungazivocavoci kanye nokudla kakhulu akukuhle kithina. Kumele uhambe nje kuphele uhlfafu wehora nsuku zonke. Ukungazivocavoci kubangela izinkinga zamaphaphu, zenhliziyo kanye nokuba mkhulu kakhulu. Uma udlala ukudla okungakhethekile bese ungazivocavoci ungagula nokugula. Kubalulekile ukudla amaphrotheni, amakhabhohayidrethi, izithelo kanye nemifino nsuku zonke. Ushokoledi awukhona ukudla okuhle, amaswidi neziphuzo ezibandayo akuwalungele amazinyo.

Dwebela konke okungamaqiniso. Kokelezela konke okuzwakala njengamaqiniso kodwa kuyimibono.

Kungani umbhali ekufakile konke lokho?



Ucabanga ukuthi wonke umuntu uyavumelana nombhali? Bhala imisho emibili usho ukuthi ucabangani.



Masibhale

Khetha izilwane zasendle ozithandayo. Thola amaqiniso ngazo bese uwabhala usebenzise lezi zihlokvana:

Imibono ejwayelekile (isb. "Izindlovu yizilwane zasendle.")

Usuku:



Izimpawu (isb. "Zinemiboko emide.")

Imikhuba nokuziphatha (isb. "Izindlovu ziphila emihlambini.")

Ezikudlayo (isb. "Zidla amakhasi ezitshalo.")



Bhala imisho emihlanu usebenzise igama ngalinye kulawa asemabhokisini.

izingwe

izinyathi

izinyamazane

ukuzulazula

ingulube yentaba



Kula mazwi angezansi, khetha igama elinomqondo ofana nowelinye kulawa asethebhuleni. Wabhale ethebhuleni elinesihlokwana esithi "Elinomqondo ofanayo". Emva kwalokho khetha amagama aphikisanayo uwabhale ethebhuleni ngaphansi kwesihlokwana esithi "Elinomqondo ophikayo".

kuswakeme

kumhlophe

komile

kuningi

kunejubane

kuyabukeka

kubi

kumpisholo

kusebuthongweni

kuyatotoba

kuvukile

kumbalwa

Igama	Elinomqondo ofanayo	Elinomqondo ophikayo
kuyagijima		
kumnyama		
kulele		
kumanzi		
kumbalwa		
kuhle		



TEACHER: Sign

Date



Masibhale

Thola iphephandaba noma iphephabhuku uthole kukho umbiko owuthandayo uze nawo esikoleni. Tshela iklasi ukuthi umbiko wephephandaba owuphethe umayelana nani bese ufundela iklasi. Emva kwalokho cela iqembu lakho likuphe imibono ngokufinyeza kwakho umbiko kanye nokuwufunda.

Gcwalisa ikhadi lamaphuzu labanye abafundi abaseqenjini lakho.

ISIFINYEZO	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kudinga ukubhekwa
Isingeniso	Siveza ukuthi umbiko umayelana nani.		
Umbiko	Uqobo lwabo ufanelekile. Uyanamathela esihlokweni.		
	Umethuli uyazibheka izethameli.		
Ukhulumu	Kucace akhulume nangokuzethemba.		
	Ufunda kahle acacise.		
Uyawaphakamisa	Amehlo ngenkathi efunda.		



Masifunde

Inja ilinda umniniyo

Amir Plume


uMsombuluko 2 Ncwaba

KwelaseNdiya, eDhaka— Inja yabhukuda emifuleni emithathu, yahamba amakhilomitha ayi-13, yaba semlindelweni wesonto lonke owawungaphandle ejele lapho kwakuboshwe khona umniniyo, kusho iphepha layizolo.

Ngenkathi eboshwa uSohrab Ali, injá yakhe yabhukuda yalandela isikebhe esasimthwele yawela umfula wokuqala ibheke ejele lapho ayeyoboshwa khona, kusho iphepha i-Independent Sungbad.

Abanini-sikebhe bazama ukuyixosha ngokuyethusa beyithethisa, kodwa yaqhube ka yabhukuda yalandela. Sebesejele, yahlala ngaphandle yalinda umniniyo waze waphuma emva kwasonto, mhla zingama-21 kuNcwaba, kubika iphephandaba.

"Yayilokhu ikhala injá ngaphandle kwasango, kodwa itholakale itszikizisa umsila uma ibona u-Ali, umniniyo, ngale kwamasango ejele," kubika iphephandaba.



U-Ali wayeyipha uhfafu wokudla kwakhe njalo uma bevumile. U-Ali wayeboshwe ngephutha ekude endaweni ethiwa yiNakia, esifundazweni esaziwa ngokuthi yiSherpur, esisema-130 km enyakatho-ntshonalanga neDhaka, kusho iphephandaba. Wajabula ngendlela emangazayo ngenkathi ededelwa ejele. Inja yakhe, egama layo kalishiwongo, yanswininiza ngenjabulo, ikhatha izinyawo zika-Ali ngenkathi esuka ejele ehamba esekhululekile.

Usuku:



Masibhale

Ngabe isihloko salo mbiko sihle? Yisho ukuthi ngani.

Funda lombiko ngokugijimisa amehlo uthole lokhu okulandelayo:

Yabhukuda yeqa imifula emingaki injia ilandela umniniyo?

Mangaki amakhilomitha eyawahamba injia?

Yalinda isikhathi esingakanani ejele ngaphambi kokuthi akhululwe umniniyo?

Lo mbiko wabhalwa ngaluphi usuku?

Ngubani owawubhala?

Ucabanga ukuthi bekuyise Ningizimu Afrika lapha noma yikwelinye izwe? Nikeza izizathu zempendulo yakho.

Iyiphi ipharagrafu efinyeza lo mbiko ngokunembayo – yipharagrafu yokuqala noma ngeyokugcina? Yisho ukuthi ngani.

Isithombe sivumelana kanjani nengqikithi yombiko?

Yiliphi igama ngezansi elichaza isihloko esikhulu sendaba? Usho ngani?

ukwethembeka

ukubekezela

ukuba wusizo

ukuba nomusa



Masibhale

Qondanisa amabinza namagama akwesokunxele nalawo angakwesokudla.

emlindelweni

ukuweliswa

ukukhishwa

ukunyakazisa

inja yabonakala

ejele

itshikizisa umsila

ngesikebhe

umsila

wesiboshwa



TEACHER: Sign

Date

91



Masibhale

Umugqa olandelayo.**Isikhala senyanga nosuku.****Isiqeshana**

Esihehayo
senzelwe ukudonsa
amehlo omthengi
wephephandaba.
Sinikeza ulwazi
olubalulekile.
Sethula isihloko
esiphambili.

Izimpendulo
zemibuzo: kuphi,
nini, ini, ngani,
ngubani.

Ikholamu
uMsombuluko 2 Ncwaba

KwelaseNdiya, eDhaka– Inja
yabhukuda emifuleni emithathu,
yahamba amakhilomitha ayi-13,
yaba semlindelweni wesonto lonke
owawungaphandle ejele lapho
kwakuboshwe khona umniniyo,
kusho iphepha layizolo.

Ngenkathi eboshwa uSohrab Ali, inja
yakhe yabhukuda yalandela isikebhe
esasimthwele yawela umfula wokuqala
ibheke ejele lapho ayeyoboshwa
khona, kusho iphepha i-Independent
Sungbad.

Abanini-sikebhe bazama ukuyixosha
ngokuyethusa beyithethisa, kodwa
yaqhubeke yabhukuda yabalandela.
Sebesejеле, yahlala ngaphandle yalinda
umniniyo waze waphuma emva

Inja ilinda umniniyo

Isihloko

kxesonto, mhla zingama-21 kuNcwaba,
kubika iphephandaba.

“Yayilokhu ikhala inja ngaphandle
kwesango, kodwa itholakale itsikizisa
umsila uma ibona u-Ali, umniniyo,
ngale kwamasango ejele,” kubika
iphephandaba. U-Ali wayeyipha
uhhafu wokudla kwakhe njalo uma
bevumile.

U-Ali wayeboshwe ngephutha
ekude endaweni ethiwa yiNakia,
esifundazweni esaziwa ngokuthi
yiSherpur, esisema-130 km
enyakatho-ntshonalanga eDhaka,
kusho iphephandaba. Wajabula
ngendlela emangazayo ngenkathi
ededelwa ejele.

Inja yakhe, egama layo kalishiwongo,
yanswininiza ngenjabulo, ikhotta
izinyawo zika-Ali ngenkathi esuka ejele
ehamba esekhululekile.



Masibhale

Uzobhala umbiko wephephandaba. Umbiko umayelana nabafundi
abasemkhankasweni wokwakha imali ngenhloso enhle.

Bheka amanothi ethulwe ngenhla embikweni mayelana nenja, qiniseka ukuthi umbiko ufaka
izinto ezifanayo. Qedela lesi sifinyezo esilandelayo.


Isihloko esiheha umfundi sibeke indaba ngamafushane

Umugqa olandelayo ohlelelwwe ukufaka igama lombali

Isikhala sendawo esisho ukuthi into yenzeke kuphi

Umbiko (obuye ubizwe ngomzimba wombiko) ubhalwa ngomuntu wesithathu,
unikeza imininingwane (okubaluleke kakhulu kuqala), kanti amanye amaquiniso abhalwa
ngokucacile, ngokufundeka kalula (uzobhala amazwi awukhiye wombiko wakho lapha.)

Ipharagrafu equukethe **isicaphuno** esenza umbiko uveze umbhali



Usuku:



Masibhale

Bhala umbiko wephephandaba lapha. Qala ngesihloko.



Masibhale

Hlanganisa imisho elula wenze imisho emagatshagatsha.
Sebenzisa amazwi akubakaki.

Inja yabhukuda yawela imifula emithathu. Yayilandela umniniyo. (njengoba)

Umnini-sikebhe wazama ukuyixosha. Wayengafuni ukuthi ibalandele. (ngoba)

Indoda yayisejele. Yakwazi ukupha injayayo ukudla. (kodwa)

Inja yanswininiza ngejabulo. Indoda yayikhululiwe ejele. (ngenkathi)



TEACHER: Sign Date

109 Sigibela iNtaba Yetafula

Ithemu 4 – Amasonto 3–4



Masikhulumbe



Masikhulumbe

Uke waya eNtabeni Yetafula noma wafunda ngayo? Uke wayigibela imoto ehamba ngentambo? Uma kunjalo tshela iqembu lakho ukuthi kunjani. Noma ngabe awukaze uye eNtabeni Yetafula, ungasho yini ukuthi kungabukeka kanjani ukuyibona umi phezu kwayo le ntaba?

Funda lokhu okubhalwe ngeNtaba Yetafula.



Kunemoto ehamba ngentambo enithatha iyonibeka phezulu kweNtaba Yetafula esikhathini esingangemizuzu emi-5. Nisakhuphuka nje nivele **nizibonele** ukuthi injani indawo enisaya kuyo. Le moto inephansi **eliphenduphendukayo** elenza ukuthi nikwazi ukubona nxa zonke kusukela nisasuka nje nisephansi. Uma nifika phezulu entaben, nibona ngendlela emangazayo idolobha lonke liphansi laphaya.

Izitshalo nezilwane

iNtaba Yetafula inezihlahla eziyizinhlobo ezahlukahlukene eziyi-1 460. Lokhu kuyenza ibe **Yisizinda Somhlaba Jikelele Sezitshalo**. Ezinye zalezi zitshalo nezihlahla yiCape Fynbos, okuyizitshalo ezitholakala kule ndawo kuphela. Kunezilwane eziningi kule ntaba. Kukhona izimbila, izingungumbane, izinkwe, izinyoka ezinhlobonhlobo kanye nezimvemvane. Izinyoni ongazibona ngezifana nezinkozi kanye nezincwincwi.

Izindlela ezivikelwe

Kunohlelo lokuhamba olivikelekile Iwezikathini ezimbili nsuku zonke. Kuhlanganwa endaweni ethiwa yi-Upper Cable Station nge-10:00 nange-12:00. Lolu hambo lungama-2 km ukuya phezulu entaben. Kunezindawana ezikuvumela ukuthi ulunguze ubone izindawo ezinhle kakhlulu ikakhulu engxenjeni eyaziwa ngeCape Peninsula, iDevil's Peak, iTable Bay, iSea Point kanye neClifton. Ukwazi nokubona lezi ezibizwa ngeLion's Head neRobben Island.

Okutholakalayo

Phezulu esicongweni sayo iNtaba Yetafula kunezitolo zokudla lapho umuntu ezithathela khona akuthandayo okufana neziphu zo kanye nokunye ukudla okuhle.

Izindawo ezihanjwa ngemoto yentambo

Kunendawo ebizwa ngeShop at the top okuyindawo eyakhiwa etsheni esazindlu zokuhlala. Kukuyona

Ukuthola eminye imininingwane ngezinto ezikhona ezinhle vakashela iwebhu yeNtaba Yetafula ethi: www.tablemountain.net


kuphela lapho uthola khona izinto eziningi ongazithenga eziqoshwe amagama athi iNtaba Yetafula.

- Kunemininingwane ebhalelw abavakashi
- Kunezingubo nezipho **ezehlukile**
- Kunendawo ethengisa izithombe nezitembu

Izhkhathi zemoto ehamba ngentambo

Ebusika

Imoto yokuqala ekhuphukayo - 08:30
Imoto yokugcina ekhuphukayo – 17:00
Imoto yokugcina eyehlayo – 18:00



Ehlobo

Imoto yokuqala ekhuphukayo – 08:00
Imoto yokugcina ekhuphukayo – 20:30
Imoto yokugcina eyehlayo – 21:30

Ayihambi imoto yentambo ezinsukwini ezinomoya ukuvikela izingozi.

Amanani

Uhlobo	Ukuya ubuye	Ukukhuphuka kuphela
Abadala	R205	R105
Abantwana (ngaphansi kweminyaka eyi-18)	R100	R53
Abantwana (ngaphansi kweminyaka e-4)	Mahhala	Mahhala
Kwabadala baseNingizimu Afrika kumahhala (Abaneminyaka engama-60 nangaphezulu) – veza umazisi (NgoLwezihlau kuphela)	R95	R50
Abafundi – veza ikhadi labafundi (NgoLwezihlau kuphela)	R130	R68



Usuku:



Masibhale

Dweba imigqa ukuqondanisa amagama noma amabinza anohlonze nezincazelo zavo. Bhala amagama noma amabinza anohlonze esichazamazwini sakho.

zungelezela

jikelezisa

ihlathi

kuningi

kuqashelwe

kokelezela

ifokozi

insada

kuvikelwe

zungelezisa



Masibhale

Funda isiqephu futhi uphendule le mibuzo.

Dwebela wonke amazwi obona ukuthi ayimibono nje. Yini oyiqaphela ngemininingwane enikezwe epheshaneni?

Uma ungena emotweni yentambo, kuyadingeka ukuthi ulokhu uya le nale ukuze ubone nxa zonke? Yichaze impendulo yakho.

Nikeza izinto ezintathu ezingaheha abavakashi ngokuvakashela iNtaba Yetafula.

Ngabe iNtaba Yetafula ithe qekelele yodwa? Yisho ukuthi ngani.


Kungani iNtaba Yetafula ivuleleke isikhathi eside ehlobo kunasebusika?

Izikhathi ezivulelwu ukuya entabenzi zikhombisa ukuthi ungehla noma ukhuphuke ngemoto yentambo, noma ukhuphuke kuphela. Uma ukhuphuka kuphela, ucabanga ukuthi ubuya kanjani wehle?

Kusuke kunjani lapho ungakwazi ukukhuphukela eNtabeni Yetafula? Chaza ukuthi kungani.

Uyakwazi ukuthenga izingubo ezitolo eziphezulu entabenzi. Ucabanga ukuthi lezi zingubo ungazithenga nakwenye indawo? Yichaze impendulo yakho.

Enye yezindawo ezithandekayo ongayibona uma uphezulu entabenzi yiRobben Island. Bhala imigqa emibili usho ukuthi wazini ngalesi siqhingi.



TEACHER: Sign

Date



Masibhale

Ucelwe ukuthi ubhale umbiko ngokuvakashela kwakho iNtaba Yetafula. Sebenzisa ulwazi olusepheshaneni ukubhala umbiko wakho.



Faka nokunyeocabanga ukuthi kubalulekile. Qala ngokuzilungiselela ukubhala lo mbiko bese uwubhala ulandela izihloko ezingezansi. Cela umngani akufundele wona awulungise namaphutha ngaphambili kokuwubhala kahle esikhaleni esingezansi.

Nikeza umbiko wakho isihloko. Khetha okukodwa kwalokhu, noma wakhe isihloko sakho.



Okunye ngentaba



Handwriting practice lines for the word 'Okunye ngentaba'.



Ekugcineni, dweba ebhokisini
elingenalutho, ibalazwe laseNingizimu
Afrika, ukhombise ukuthi iNtaba Yetafula
ikuphi.



Masibhale

Hlukanisa amalunga kula magama bese ushaya izandla ngelunga ngalinye.

Isibonelo: i/si/khu/mba: amalunga mane

yentambo _____

yetafula _____

kutholakalaphi _____

ezithandekayo _____

namanani _____

laseningizimu _____





Dwebela ibizo, amabinza ameleso isichasiso namabinza ameleso isandiso kule misho. Bhala usho ukuthi limeleni ibinza (ibinza elimele ibizo, ibinza elimele isichasiso noma ibinza elimele isandiso). Khumbula, ibinza ngamagama ambalwa angase angabi naso isenzo.

Izimbali ezinhle eziningi zitholakala eNtabeni Yetafula.

Indwangu yetafula phezulu entabeniso imangaza umhlaba wonke.

INTABA Yetafula itholakala eWestern Cape.

IWestern Cape yisifundazwe esinezindawo eziningi ezihehayo.

Umbonile umfana esehamba esuka eNtabeni?



Phinda ubhale le pharagrafu ufake osonhlamvukazi lapho kudingeka khona.

intaba yetafula isewestern cape. nazi izinyoni ongazibona kule ntaba: izinkozi kanye nezincwincwi. izindawo ongazibona futhi yilezi: yicape peninsula, idevil's peak, itable bay, isea point neclifton.

Ibinza elimele ibizo yidlanzana lamagama emshweni aziphathisa **okwebizo**.

Isibonelo: **UJosefa**, umfowethu, usebenza edolobheni. (**UJosefa** yibizo.)

Umfowethu omdala uye edolobheni. (**Umfowethu omdala** yibinza elimele ibizo.)

Ibinza elimele isichasiso yidlanzana lamagama emshweni aziphathisa **okwesichasiso**.


Isibonelo: UNino nguthisha **osemnkantshubomvu**. (**osemnkantshubomvu** yisichasiso.) UNino nguthisha **osekhule kakhulu ngolwazi**. (**osekhule kakhulu ngolwazi** yibinza elimele isichasiso.)

Ibinza elimele isandiso yidlanzana lamagama emshweni aziphathisa **okwesandiso**.

Isibonelo: ngihlala **lapha**. (**lapha** yisandiso.) Ngihlala kulo leli lokishi. (**kulo leli lokishi** yibinza elimele isandiso.)

Ngihlala **ezansi nomgwaqo**. (**ezansi nomgwaqo** yibinza elimele isandiso.)





Masikhulume



Masifunde

Uyazi ukuthi ikuphi indawo yezilwane ebizwa ngokuthi yiKruger National Park?

Uke waya eKruger National Park? Uma uke waya, xoxela iqembu lakho ukuthi uhambo lwakhona lwaba njani: yisho ukuthi nahlala kuyiphi indawo yokukhempa nabona ziphi izilwane. Uma ungakaze uye, yisho ukuthi kungani ufunu ukuya khona, futhi ufunu ukubona ziphi izilwane.

Ukuhambahamba endaweni yezilwane

Ukuhambahamba ngezinyawo eKruger National Park kwehluke kakhulu ekuhambeni ngemoto! UNompumelelo Mkhize wahamba izinsuku ezintathu elandela umkhondo kabhejane nemithini efuna ukukubonela eduze.

“Niyalibona leliya hlashana? Uma besihlasela, sizocasha kulona,” kunyenyeza uNompumelelo. Ayisishiyagalombili amehlo ayelevuleke kakhulu ngaleso sikhathi ebuka okuthile. Kunobhejane owawetshisa. Wonke umuntu wama akanganyakaza.

Kwehlukile ukudlula kukabhejane eduze kwemoto kunokuwubuka wetshisa emamitheni amahlanu kusuka kuwe kuya kuwona ungekho emotweni. Nasegazini uzwa eminye imizwa engajwayeleki. Ukucabanga-ke ukuthi le nqwaba yesilwane esingama-2 500 kg uma kungathiwa siyakugijimisa, kwethusa kakhulu-ke lokho!


Kwazamazama inhlabathi kwasuka uthuli emva kukabhejane. Ibanga phakathi kwethu nobhejane labonakala lifinyela, wonke umuntu wabamba umoya sama sathula sengathi sifile.

ONini benoMvubu – abaqaphi basesiqiwini – baphakamisa izandla baziyaluzisa emoyeni, ubhejane waze wabona ukuthi singabantu, wabaleka.

Wonke umuntu uhlale ephupha ngokuhlangabezana nesimo esinje – kuyethusa kodwa – uma ehamba endleleni ikakhulu esiqiwini.

Izindlela ezihanjwa ngezinyawo eKruger National Park zinezindawo ezintathu okuhlalwa kuzona ubusuku obuthathu. Kunezindawo ezinjena eziyisikhombisa sezizonke, zihlelelwe abafuna ukuhamba ngezinyawo. Lezi zindawo azithintwa ngabantu. Kunekhempu endaweni ngayinye. Yindlu encane ekahle ejwayelekile, yimigwaqo emincane esetshenziswa ngabantu abasebenza khona uma behamba beyidlanzana.

Indawo ebizwa nge-Olifants Trail Camp yona iseduzane nomfula i-Olifants River. Njalo ekuseni, ngaphambi kokuphuma kwelanga, umuntu uvuswa yimisindo yabo obhejane. Emini, kuzwakala ukucula kwezinyoni kanye nawomaqhantshela, kanti ebusuku kuvungama amabhubesi.



Usuku:



Masibhale

Funda udaba olucashunwe ephephabukwini futhi. Dwebela okuyindaba ngokubomvu. Emva kwalokho dwebela amaqiniso ngokusasibhakabhaka.

Ucabanga ukuthi ukuhamba izinsuku ezintathu endleleni esesiqwini yinto elula? Yichaze impendulo yakho.



Buka ibalazwe. Uwubone nini uNompumelelo ubhejane?



Ngawakho amazwi yisho ukuthi kwenzekeni ngenkathi bethuka bebona ubhejane.


Ucabanga ukuthi kungani bantu bejabulile kodwa bethukile futhi ngenkathi bebona ubhejane uqala ukubahlasela? Wena bewungaphatheka kanjani?

Abaqaphi besiqiwu benzani ukuxosha ubhejane?

Ucabanga ukuthi babezokwenzani enye ukuba ubhejane akabalekanga?

Buka ibalazwe.

Ikhempu iseduze kwamiphi imifula emithathu?



Ikuphi indawo enhle yokubuka izilwane?

Bayakhaphi ikhempu?



TEACHER: Sign

Date

99




Masibhale

Ucelwe ukuthi ubhale umbiko ngohambo lwakho lwezinyawo esiqiwini. Bhala umbiko wakho usebenzise lezi zihloko:

UMBIKO

Ukuchazwa kwendawo eyikhempu _____



Isehlakalo ngenkathi kuhanjwa ngezinyawo _____

Incazelو yezilwane ezabonakala _____

Okokugcina _____



Masibhale

Dwebela amabinza esenzeko kule misho.

Bahlala ngaphansi kwesihlahla babukela izinyamazane.

Abaqaphi besiqwi yibo abafaka izimpawu ezindleleni eKruger National Park.

Ubhejane ubona kuyisekhaya ehlathini.

Ikhaya lethu laliphansi kwezinkanyezi ubusuku obuthathu.

Bahamba bayolala emva kokudla kwakusihlwa.

Umusho ophelele uvame ukutholwa unenholoko, isenzo kanye nomenziwa. Isibonelo esilandelayo siveza loku okuthathu okushiwo ngenhla ngokucacile.

Isibonelo: Yena uthathha induku, 'Yena' yinhloko, 'uthathha' yisenzo, 'induku' ngumenziwa.



Masibhale

Bhala imisho yakho usebenzise la magama amiqondo-miningi.

Igama elimqondo-miningi yigama elisho izinto eziningi lilinye.

ibele _____

ibele _____

abaphansi _____

abaphansi _____



Usuku:



Masibhale

Yisho ukuthi le misho elandelayo ikuyiphi indlela yesenzo.

Umkhulu ulele ekamelweni.

Ikati lingalibamba igundane.

Umama ucula epheka ekhishini namuhla.



Masibhale

Ngabe usawakhumbula amagama abizwa ngokufanayo anencazelo engafani? Bhala imisho usebenzise la magama alandelayo.

uyabona

uyabona

induna

induna

abafana

abafana

Yini indlela yesenzo?

Yindlela umuntu ethula ngayo into ayishoyo. Kunezindlela ezimbalwa olimini.

Lapha sizobhekisa endleleni eqondile, yesimo kanye neyamandla.

Sisebenzisa eqondisayo uma sikhulumma nje ngokuqondile. Isibonelo: Umfana **welusa** izinkomo.

Sisebenzisa eqondisayo yesimo uma sichaza ukuthi umuntu ubenzani ngenkathi kwenzeka okunye. Isibonelo: UJuba uhamba edla. Isenzo 'edla' yiso esisendleleni yesimo, ngoba kungaguquka kuye ngezigaba zamabizo.

Sisebenzisa eyamandla uma shisho ukuthi umuntu uyakwazi ukwenza okuthile. Isibonelo: Mina ngingamcela ukuthi ahambe. Isenzo '**ngingamcela'** shisho ukuthi ngiyakwazi ukucela umuntu ahambe. Sisheshe sibonakale ngesakhi -nga- esisho amandla.



Masibhale

Uyingxene ye thimbala elingenele inkulumo-mpikiswano esikoleni. Ucelwe ukuthi ungenele inkulumo-mpikiswano ngalesi sihloko: "Kubalulekile ukuvakashela imvelo". Uceliwe futhi ukuthi uvumelane naso lesi sihloko. Wena-ke sewukhethe ukusebenzisa umbhalo othile ukuzesekela ngawo kule nkulumo-mpikiswano. Manje yethula imibono yakho, kodwa qala ngokuyihlela imibono leyo. Sebenzisa isikhala esilandelayo.



TEACHER: Sign

Date

Ukuzihlola

NGIYAKWAZI MANJE		
ukukhulumna ngesihloko		
ukufunda itekisi		
ukuphendula imibuzo ethile ebhekiswe etekisini		
ukwedlulisa amehlo emidatini yowlazi		
ukwethula umbono nginikeze izizathu zazo		
ukukhomba iphuzu eliphambili kanye nenhloso yombhalo		
ukukhomba amaquiniso nemibono		
ukuphendula imibuzo ngezinto engizinikiwe		
ukunikeza incazelo yesaga		
ukubhala umbiko ngisebenzia indlela engiyinikiwe		
ukusebenzia ulimi olunembayo		
ukuguqula amabizo aphikisanayo avumelane		
ukufinyenza ngiphinde ngifunde udaba olusephephandaben		
ukuqedela ikhadi lemiphumela		
ukuxoxa ngesihloko sendaba		
ukwedlulisa amehlo endaben enemidati eliqiniso		
ukubona ukuthi ipharagrafu iyayifinyenza yini indaba		
ukuqondanisa amabinzana namagama nezincazelo		
ukuhlanganisa imisho eqondile ukwakha emagatshagatsha ngisebenzia izihlanganiso		
ukudweba ibalazwe		
ukukhomba ibizo, isichasiso kanye nesandiso		
ukuphinda ngibhale ipharagrafu ngifake osonhlamvukazi		
ukuhlukanisa amagama ngamalunga		
ukukhulumna neqembu lami		
ukufunda indaba		
ukuphendula imibuzo ethile ebhekiswe encwadini		
ukubona ukuthi indaba iluhlobo luni lombhalo		
ukubikezelna imidati yowlazi		

ukuhlanganisa impilo yami nolwazi oluthile	
ukuqondanisa amagama nezaga kanye nezincazelo zazo	
ukwakha ibalazwe lembono ukuze ngilungiselele ukubhala idayari	
ukukhomba amabizo, izichasiso kanye nezandiso emishweni	
ukufunda incwadi	
ukunikeza izizathu zezipendulo zemibuzo ethile	
ukukhomba umahluko phakathi kwencwadi enezimiso nengenazo	
ukuqondanisa amagama nezincazelo zazo	
ukuhlela incwadi bese ngiyibhala	
ukubhala izabizwana esikhundleni samabizo	
ukusika indaba	
ukuphendula imibuzo ngabalingiswa, ngendikimba nangesakhiwo	
ukubeka umbono	
ukunika indaba isihloko	
ukubhala nokulungisa amaphutha encwadini	
ukusebenzia isenzeko emishweni	
ukusebenzia osonhlamvukazi	
ukuhlukanisa amagama ngamalunga	
ukubhala ngifingqe indaba	
ukwenza isibikezelna	
ukubuyekeza incwadi efundiwe ngibhale ngendlela enikeziwe	
ukukhomba inhloko nomenziwa emishweni	
ukubhala imisho ngokwemiyalelo	
ukubhala imisho ngisebenzia indlela yesimo	
ukukhetha igama elingenka kahle ebinzeni	
ukulandelanisa amagama ngokwe-alfabhethi	



Indikimba 8: Ukubhala okunhllobonhlolo

Ukuzicabangela imihlaba Ithemu 4: Amasono 5 - 6

113 Amabhayisikili 104

Ukhulumu ngezinhlolo ezhelukene zezithuthi.
Ufaka amalebulu esithombeni sebhayisikili.
Uyalubona ulwazi olubalulekile.
Ufundu umbhalo wephephandaba.
Ubeka umbono wakhe nezizathu.
Uqedela imisho esebeenzisa amagama akhe.
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.

114 Ukubhala ngokugibela ibhayisikili 106

Ubhala iphragrafu echazayo esebeenzisa izichasiso.
Uguqula izitativende zibe yimbizo.

115 Ukufunda ibalazwe 108

Ufundu ibalazwe leNingizimu Afrika axoxe okuthile ngezfundazwe.
Ufundu ibalazwe lomhlaba kanye neshithi lamaqiniso athile ngamazwe ehlukene.
Uphendula imibuzzo ngebalazwe.
Uqondanisa izaga nezincazelo zazo.

116 Umbhalo ochazayo 110

Ulungiselela abhale amapharagafu achazayo ngehlolo nobusika.
Uqondanisa izisho nezincazelo zazo.
Ubhala imisho esebeenziza inkulomo enezisho.
Uyayikhomba imishwana yebizo.
Uhlala amagama ngokwe-alfabbethi.
Ubhala imisho.

117 Ibhayisikili elehlukile 112

Ukhulumu ngemisebenzana yokuzilibazisa nezinto umuntu azithandayo.
Ufundu isigaba sokubhaliwe ngebhayisikili aphendule imibuzzo.
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.
Uphendula imibuzzo ngaleso sigaba esibhaliwe.
Ubeka umbono wakhe.
Ubhala ipharagrafu yokugcina yendaba.

118 Ibhayisikili lami 114

Udweba isithombe sebhayisikili.
Ubhala amapharagrafu amabili achazayo ngebhayisikili.
Ubhala inkondlo esebeenzisa izifaniso nezingathekiso.
Wehlukanisa amagama ngamalunga.

119 Ikhehla elingcolile 116

Uxoxa ngesithombe.
Ufundu indaba aphendule imibuzzo.
Ubeka umbono wakhe.
Unikeza isigaba sombhalo isihloko.
Ubhala ipharagrafu eyisiphetho.

120 Umlingiswa wami 118

Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.
Ulungiselela ukubhala indaba, bese eyibhala.

Imiyalelo Ithemu 4: Amasono 7 - 8

121 Ukwakha ibhena yokwamukela umuntu 120

Ukhulumu ngokufunda okubhaliwe umuntu angayilandeli imiyalelo.
Ufundu imiyalelo ngokwenza ibhena yokwemukela ofikayo.
Uphendula imibuzzo ngemiyalelo.
Wethula umbono wakhe.
Uqedela imisho.

122 Ukubhala imiyalelo 122

Ukhomba amagama angumqondophika.
Ubhala imiyalelo ibe wuhlu.
Usebeenzisa amazwi okuphoqa.
Uyazikhomba iziqalo nezijobelelo.
Usebeenzisa inhlanekezelo (metonymy).
Ubuye abhale imisho esebeenzisa izenzo ezifanele.

123 Ukulandela imiyalelo 124

Ufundu imiyalelo ngokwenza umgexo wamaGibhithe.
Ufundu imiyalelo ngokwenza amazambane aputuziwe.
Ukhomba umahluko phakathi kwamatekisi.
Uyasho ukuthi yiliphi itekisi elicacile kunelinye, anikeze izizathu.
Wethula umbono wakhe.
Uyasho ukuthi yini inhlosi yetekisi elinemiyalelo.

124 Ukubhala kabusha imiyalelo 126

Ubhala kabusha imiyalelo esebeenzisa amagama anjengokuthi: ekuqaleni, emva kwalokho, okwalandela lokho.
Unikeza imiyalelo izinombolo asebeenzise izenzo eziphooqayo.
Ukhomba umshwana osemqoka nokhonzile.

125 Umzimba wakho omuhle 128

Unikeza imiyalelo ecacile.
Ubhala amanothi ngokuhlela imiyalelo.
Ufundu itekisi ngokusebenza komzimba.
Uphendula imibuzzo ngetekisi.
Ubhala isifaniso.
Wethula umbono wakhe.
Ubhala kabusha ulwazi oluthile njengesethi lemiyalelo enikwe izinombolo.

126 no - 127 Ukulungiselela ukubhala indaba 130

Uxoxa ngezindaba ezahlukene athanda ukuzifunda.
Wakha ibalazwe lemibono.
Uyayihlelela indaba.
Ubhala indaba.





Masikhulume

Unalo ibhayisikili?

Ucabanga ukuthi kubalulekile ukugibela
ibhayisikili kunokusebenzisa imoto noma
ithekisi noma ibhasi?

Ucabanga ukuthi omasipala kumele bakwenze kube lula
kubantu ukugibela amabhayisikili? Ucabanga ukuthi
bangakwenza kanjani lokhu?



Masifunde

Faka amalebula kulesi
sithombe ngokusebenzisa
la magama.

imigodla	ijakhethi enokukhanyisayo
Ihlemethi	izibani
Insimbi	iphevumente



Singakwenza kanjani kuphephe ukuhamba ngamabhayisikili? Thikha isitatimende obona ukuthi sibalulekile.

Yilovo nalowo ohamba ngebhayisikili kumele _____ abe nensimbi ekhalayo _____ ahambe
kuphevumenti _____ afake ihelmethi _____ ahambe ezindleleni ezikhethekile zamabhayisikili
_____ angawanaki amarobhothi _____ afakele izibani ebhayisikilini _____ afake izingubo
ezikhanyisayo _____ afake izinto emigodleni.

Manje funda lo mbhalo wephephandaba.

Faka ihelmethi emgwaqweni

Ngu-Roy Mann

Ucwaningo luyakhombisa ukuthi abashayeli basondela ngapezu kwama-6cm kumgibeli webhayisikili ofake ihelmethi kunakongayifikile ngoba bathatha ngokuthi oyifakile usevuthwe kakhudlwana. Abagibeli besifazane kuqhelwa kakhulu kubo.

Lolu cwaningo lwalwenziwa nguchwepeshe wokusebenza komqondo (isayikholojisti) wakwa-MMR eCape Town, othi lolu cwaningo walwenza esebezisa okobuciko okulinganisa ukuqhela kwento kwenye. Wabuye wathola ukuthi uma efake ihelmethi abashayeli bezimoto babesondela kakhudlwana kuye kunalapho engayifikile.



Abashayeli bezimoto baye bathi: "Lo uyakwazi akwenzayo, ngeke akwenze okuxakile." Kodwa

lokhu kuyingozi ngoba noma ngubani ogibela ibhayisikili kumele afake ihelmethi.

Noma abashayeli bezimoto babebabi, babedlulele abamabhasi. Babevele bammaintsbe ogibebele ibhayisikili.

Lapho isayikholojisti ifake iwigi, abashayeli becabanga ukuthi ngowesifazane, babeqhela ngamanye ama-12cm ebhayisikilini.

Isayikholojisti ifuna ukuba lolu cwaningo lubaqwashise abantu ngezingozi ababhekene nazo abashayeli bamabhayisikili. Baningi abashayeli bamabhayisikili abalimalayo emigwaqweni. Ochwepeshe bathi ukukhula kokulimala kudalwa ukwanda kwabagibeli abangomafundana ekugibeleni, kodwa abagibebelela ukuzivocavoca nje.



Usuku:

Ukuzama ukwedlula ezinye izimoto yikho okuyingozi enku lu kubagibeli bamabhayisikili ngoba kuyenzeka abashayeli bangababoni.

Isayikholojisti yathi kungabongeka uma ucwaningo lwayo luzokwenza abashayeli banakekele, bangasondeli kakhulu

kwabagibele amabhayisikili emgwaqweni. Nangaphandle nje kokutholwe ucwaningo, abagibeli abafake amahelmethi banamathuba amakhudlwana okusinda uma beshayisene nemoto, kanti *ukusinda* kanje kubalulekile *kunokuba* nengozi.



Masibhale

Bheka isihloko sodaba lwephephandaba. Ngabe siyakumangalisa? Ngani?

Ngubani owenza ucwaningo? _____ .

Walwenzelaphi ucwaningo lolu? _____ .

Walwenza kanjani lolu cwaningo? _____ .

Wayelwenzelani lolu cwaningo? _____ .

Qedela imisho usebenzisa amazwi akho.

Abashayeli abedlula omunye umgwaqweni basondela kakhulu kubagibeli aba- _____ .

Lokho bakwenza ngoba bacabanga ukuthi laba bagibeli ba- _____ .

Abashayeli babanika isikhala esikhudlwana abagibeli aba- _____ .

_____ yibo abasondela kakhudlwana kubagibeli kunezimoto.

abantu abanangi sebeqala ukugibela amabhayisiki ukuze ba- _____ .

Abagibele amabhayisikili abafake amahelmethi banamathuba amanangi oku- _____ .

Ucabanga ukuthi abagibeli bamabhayisikili kumela beyeke ukufaka amahelmethi? Usho ngani?



Masibhale

Qondanisa igama elibhalwe ngokugqamile nalelo elisho okucishe kufane nelikushoyo elikulo mbhalo osephepheni.

ucwaningo	ukufunda	ukuhlolola	ukuphenyisisa
okuxakile	okudidayo	okubabazekayo	okuyisimanga
kuyingozi	kuyethusa	kungalimaza	akwethembekile
lubaqwashise	lubajezise	lubabize	lubaxwayise
abangomafundana	abangazi	abangejwayele	abedelelayo



TEACHER: Sign

Date

Ukubhala ngokugibela ibhayisikili



Masibhale

Bhala ipharagrafu echaza ibhayisikili ongathanda ukulithenga.
Qala ngokuyihlelela kahle.

Uma uthanda ungasebenzisa la mabinzana achazayo.

kubomvu kunemithende ephinki **izipoki ezisasiliva ezicwebezelayo** **izibambo ezibukhwebezana**
izigwedlo ezisasiliva **insimbi eluhlaza ngokugqamile** **izibani ezibomvu**
ngokucwebezelayo



Masibhale

Funda lesi siqephu bese udwebela zonke izichasiso.



Intombazana encane yashova yehla egqumeni igibele ibhayisikili layo elicwebezelayo. Yayilithole njengesipho sosuku lokuzalwa iqede iminyaka eyishumi nanye. Yayinezinwele ezinde ezigoqene ezazipheshethwa kamnandi ngumoya. Yaqale yabona inkomazi yesiNguni yase ibona imvu emhlophe enoboya obude. Isiganga sasicwele izimbali eziyiphuzi. Kwase kugcina njalo ukugibela kwayo. Lwaze lwamnandi usuku!

Manje-ke sebenzisa izichasiso ezinhlanu kulezi ezisemishweni ozakhele yona.



Usuku:



Qedela le misho ngokude usebenzisa igama elilodwa kula:

Masibhale

Iona

Ieli

elami

amanye

elihle

Ngangifuna ibhayisikili _____ ngosuku lwami lokuzalwa. Ngangifuna _____ elibizwa ngeRaleigh.
_____ lalizokwehluka kwawabanye. Ngasale sengibonga _____ abangipha ngoba kuyisipho.
Akhona phela _____ amabhayisikili abiza kakhulu.



Masibhale

Guqula izitativende zibe yimbizo usebenzisa amagama akubakaki.

Ibhayisikili eliluhlaza kwakungelentombazana encane enezinwele ezinsundu ezigoqene. (ubani)

Yayifuna ezinye izinkanyezi ezozifaka ebhayisikilini layo. (ngani)

Angingabazi ukuthi ngizothola ibhayisikili. (ini)

Ngizothola ibhayisikili lami elisasiliva ngosuku lwami lokuzalwa. (nini)

Ngizogibela ngehle eqqumeni nebhayisikili lami elisha. (ephi)



Masibhale

Guqula amagama adwetshelwe abe sesimeni esiphikayo.

Ujika masinyane, uzokuwa ebhayisikilini lapho.




Uyokhala uma enikwa ibhayisikili eliluhlaza ngosuku lwakhe lokuzalwa.

Liyana, kumele sihlale endlini.

Yilowo nalowo kumele aphume kuyogitshelwa laphaya okhalweni.

Unayo insimbi angayishaya ukuxwayisa ngokuthi uyeza.



TEACHER: Sign

Date




Masikhulume

Bheka ibalazwe leNingizimu Afrika. Xoxa ngesifundazwe sakho neqembu lakho.

Khuluma ngamagama amadolobha asesifundazweni sakho, isimo sezulu sesifundazwe kanye nokuheha abantu kuso.



Masifunde Manje-ke bheka ibalazwe lomhlaba.



Igama lezwe	Ubuningi babantu	Ubukhulu ngama-km ngezigidi
iNingizimu Afrika	50,59	1 221 037
Zimbabwe	12,97	390 757
Malawi	14,39	118 484
Mozambique	23,70	801 590
Algeria	37,90	2 381 741
Egypt	83,67	1 002 000
Nigeria	162,5	923 768
Uganda	34,13	24 1550
Argentina	40,12	2 780 400
China	1 344 wezigidi	9 706 961
Hong Kong	7,18	1 104
Brazil	201,03	8 514 877
United States	313,9	9 629 091
Australia	22,32	7 692 024
New Zealand	4,48	270 467
United Kingdom	62,74	242 900

Usuku:



Masibhale

Bheka ibalazwe laseNingizimu Afrika.



Kukhona izifundazwe ezingaki? _____

Yini igama lesifundazwe sakho? _____

Yini igama lenhlokodolobha yesifundazwe sakho? _____

Yiziphi izifundazwe eziseduze kolwandle? _____

Ngabe ikhona imifula esifundazweni sakho? Shono amagama ayo. _____

Yiziphi izinto ezidonsa izivakashi kakhulu?

Manje-ke bheka ibalazwe nezibalo zemidati yamanye amazwe omhlaba.



Yiliphi izwe elinabantu abanangi kakhulu? _____

Ngabe i-Egypt inabantu abanangi noma abancane kuneHong Kong? _____

Banangi kangakanani abantu base-United States kunabaseNingizimu Afrika? _____

Yiliphi izwe elincane kunawo onke? _____

Ngabe iMalawi inkulu noma incane kune-United Kindom? _____

Yiliphi izwe eliseduze kakhulu neNingizimu Afrika? _____

Yiliphi izwe elikude kakhulu neNingizimu Afrika? _____

Yiliphi izwe eliseduze kakhulu ne-United States? _____

Yimaphi amazwe ocabanga ukuthi abanda kakhulu kunawo onke? _____

Yimaphi amazwe ocabanga ukuthi ashisa kakhulu kunawo onke? _____



Masibhale

Qondanisa lezi zaga zase-Afrika nezincazelo zazo.

Kudinga umzi wonke
ukukhulisa ingane

Imvula ayinethi uphahla
olulodwa nje.

Umoba umnandi kakhulu
elungeni.

Yisilima kuphela esizwa
ukujula kwamanzi
ngezinyawo zombili.

Ulwazi lunjengensimu: uma
ingalinywa akuvunwa.

Izingxaki noma ngubani zize zimehlele.

Okuluhuni ukukuzuza impiweni yikho
ngokuphambili.

Sebenzisa isiphiwo onaso.

Kumele umuntu aqaphele angazifaki
engozini ngokwethembela kwangakwazi.

Bonke emphakathini kumele babambisane
ekufundiseni izingane.

TEACHER: Sign

Date



Masibhale

Uzobhala amapharagrafu achazayo ngenkathi yasehlobô neyasebusika. Ngaphambi kokubhala kumele ulungiselele kahle. Kuleyo naleyo pharagrafu kumele ubhale amazwi achazayo amanangi ngongase ukucabange.


Zama futhi ukusebenzisa okungenani isingathekiso noma isifaniso ekuchazeni kwakho.

Ukulungiselela




Masibhale

Ihlolo



Ubusika



Masibhale

Qondanisa lezi zisho nezincazelo zazo.

Ukudla indaba		Ukuhambahamba
Izilo zokwelamana		Ukudla okuningi kakhulu
Ukungaconsi phansi		Ukuxoxa
Ukwelula imilenze		Banonina munye
Iziduli zabasali		Ukuthandwa



Usuku:



Khetha izisho ezintathu kulezi ubhale imisho ngasinye ukukhombisa ukuthi zisho ukuthini.



Masibhale

Dwebela umshwana webizo emshweni ngamunye,
usho ukuthi uyinhloko yini noma ungumenziwa.

Ukuthi uzohamba yini kwamkhathaza uXola.

UMary wethemba ukuthi uzogqoka ijezi.

Umshwana webizo
yiqoqo lamagama
anenhlóko nesenzo. Lo
mshwana awukwazi
ukuzimela, kodwa
ungasebenza
njengenhlóko noma
umenziwa emshweni.

Ngiyazi ukuthi yini impendulo.

Umuntu okhuluma ngezwe laseShayina uyakwazi lokhu akushoyo!



UMiya watshela uNkk Maponya ukuthi uyiqonda kahle inkinga yabo.



Masibhale

Hlela la magama ngokulandelana kwe-alfabhethi bese ubhala imisho.


isiyaklebhuka

isizohleka

isikhulile

isixuku

isehlakalo



TEACHER: Sign _____ Date _____

Ibhayisikili elehlukile



Masikhulume

Uke uizwe usunesithukuthezi?
Uye wenzeni uma uzwu lokhu?
Uye wenzeni ukuvimba isithukuthezi?
Tshela abeqembu lakho ukuthi yini
ochitha ngayo isizungu, nokuthi yini
othanda ukuyenza.




Masifunde

Manje ake ubheke ebalazweni lomhlaba.

Ngangineminyaka eyishumi nanye ngenkathi ngiqala ukubona igaraji elidala, elinothuli elingasasebenzi. Ngangingazi ukuthi lokhu kuzogcina sekuguqule impilo yami enesithukuthezi. Umama wayengitshela zonke izinsuku ukuthi ngeke ngibe nalesi sithukuthezi uma ngizama ukuba nothando lokwenza okuthile. Kwenye inkathi bengiye ngiphenye izincwadi uthisha wami **osesempelathemba** ayenginike zona ecabanga ukuthi **zizokokhela** inhlansi yomdlandla kimi. Nokho ngangiyie ngicabange ukuthi lesi sithukuthezi akuyona into **yaphakade**.

Ngemva kwegalaji kwakukhona ibhayisikili. Kwakunamazwi abomvu ngokugqamile ayengaphansi kwesihlalo ayethi: THE EXPLORER okungukuthi **umsingamazwe**. Leli bhayisikili lalinombala omhlophe qwa linezinkinobho ezincane eziningi esibambeni. Uphawu olugqamile **Iwathi bha** noma kwakukhona upende osuthombile ngemuva, Iwawakhanga amehlo ami.



Usuku:



THE EXPLORER

Leli bhayisikili lehlukile kwamanye. Linezinto ezingi amabhayisikili ejwayelekile angenazo.

Linokuningi nje bo, kubandakanya:

- Amaphiko avulekayo (amabili ngemuva namabili ngaphambili)
- Amamisayili (izicibo) (lezi azibulali, zinezinhlamvu ezikhapha iphunga nje.)
- Isibambo (esisiza uma kuhanjwa endaweni exukuzayo noma ecwila masinyane)
- Ihuthi yemoto nokokufakwa ezindlebeni (kufake – umsindo ungaba ngamadesibheli afinyelela kuma-300)
- Izikhwama zomoya nehelmethi.
- Ingubo yokulala nomqamel (uma umuntu ezohamba ebusuku)
- Iziphuzo ezizoyizayo nokhokho oshisayo (okusezitsheni ezinamathele efulemini)
- Umshini wokubala, idayari nebhuku lokubhalela.
- Ipharashuthi
- Isixubho nomuthi wokuxubha

QAPHELA: Ungazisebenzisi zonke lezi zinto eziyikhethelo ngaphandle kwalapho wazi ukuthi ngezokwenzani.

Ngu-Emily Labran (oneminyaka eyi-10) iguquliwe yahunyushwa



Dweba umugqa ukux huma amagama abhalwe kwesokudla nezincazelo zaho. Bhala amagama amasha kuwe esichazamazwini sakho.

osesempelathemba	kukhuthazwe
zizokokhela	akasenasibindi
yaphakade	okukala umsindo
umsingamazwe	lwakhanya
lwathi bha	izikhali zempi ezidutshulwayo
amamisayili	into engapheli
amadesibheli	abahlola amazwe amasha




TEACHER: Sign _____ Date _____

Ibhayisikili lami



Masidwebe

Esikhaleni esingezansi dweba ibhayisikili olifisayo.



Masibhale

Manje-ke bhala amapharagrafu amabili achazayo ngebhayisikili lakho.

Handwriting practice lines for the sentence above.



Usuku:



Masibhale

Bhala eyakho inkondlo ngebhayisikili lakho usebenzisa izifaniso nezingathekiso.


Qala ngokucabanga ngezifaniso nezingathekiso ozozisebenzisa ngebhayisikili lakho. Sebenzisa amazwi alandelwe ngu-njenga-. Khetha amagama ohlwini olungezansi uwabhale kukholomu engakwesokunxele ethebhuleni.

kubanda njenga-
kulinga njenga-
kushisa njenga-
libalele njenga-
kuhlaba njenga-



Kukholomu emaphakathi yengeza amanye amabizo. Khetha ohlwini noma usebenzise okucatshangwe nguwe.

umoya wasehlobo
iphupho
iqhwa
ifu
impungushe
isihlalo esinyakazayo
iphilo



Kukholomu engakwesokudla bhala indawo. Khetha ohlwini noma usebenzise ozicabangela khona.

Ehlathini lezimvula
Ehlobo
Embhedeni
Emibaleni ebomvu
Kunesiphepho sesihlabathi
Lapho liduma



Masibhale

Yehlukanisa la magama ngamalunga.

Isibonelo: si/ye/za: amalunga amathathu

Izwekazi _____

litholakala _____

Mpumalanga _____

Soweto _____

Gauteng _____

Limpopo _____

Isifaniso ukugħathhanisa izinto ezimbilli ngokusebenzisa Izakħi ezifana no-njenga-, nganga-. Isibonelo: INingizmu Afrika injengomfula oluħlaza.

Isingathekiso siqħathhanisa izinto ezimbilli, kodwa asilbasebenzisi o-njenga; kodwa kuvele kuthiwe into ethile ingethile. Isibonelo: INingizmu Afrika ingumfula oluħlaza.


Ibhayisikili lami

ligijima njenga-	linesihlalo senjoloba	linezimpondo ezigobile
---------------------	--------------------------	---------------------------



TEACHER: Sign _____

Date _____



Masikhulume

Bheka lesi sithombe ukhulume ngaso egenjini lakho.

UMnu Twit lo wayeyindoda enobuso obunoboya kakhulu. Bonke ubuso babugcwele uboya ngaphandle kwesiphongo, amehlo nekhala. Uboa ebusweni bukaMnu Twit babungakhuli nje bulingane kahle njengoba kwenzeka kwamanye amadoda. Babukhula bucije sameva, bufane nobebhulashi elilukhuni. Wayebugeza kangaki-ke uMnu Twit lobu buso obunesikhatha soboya?

Impendulo ithi NAKANYE, ngisho nangamaSonto imbalala.



Masifunde

Izilevu ezingcolile

Njengoba nazi, ubuso obejwayelekile obungenaboya buba nezihlisa nje uma bungagezwa njalo; ayikho-ke into ebukeka kabi njengaley.



Kodwa ngokunye nje ngobuso obunoboya. Kukhona izinto ezinamatela kubo, ikakhulu ukudla. Isobho nje livele linamathele oboyni.

Wena nami uma sinakekela nje siyakwazi ukudla kodwa singakugcini ukudla ebusweni. Kodwa uboqaphelisa, uma uphinde ubona indoda enoboya ebusweni idla, noma ingakhamisa kangakanani akukwazi ukuba ukudla kunganamateli oboyni.

UMnu Twit-ke wayengazihluphi nakuzihlupha ngokuwukhamisa kakhulu umlomo wakhe uma edla. Yikho nje-ke (nangenxa yokuthi wayengagezi) kwakuhlale kunamathele izicucwana zokudla okudala nezinto eziningi oboyni obusebusweni bakhe. Kwakungeyizo izicucu ezinkulu nokho ngoba wayede ezesula ngembebe yesandla sakhe noma umkhono weyembe uma edla. Uma wawungabhekisia wawungazibona izicucwana ezenyanyisayo zazo zonke izinhlobo zokudla ayekudla uMnu Twit.

Wayekuthanda ukudla uTwit. Uma wawuphinda ubhekisia wawungase uzibone izinsalela ezinkudlwana zalokho ayengakwazanga ukukwesula izinyanga eziningi, njengezicuci **ezisazimpethu** zikashizi oluhlazana, noma amakhonifleksi **akhuthile**, noma umsidlana **omincimincana** kasadini obusethinini. Engizama ukukusho ukuthi uTwit lo kwakuyikhehla elenyanyisayo, elinukayo.

Kanti futhi wayeyikhehla elibi kakhulu, njengoba uzozwa nje.
Ngu-Roald Dahl (*kulungiswe kabusha*)



Usuku:



Masibhale

Ifunde futhi indaba bese uphendula imibuzo.

Ungamnika liphi igama lesiZulu uMnu Twit lo ochazwe ngenhla? Ngasiphi isizathu?

Uma ucabanga uMnu Twit ngabe yindoda ehlanzekile ehambisa konke ngokwemithetho yempilo?
Usho ngani?

Kwenzekani uma edla umuntu onentshebe?

Ucabanga ukuthi kwenzekani kulezi zicucu zokudla ezinamathela esilevini sikaTwit?

UTwit wayengabesuli ubuso ngeseviyethi emva kokudla. Wayesebenzisani esikhundleni seseviyethi?


Ucabanga ukuthi umbhali uyamthanda uTwit? Usho ngani?

Ungathanda wena ukuhlala endlini kaTwit? Usho ngani?

Nikeza lesi siqephu isihloko.



Umbhali uthi uTwit wenza into embi kakhulu. Bhala ipharagrafu uchaze le nto embi kangaka okungenzeka ukuba wayenza uTwit.



TEACHER: Sign _____ Date _____

Umlingiswa wami




Qondanisa amagama angakwesobunxele namagama noma amabinzana angakwesokudla. Bhala amagama ngokugqamile esichazamazwini sakho.

nezisihla		kunezibungu zokonakala
izicucu		kukhona osekumila kukho
sazimpethu		kunamanzana ashelelayo
akhuthile		kunamabala
mincimincana		kunezintwana ezhlephukile




Uzobhala indaba yakho ngomuntu omaziyo noma ozakhele yena nje. Indaba yakho kumele ibe namapharagrafu amane.

Qale uylungiselele le ndaba usebenzisa ibalazwe lemibono.



Umlingiswa wami



Usuku:



Masibhale

Manje-ke bhala indaba yakho. Uma usuyibhalile, cela umngani wakho ukuba
ake ayifunde akusize ekususeni amaphutha.

Handwriting practice lines for the sentence above. The lines are blue with horizontal grey lines. There are 10 sets of these lines, each starting with a small brown arrow pointing right.



TEACHER: Sign _____ Date _____

Ukwenza ibhena yokwamukela umuntu



Masikhulume

Sewake wakuthenga yini okuthile ufunu ukwakha into ethile ngakho, wase unquma ukuba ungalandeli imiyalelo? Tshela iklesi ukuthi kwakuyini nokuthi kwenzenjani. Ngabe owagcina ukwenzile kwaba yikhona owawukuhlosile?

Usuzwe ukuthi kakhona intombazana ezoba nani eklasini lenu. Nonke senifuna ukuba izizwe yemukelekile. Landelani le miyalelo.



Masifunde






Okokuqala nje yenzani okokudaya enikudingayo:

- imibala eyahlukene yokudaya izindwangu (udayi wamanzi)
- amabhanjana erabha
- amaglavu erabha
- izimabuli
- amanzi kampompi
- isiqephu sendwangu emhlophe eyisikwemitha esi-1
- intambo
- okokumakha kwemibala engasuki eminingi
- isitephula nezinsinjana zakhona




Okwenzayo:

Bopha indwangu yakho kuhambisane nedizayini oyifunayo. Bheka amadizayini emgqeni wokuqala ezithombeni. Umugqa wokuqala ukhombisa ukuthi enziwa kanjani amadizayini.

		
okusakukhanya lwelanga	imigqa	iziyingi
		
izimabuli nezintanjana zerabha	izintanjana zerabha kuphela	izimabuli nentanjana yerabha

Usuku:

Lungisa udayi ngokushiwo ezindleleni zokuwulungisa. Faka amagilavu erabha ukuvikela isikhumba sakho. Landela izixwayiso zokuphepha.



Beka isiqephu sendwangu kudayi okungenani isikhathi esiyimizuzu engama-20. Uma siqhubeka isikhathi sokuhlala kwendwangu kudayi kuyaqhube ka nokuzotha kombala waso. Ikhipe indwangu kudayi uyyakaze amanzini abandayo amanzi aze **acwebe**.

Ngokunakekela susa izintanjana zerabha nezimabuli, bese ubona idizayini yakho entsha. Awekho amadizayini amabili ayoke afane, kanti ungathola ukwehlukana kwemibala ngokudidiyela izindlela ezahlukene.

Manje-ke bhala umyalezo

Phela nifuna ukubhala umyalezo othi: "**Siyakwemukela** eklasini lethu". Sebenzisani okunemibala engasuki ukubhala izinhlamvu.

Yenzani umphetho oyi-1 cm phezulu nesikwele senu. Kubambeni kungagudluku ngezitephula. Zonke izikwele zimiseni ngendlela yokuba zenze umyalezo othi "Siyakwemukela eklasini lethu". Xhumani izikwele ngokuchushisa intambo emphethweni. Lo myalezo usungalengiswa njalo.



Masibhale Bheka imiyalelo.

Ufuna ukwenza iziyingi. Uzosebenzisani?

Kwenzekani embalenzi uma ushiya indwangu kudayi isikhathi eside?



Ungawuthola kanjani umbala othi ukukhanya?

Uma kuba khona omusha ofika eklasini lenu, nenzani ukumenza azizwe emukelekile?



Qedela le misho usebenzisa amagama akho nje.

Abadaya ngokubopha badaya indwangu ngemizuzu engama-20 _____

Bakwenza lokhu ngoba befuna _____

Uma befuna umbala othi ukukhanya banga- _____

Ukudaya ngokubopha ku- _____

Ukubhala imiyalelo



Masibhale

Qondanisa igama ngalinye nomqondophika walo.
Udwebele umqondophika.

bopha	bamba	qaqa	nqamula	yeka
ngayinye	kuphela	kanyekanye	ziziningi	ngambili
cweba	hlanzeka	gobhoza	dungeka	yima
didiyela	xova	hlanganisa	yehlukanisa	faka
ukwemukeleka	ukungafunwa	ukuzondwa	ukuhletshwa	ukuthukwa



Masibhale

Bhala uhlu lwemiyalelo ngokwenza ibhena lokwamukela umuntu.
Sebenzisa izenzo ezizwakalisa ukuphoqa.

1. Bopha isiqephu sendwangu ngezintanjana zerabha nezimabuli.
- 2.



Masibhale

Kokelezela iziqalo nezijobelelo kulelo nalelo gama kulawa bese wenza imisho
usebenzisa amagama lawo.

kancane

odumile

umbiko

thwaleka

Usuku:



Masibhale

Dweba umugqa uxhume igama ngalinye kwesobunxele nalelo elisondelene nalo ngandlela thize.

Imethonimi ibhekisa
ekusebenziseni igama
elithile ukumela okuthile
okuhlobene nalo.
Isibonelo: "Yana ehhovisi"
lapho "ihhovisi" liqonde
"uthishomkhulu"



imbokode	izisebenzi
izandla	uhulumeni
impunga	amaphoyisa
iPitoli	abesifazane
ingalo yomthetho	abadala



Masibhale

Ibhale futhi le misho usebenzise isenzo esifanele.




Okuningi kokudlala ibhola lezinyawo (kuthengwa/uthengwa) ngabaphathi.

Iphephandaba (ifika/lifika) ekuseni.

Amasameshi kajamu (uthengwa/athengwa) lapha.

Ubisi (linempilo/lunempilo) kakhulu.

Utshani (budliwa/udliwa) yizinkomo.



TEACHER: Sign

Date



Masikhulume

Ikhona yini into osewake wayakha? Tshela iklasi ukuthi yini nokuthi wayenza kanjani.



Masifunde



UMGEXO WAMI WASEGIBHITHE

Ozokudinga

- amashubhu ephasta
- intambo
- inalithi enembobo enkulu
- upende wemibala eyahlukene

Qala ngokunqamula intambo ongase ufake ikhanda kuyo, ende ngokwanele ukuba ukwazi ukuyibopha ekugcineni kwayo.

Manje-ke penda amashubhu ephasta ukuze abukeke njengobuhlalu. AmaGibhithe asendulo ayeyithanda imibala eluhlazana. Thola izithombe zemigexo namabhangela abaseGibhithe ubone eminye imibala ababeyisebenzisa.

Faka intambo enalithini enembobo enkulu.

Ngemva kokoma kukapende ebuhlalwini bephasta, ngokunakekela okukhulu faka iphasta eyanele entanjeni uze uyigcwalise. Khumbula ukushiya intambo eyanele ekugcineni. Abophe amachopho entambo ukuze uphelele umgexo.

Ukwenza amazambane atubuziwe

- 1 Cwecwa amazambane amabili uwaqobe abe yizingcezwana.
- 2 Amazambane avale ngamanzi uwabilise imizuzu eyi-15 noma aze athambe.
- 3 Faka amazambane abilisiwe esitsheni nesigaxana sebhotela, ikwata lenkomishi yobisi kanye nemvushwana kasawoti.
- 4 Tubuza amazambane ngokokuwatubuza aze athambe abe sakhilimu.



Usuku:



Masibhale

Yiziphi izinto ezimbili ozozenza?

La masethi amabili emiyalelo yini afana ngayo?

La masethi amabili emiyalelo ehluke ngani?

Yiliphi isethi lemiyalelo olithola licacile kunelinye? Usho ngani?

Ucabanga ukuthi uyoke uwufake umgexo owenziwe ngobuhlalu bephasta? Usho ngani?

Ubuhlalu bephasta ungabupenda bube mbala muni? Shono ukuthi yini ukhethe lowo mbala.

Yini eyenza ukuba kushiywe intambo eyanele ekugcineni kwentambo uma kwenziwa umgexo?

Uma ucabanga yini inhoso yamatekisi emiyalelo? Faka ithikhi eduze kolwazi obona ukuthi luyadingeka.

- Imiyalelo nenqubo yokwenza izinto kukunika izinyathelo ezilandelanayo zokwenza into.
- Amatekisi anje abhalelwwe ukusisiza ukuba senze into ngendlela efanele.
- Imiyalelo nemithetho ingabhalwa ngezindlela ezahlukene.
- Ingafakwa nemidwebo nezithombe.
- Imiyalelo ixoxa indaba.
- Imiyalelo ikutshela nangomuntu oyibhalile imiyalelo leyo.

Manje-ke yisho ukuthi imisho ongayithikhanga ayidingeki ngani.



TEACHER: Sign

Date

Ukubhala kabusha imiyalelo



Masibhale

Bheka imiyalelo yokwenza umgexo wamaGibhithe.
Ibhale futhi imiyalelo usebenzisa la mazwi:

Okokuqala

Okulandelayo

Okubuye kulandele

Ekugcineni

Buye ulubhale futhi ulwazi olutholakalayo, manje izinto zilandelane ngendlela yakhona.
Sebenzisa isimo sesenzo esiphoqayo.

1. Nqamula

Usuku:



Masibhale

Dwebela umshwana osemqoka bese uzungelezela okhonzile kulowo nalowo musho kulena.

Angifuni ukuhamba uma unghambi wena.

Wagijima waya eklasini edonsa isikhwama sakhe.

Ngaphandle komngani wami ophambili, bengingeke ngawenza umgexo wamaGibhithe.

Esethemba ukuthi uzothola usizo ekulungiseni amazambane atubuziwe, walindela unina.



Masibhale

Lowo nalalo musho kulena unebinzama elencikile eliveza ulwazi oluthile: faka ikhoma ngapha nangapha kwebinzana elencikile.

Intombazana yesikole ibambe isikhwama sayo yagijima ephasiji.

Izigidi zabantu ngisho abaseyizingane sebefuna ukusebenzi omakhalekhukhwini abasha.

Umuthi ubulokhu untengantenga waze wawela phansi.

Umcabango wami ngaphambi kokuba ngilale bekuwumbuzo wokuthi ngizowufaka muphi umbala umgexo wami.

Amaholidi esikole ngezinyanga zasehlobo aletha intokozo enkulu.



Masibhale

Faka ithikhi kulokho okufanele kokubili lapha ngezansi. Emva kwalokho bhala imisho yakho ngamagama amathathu.

lento/le nto

lesitsha/lesi sitsha

lobu tshani/lo butshani

ummbila/umbila

imbhali/imbali

abammeli/abameli

TEACHER: Sign

Date



Masikhulume

Yikuphi ukudla othokozela ukukudla?

Tshela abeqembu lakho ukuthi ukwenza kanjani ukudla okuthandayo.
Nikeza imiyalelo ecacile.

Ngabe bonke eqenjini lakho bayizwe kahle imiyalelo yakho?



Masifunde

Isisu sakho asisenakudla, ngakho sithumela umyalezo emqondweni othi, "Akusekho lutho kimi, ngilambile!" **Ngesidumo** umqondo uthumela umyalezo emzimbeni wonke uthi, "Sekuyisikhathi sokudla kwasemini, hamba uyokudla ukuze isisu sakho singalambi." Imilenze yakho ikuyisa ebhavini ukuba uyogenza izandla zakho, bese uya ekhishini uyodla. Imilenze iyagoba emadolweni ukuze uhlale eduze netafula. Amehlo akho ayakubona ukudla etafuleni, amakhala akho akuhogele, umqondo bese uthi esiswini, "Ake ulinde, ukudla kuyeza." Isisu sisuke sijabule kakhulu size sizikhame **ngokulangaza**. Uyakuzwa nawe lokhu kukhameka kwesisu uzwe ukuthi usulambe kangakanani.

Umqondo uyakubona ukudla epuletini bese uthumela umyalezo esiswini sakho. Umlomo uqale ukukhipha **amathe**, bese ugwinja, isisu sibuye sijabule kakhulu. Umqondo wakho manje usutshela zonke izitho zomzimba ukuthi yini okumele ziyanze kanyekanye. Izingalo zakho ziyanyakaza ukuze ucoshe umese nemfologo. Izandla ziyanyakaza ukuze ziqobe inyama. Izingalo zakho zithatha ukudla zikuyise emlonyeni. Ukuhlafuna ngamazinyo ngenkathi ulimi lona lunambitha okwehlukene: okusashukela, okumuncu, okunosawoti, bese lukulungisa ukuba kube kuncane ngokwanele ukuba ungakugwinya kuye emathunjini, bese kusabalalela ezithweni ezahlukene zomzimba.

Ngenkathi wenza lokhu njalo, uyakwazi ukukhuluma, ulalele, ubuke, uzwe. Amaphaphu akho aphefumula umoya, inhliziyo iyashaya, igazi ligijima zonke izindawo emzimbeni. Umqondo wakho ufana nombhidisi we-okhestra enkulu eyenziwe yizingxenyenye ezahlukene zomzimba wakho, zona zibambisane ngendlela efanele.

Usuku:



Masibhale

Phendula le mibuzo ngesigaba osifundile.

Chaza ukuthi kwenzekani esiswini sakho lapho usulambile.

Kushiwo ngani ukuthi umqondo ufana nombhidisi we-okhestra enkulu?

Bhala izinto ezehlukene okwazi ukuzenza ngenkathi udlu.

Ukuthi "Umzimba wakho uyi-okhestra" yisingathekiso. Umzimba ufaniswa ne-okhestra ngaphandle kokusebenzisa ukuthi -"fana" noma ukuthi "njenga-". Ake usiguqule lesi singathekiso sibe yisifaniso usisebenzise emshweni wakho.

Ucabanga ukuthi kwenzekani uma ezinye izitho zomzimba zingasasebenzi kahle ngoba wena ungazinakekeli?

Sifunde futhi isigaba esingenhla ubhale ulwazi olutholakala kuso, kusukela esikhathini ugeza izandla zakho, lokhu ukubale njengesethi lemiyalelo. Ungakhohlwa ukunikeza le miyalelo izinombolo, usebenzise isenzo ngokuphoqa. Sesikwenzele imiyalelo emibili.

1.	Geza izandla zakho.
2.	Hlala etafuleni.
3.	
4.	
5.	
6.	
7.	
8.	

Ukuzihlola

NGIYAKWAZI		
ukukhuluma ngokungayilandeli imiyalelo		
ukufunda imiyalelo		
ukuphendula imibuzo		
ukubeka umbono		
ukuqedela imisho		
ukukhomba omqondophika		
ukubhala imiyalelo yezinhlobo		
ukusebenzisa isenzo sisho ukuphoqa		
ukukhomba iziphongozo nezijobelelo		
ukwakha umusho		
ukusebenzisa inhlanekezelo		
ukubhala imisho kabusha		
ukukhomba umehluko kumatekisi		
ukusho ukuthi yiliphi itekisi elicacile		
ukusho ukuthi yini injongo yetekisi		
ukukhomba umshwana osemqoka		
ukukhomba amabinzana		
ukupela amagama ngokufanele		
ukunikeza imiyalo ecacile		
ukubhala amanothi ngokuhlela imiyalelo		
ukuxoxa izindaba ezahlukene		
ukwakha ibalazwe lemibono		

Wena ubalulekile.

Umzimba wakho wonke ubalulekile.

Umzimba wakho ungowakho!



AKEKHO
UMUNTU
okufanele athinte
izitho zakho
zangasese.

Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo
uma kukhona umuntu othinta izitho
zakho zangasese.

Kufanele kubekhona umuntu
omtshelayo uma kukhona umuntu
okwenzisa izinto ongazifuni.



Lapho ungashayela khona
ucingo uma udinga usizo:

Child Line: 0800 05 55 55

SAPS Crime Stop: 086 00 10111

SAPS Emergency Number: 10111

Life Line: 0861 322 322

Child Protection Unit: 012 393 2359/2362/2363




Preparing to write a story

What stories do you like to read?

Tell your friend what kind of story you like the most.


Do you like fairy tales? Or perhaps you like stories about famous people?

Do you like stories about different places? Or do you prefer stories that are about real things?



You are going to write your own story.

But first, use this mind map to plan your story.



Let's write a story

Talk to your friend about a story you really liked.

Talk about the characters in the story.

Say what you liked most about the story.

Did the story give you information?

Write a summary of your own story.

What will it be about?

.....
.....
.....
.....
.....
.....

Who will your main characters be?

.....
.....
.....
.....
.....
.....

What information will you give?

.....
.....
.....
.....
.....
.....

Fun

Cut out the next page. Make a book. On the cover, write the title of the book.

Put your name under the title, because you are the writer. Draw a picture on the cover.

Now write your story with a beginning, a middle and an end.



BACK COVER

ABOUT THE WRITER

Write your name here.

Write your age here.

Write where you live.

8

COVER

Draw a picture here.

Write the name of the book here.

Fill in your name (you are the writer).

1

STEP 4: cut on the solid line after you have stapled your book

STEP 1: fold on the dotted line

5

4

Continue with your story here.

Continue with your story here.

Draw a picture here.

Draw a picture here.

Draw a picture here.

Draw a picture here.

Start writing your story here and go on to page 3.

Continue with your story here.

2

7

3

9

Write the middle of your story here and on page 4.

Say what happens at the end of your story here and on page 7.

Draw picture here.

Draw picture here.